


# UKUCABANGELA

 Ukuba nalesisikhathi senhlanganyelo nani bantu, kude le kuleyonyakatho eneqhwa engisanda kuphuma kuyo nje. Ngithe kumelusi wenu, phezulu endlini yakhe yokutadisha kulentambama, “Lona kuzoba omunye wemihlangano emikhulu kunayo yonke engake ngayibona, noma ngigeje intando yeNkosi.” Angikaze ngibe noSathane ukuthi alwe nami kanzima kakhulu njengoba enzile ephuma lapha. Ngenkathi uMfowethu Williams engimemile esikhathini esithile esedlule, ngithe ukungabaza kancane. Ngithe, “Ngizokwazisa kamuvanyana, ngoba ngikholelwa ekukhulekeleni izinto ngaphambi kokuba se—senze ukukhetha kwethu. Makube ukukhetha kukaNkulunkulu.”

<sup>2</sup> Futhi bengilokhu ngizizwa ngiholeleka ukuba ngize, ngoba bekuyisikhathi. . . Ngihlala ngiyithakasela iFull Gospel Business Men Fellowship. Futhi khona-ke. . . Futhi lokhu bekungokuthe xaxa, ngoba bengizothola ukuhlangana namabandla ehlukeni, abazalwane abehlukene bamahlelo ehlukeni. Ngiyathanda ukwenza lokho, nokuthi ukuba nenhlanganyelo ndawonye emabandleni ehlukeni, awo o—onke amabandla kaNkulunkulu. Ukuze kuthi-ke lapho. . .

<sup>3</sup> Ngathi, “Ngizoqiniseka manje ukuthi yiNkosi engibizayo.” Ngathi, “Ngizonika uMfowethu Williams isikhathi esincane impela ukuba athole omunye umuntu, niyazi, ukuba aphumele lapho. A—aqiniseke, ukuthi, uma esangilindile, khona-ke ngiyazi ukuthi yiNkosi, futhi uma bonke abazalwane bethi bafuna ngiphume.” Ngathi, “Baba waseZulwini, ngizovele ngikuthathele lokho phansi ngokuthi—ukuthi Ufuna ngiphumele ePhoenix.”

<sup>4</sup> Awu, khona-ke, ngalinda izinsuku eziningana. Ngacabanga, “Manje, kungcono ngimazise khona manje, ngoba yena u. . . Bazofanele bawukhangise kwi—kwiBusiness Men Voice.”

<sup>5</sup> Futhi ngakho-ke emva kokulinda izinsuku ezimbalwa, ngase ngimbiza. Wathi, “O, Mfowethu Branham, bonke abazalwane bafuna uphume.” Ngakho-ke ngathi. . . Ngizizwele nje lokho kuqhubukusha okuncane ngizofanele ngikwenze, ngakho-ke ngacabanga ukuthi leli kungaba ithuba elihle.

<sup>6</sup> Awu, ngacabanga ukuthi ngizofika nje ku—kuse—eli kancane. Futhi ngangifuna ukuya eMexico futhi ngizitholele isutukesi engangilidinga kabi kabi. Ukuthi, othile unginika imali ngesikhathi sikaKhisimusi, ukuba ngilithole, futhi ngingalithola cishe ngohhafu wenani engingalithola ngayo lapha, futhi cishe elihle ngokuphindwe kabili, ngaphesheya komngcele. Ngacabanga, “Awu, ngizokwehla ngizungeze iTexas, ngakho-

ke ngizozivumela cishe izinsuku ezintathu ezengeziwe ukuze ngikwazi ukuthenga futhi ngithole elihle, ukuze ngiphumule isikhashana endleleni.” Futhi ngangizoqala ngoLwesine.

<sup>7</sup> Futhi sonke salungela ukuqala, futhi nakhu kufika isiphapho esikhulu seqhwa ezweni lonke, futhi baze bavala imigwaqo emikhulu, yonke indawo. Futhi iNingizimu kwakungadluleki kuyo, impela. Futhi babengeke basivumele ukuba sidabule engxenyeni esenyakatho, ngaphezu kuka 66.

<sup>8</sup> Ngalinda izinsuku ezimbili, futhi ekugcineni bayivula imigwaqo, bathi, “Ungayithatha ishansi yakho.” Ngakho-ke ngasuka ngahamba.

<sup>9</sup> Ngacabanga, “Awu, kuzoba yisimo sezulu esihle.” Hhe! Angikholwa ukuthi ngake ngaba sesiphaphweni esikhulu seqhwa esibi kakhulu, empilweni yami yonke; neqhwa nesiminyamina, nakho konke emgwaqeni, nakho konke.

<sup>10</sup> Ekugcineni, omunye wabafana abaqophayo lapha, uMfowethu Maguire, imoto yakhe yamhlabuka, ephuma. Sasiqhubeka. Futhi ngakho-ke sasinokwesabekayo... Ngicabanga ukuthi ivele yaphela nje. Angicabangi ukuthi yahlubuka. Ivele yaphela nje, niyabo. Futhi ngakho-ke wathola ijeneretha endala, futhi into yayingasebenzi kahle. Futhi waphinda wayizama futhi, futhi yayingeke isebenze kahle. Wayibeka kwesinye isitolo; yayingeke isebenze kahle. Wazama okwesithathu, kwaze kwaba cishe ihora leshumi nanye nqo ubusuku obubodwa, namannje into... .

<sup>11</sup> Ngakusasa ekuseni, yaduma. Okubomvu kungaba... .Wathi shelele ngaleya. Manje, undawana-thize engilalele. Angikaze ngikuphathe ngisho kumkhwe wakhe kanye nabo. Kodwa wangithinta ehlobo, ephuma endaweni othenga udlele kuyo, wathi, “Mfowethu Branham, cela uNkulunkulu nje, futhi izosebenza kahle.”

Ngathi, “Uyakukholwa ngempela lokho na?”

Wathi, “Ngiyakukholwa.”

Futhi yasebenza kahle. Sehla.

<sup>12</sup> Ngakho-ke lapho ngifika ePhoenix, ngacabanga, “Manje inkathazo yami isiphelile.” Futhi ukuba angivukanga namhlanje ekuseni nomkhuhlane, ikhanda elibuhlungu nomuzwa.

Awu, ngithe, “Sathane... .”

<sup>13</sup> Yimpi, ngakho-ke ngilapha. Ngakho-ke silapha ukuze sijabulele lenhlanganyelo. Futhi ngizofanele ngihlangane nomelusi kulentambama, endlini yakhe yokutadisha pezulu lapha, futhi sibe nesikhathi esimangalisayo. Ibandla elincane elithandekayo kanjalo. Futhi nginilethela imikhonzo evela kubo bonke abendlu kaNkulunkulu, enhla empumalanga ephakathi, lapho ngivela khona. Futhi ngakho-ke siyazi ukuthi niphila kahle impela lapha. Sizwa ngani.

14 Futhi ngiyajabula ukubona uMfowethu Norman ehlezi ngapha kulobubusuku, ovela eTucson. Futhi nginabanye abantu. . . Ngibuka lezi zethameli ezincanyana lapha, futhi ngibona abantu abavela enhla e-Ohio, uMfowethu noDadewethu Dauch behlezi lapha. Futhi ngikholwa ukuthi lapha abantu abavela e-Iowa, behlezi emuva kwethu ngqo lapha, na—nabehlukahlukene. Bavela nje empumalanga nasentshonalanga, abanjalo yini, yonke indawo, begeleza bengena kanye kanye. Ngakho-ke siyajabula ukuba lapha.

15 Futhi manje sibuka phambili okobusuku obuhlelelwe thina ukuba sikhulume emabandleni ehlukene. Ngiyacabanga, kusasa ebusuku, sizobe siphezulu eTempe, bekuyikho na? [Umfowethu uthi, “Ya, phezulu eTempe.”—Umhl.] ETempe. Bese kuthi-ke, ngobusuku obulandelayo, ngiyacabanga, e. . . [“KwaMfowethu Outlaw.”] KwaMfowethu Outlaw. Lokho u. . . [“u 20 noRoosevelt.”] u 20 noRoosevelt Street. Bese-ke, okwahlukene. Futhi i. . .

16 Uma nina bazalwane nilapha, ukuthi ngizofanele ngigeje lobobusuku obubili, ngiyaxolisa ngalokho. Kodwa iNkosi izosinika isibusiso esincane esikhethekile ngalokho kusa kwangeSonto ukuthi sizokulungisa. Ngakho-ke kuwuhlelo oluphelele, kodwa ngomusa kaNkulunkulu sizo—sizokwenza.

17 Bese kuthi-ke ngilindele isikhathi esikhulu kulengqungquthela ezayo, lena, ingqungquthela yeBusiness Men. Ngijabule kakhulu ngethuba, mhlawumbe ngikwazi ukuhlangana nabo bonke labo bafowethu, futhi ngibaxhawule. Futhi kuyi—kuyinto ethize, ukuhlangana nabangane. Futhi thina—thina. . . Ayikho into efana nabangani.

18 Ngizocaphuna okuthize engikwenzile kumelusi kulentambama. U-Oswald J. Smith, uyindoda enkulu enomqondowezithunywa senkolo. Wayekhuluma, esikhathini esithize esedlule, eLouisville, eKentucky, kumngane wami, uDkt. Wallace Cauble. Futhi wathi kuMfowethu Cauble, wathi, “Mfowethu Cauble, ngi—ngiyakholwa ukuthi lapho owesilisa kuqala eshada,” wathi, “futhi umkakhe usemncane futhi muhle nakho konke,” wathi, “uyazi, uma kwenzeka eba kabi, eqe, njengoba sikubiza kanjalo, abaleke, aziphathe kabi, noma ngabe yini, niyazi, aphume futhi enze okungalungile,” wathi, “ufanele umshiye, noma okuthize,” wathi, “kubi, kodwa akunjalo.” Wathi, “Ungakwazi. . . Usemncane, futhi ungaqalaza, mhlawumbe, futhi uthole omunye ozolunga.” Warhi, “Khona-ke emuva kokuthi usuhlale naye isikhathi eside ngokwanele, kuze kufike abantwana,” wathi, “kulukhuni kabi, uyakwenza ngaleyonkathi, niyazi.” Wathi, “Uqala ukuqonda ukuthi uyamdinga ngempela.” Wathi, “Uma ufika cishe emashumini amahlanu,” wathi, “khona-ke angeke wenza lutho ngaphandle kwakhe.” Wathi, “Khona-ke lapho ufika emashumi

ayisikhombisa, impela angeke angeke wenza lutho ngaphandle kwakhe.”

<sup>19</sup> Kwenzekile ngacabanga, ngathi ukubeka ukuhumusha kokomoya okuncane kulokho. Ngenkathi ngisengumfundisi osemncane, yonke indoda eyenza iphutha, yayiphumile esithombeni. Yayingeke ngisho igijime emjahweni. Yilokho kuphela. Uma yayingeyena umBaptisti, yayiphumile nje esithombeni, yilokho kuphela. Niyabo? Yayifanele nje ibone izinto engizibonile, noma indoda yayinephutha ngakho konke.

<sup>20</sup> Futhi khona-ke emva kokuba sengimdadlana, ngiqala ukuqonda ukuthi, niyazi, ingubo yokulala ithi ukwendlaleka kancane. Ngibonile lapho ayefanele khona, okwakufanele adlule kukho ngakho; izingibe eziningi, umelusi webandla, nobuhlungu benhliziyo obuhambisana nakho. Ngaqonda ukuthi lengubo yokulala yendlaleka kancane phezu kwakhe, futhi, niyazi, ukuthi ukumvikela ekutholeni ukugodola. Futhi manje njengoba sehla cishe lapho engikhona manje, ngi—ngi—ngiyanitshela; siyadingana kabi kabi, angeke senze lutho neze ngaphandle komunye nomunye. Yilokho kuphela okukhona kukho.

<sup>21</sup> Futhi njengoba sibona izinsuku ziba zimbi, nezinto ngendlela eziyiyo, ngani, ngicabanga ukuthi kuhle ukuthi sihlangana ndawonye futhi sihlanganyele ndawonye. Futhi ngiyalangazelela nje ukuba nabazalwane, futhi ngikhulume nabo, kanjalonjalo. Onke amabandla ehlukene, no—nobuzalwane, ngi—ngiyakuthanda lokho. Niyabo, kungokuthize ngakho, okungokwangempela.

<sup>22</sup> Futhi ngiyacabanga, hhayi ukukhangisela leliqembu elincane lamadoda, eFull Gospel Business Men, kodwa ngiyacabanga ukuthi lelo yithuba elikhulu uNkulunkulu asinike lona sonke, lapho esingahlngana khona ngalokho, futhi singaba nenhlanganyelo. Abadwebi noma yimiphi imigqa mayelana nanoma yimaphi amahlelo, nokunye nokunye, futhi singavele sihlale ndawonye ezindaweni zaseZulwini kuKristu. Manje, ngiyaqonda ukuthi angeke kuphelele. Bazokwenza amaphutha amaningi. Ngibona awabo, nabo babona awami. Futhi ubona awami; ngibona awakho. Futhi, kodwa sifanele—fanele sihlale nomunye nomunye, futhi sifanele siqonde. Kepha ngicabanga ukuthi, ngemuva kwakho konke, uma konke kuhlolwa nxazonke, ngengxenye yami, yikhethelo. Niyabo? Kunjalo. Yilokhu.

<sup>23</sup> Ngibeke ukukhetha kwami neFull Gospel, eminyakeni eminingi edlule, futhi ngijabule kakhudlwana nsuku zonke ngakho. Futhi ngi—ngiyabonga ngokuba ngomunye wabo. Futhi nokuba nalesisehlakalo esihle sokwamukela uKristu njengoMsindisi wami, futhi, ezinzuzweni, ukuba naYe ukuba angigewalise ngoMoya waKhe oNgewe, futhi ephila enhliziyweni yami, nsuku zonke, njengofakazi kimi, ukuthi ngedlulile ekufeni nangena ekuPhileni. Ukuhlola isitshalo

sami sensindiso yami, usuku ngalunye, njengoba ngithatha uhlu lokuqukethwe. Niyabona nje indlela uMoya okimi, ukuthi Uzwakala kanjani na? Ukuthi Ubambisana kanjani nezinto zezwe na? Noma, ngabe kubekwe ngokwaseZulwini kakhulu ngangokuthi izwe libukeka lingahehi, futhi lingacacile, futhi lingcolile na?

<sup>24</sup> Ngangedlula ezansi kulomgwaqo. Ngiza lapha okokuqala, eminyakeni engamashumi amathathu-nanhlanu edlule, kulonyaka, ngo 1926, nge-T-model Ford endala. Futhi ngangihlala kuSixteenth noHenshaw. Ngiyabona sebelishintshe ngisho igama. Sekungu Buckeye manje laphaya. Ngakho-ke yonke into iyashintsha. Kodwa ngiyayibona indawo endala. Niyazi, ngagibela amahashi ngizungeza kuso sonke isigodi ezansi lapho, eSalt River, futhi ngehle ngidabule ngaleyondlela. Awu, babenezimbongolo zomthwalo ngaphesheya kwentaba lapho, izimbongolo zomthwalo zasendle, niyabo, nabahlwayi abadala babengena. He! Banabahlwayi abasangena, kodwa bakumaCadillac, ngakho-ke kusafana. Ngakho-ke seku—sekushintshe kancanyana impela.

<sup>25</sup> Kodwa ngithola ukuthi iVangeli alishintshi; lisaletsa ukwaneliseka okufanayo. Futhi ubuyela emuva, iminyaka emva kweminyaka, uthola ukuthi kuyafana. Yisehlakalo esifanayo abasemukela ePentekoste. Ngemva kweminyaka eyizinkulungwane ezimbili, akukashintshi nakancane. Sithola into efanayo, niyabo, into efanayo impela okwayenza.

<sup>26</sup> Njengoba ngibuka imigwaqo ewubukhazikhazi, futhi ngibona izindawo nezibani, ne—nezindawo ezikhanyayo, Ngacabanga, “Eminyakeni engamakhulu amathathu edlule...” Njengoba ngangikhuluma nendodana yami, ngiza ngapha. “Lesisigodi sasihleli sinokuthula futhi singenamsindo. Mhlasimbe kanye ngankathi inkentshane ikoyote yayiklewula, noma—noma umsindo othize, imbongolo yomthwalo yayikhala, noma—noma eminyakeni engamakhulu amathathu edlule.” Futhi njengoba sibuka ukuthi kube kanjani, angazi noma nithi kuphendukile noma kuhanekelwe, kulokho okuyikho manje.

<sup>27</sup> Bekungaba ukuphenduka ukuba lemigwaqo ibihamba yehla yenyuka, nabantu, bephakamisele izandla zabo kuNkulunkulu, bedumisa uNkulunkulu ngesigodi esihle, nendawo ethandekayo yokuhlala, nesimo sezulu esinempilo; nokudumisa uNkulunkulu emabandleni, nabafowethu babengabafowethu, nodadewethu, nokunye nokunye, okuphuma kwelinye izwe okukhulu komnotho kaNkulunkulu; bekungaba yindawo emangalisayo.

<sup>28</sup> Kodwa esikhundleni salokho, ngamajoyinti otshwala, amabha omculo nesitayela, ubufebe, ukubhema usikilidi, ukugembula, ukuqalekisa, ukuthuka. Ngiyacabanga nje ngeliny’ilanga ukuthi uNkulunkulu uyosula yonke into nya. Kunjalo. Futhi labo abenza ukukhetha kwabo ngaYe bayophila

futhi lapha onyakeni ongapheli, leyominyaka eyiNkulungwane enkulu ezayo.

<sup>29</sup> Futhi kusenhlosweni yami, futhi lokho engikuzele lapha ePhoenix kulobubusuku, ukuzama ukuhlanganyela, okokuqala, ukuqinisa ibandla, ukukhulekela abagulayo uma ekhona ofikela ukuzokhulekelwa. Asihlosile ukunikeza noma imaphi amakhadi omkhuleko, noma okunye nokunye. Siyeza. Singenza noma yini esingayenza ukusiza abantu. Uma umuntu othile efuna ukukhulekelwa, into kuphela oyenzayo ukucela, futhi sizobakhulekela, noma yini esingayenza. Ngithole ekhaya, emavikini ambalwa edlule, ngenza lokho, kudlula kude le noma yini enye, niyabo.

<sup>30</sup> Futhi ngiyakhumbula ngenkathi ngiqala ukuza lapha ePhoenix. Sama laphaya ebandleni likaMfowethu Outlaw, waba ngowokuqala ukungimemela ePhoenix. Futhi khonake kwakukhona elincane, ibandla elincane laseMexico elibizwa ngeGarcia, uMfowethu Garcia, ibandla elincane elikhuluma iSpanishi ezansi ndawana thize ezansi phakathi lapho. Futhi kwaba yisikhathi esimangalisa kanjani esaba naso phakathi lapho, nabantu bema emigqeni yomkhuleko, futhi bephulukiswa, ngikhuleka nje futhi ngibeka izandla phezu kwabo.

<sup>31</sup> Inkonzo isifike phezudlwana. Impela, isibenjalo. Iziphiwo seziphindaphindiwe. Kodwa ngandlela thize noma enye, ngifisa sengathi ngabe ngangisemuva nje njengoba nganginjalo endaweni yokuqala, niyabo. Nje i . . . Niyabo? Ya. Ngiyacabanga, okuningi lapha. Sikhohlwa nje ezinye zezinto abake bazifunda, ngicabanga ukuthi kungaba ngcono kakhulu. Niyabo?

<sup>32</sup> Awu, ngicabanga ukuthi indlela eya kuNkulunkulu idlula endleleni yokuthobeka nenkonzo. Ngicabanga ukuthi akukho lutho olungcono ezweni, ukusiphakamisela kuKristu, kunalokho. Uthola ukubona ukulingisa ngokwenyama, kanjalonjalo, kuyakuthuntubalisa futhi kufake okuthize kuwe. Ngi—ngifisa sengathi ngabe akukwenzanga, niyabo. Thina nje . . . Uma nje uzenzile . . . Kufana nokukhuphula. Ngicabanga ukuthi kukufaka esimweni sokudideka, lapho ongafanele ube lapho. Ufanele nje uqhelise zonke izinto, futhi uqhubeke.

<sup>33</sup> Futhi ngakho-ke ngethemba ukuthi, kulokhu, kuzoqinisa izinhlanganyelo zethu ndawonye, komunye nomunye. Khulekani ukuthi uNkulunkulu uzophulukisa abantu abagulayo abazokhulekelwa. Futhi ngaphezu kwakho konke, asindise wonke umphefumulo ongasindiswa. Angazi ukuthi bakuphi, bangobani. Ngakho-ke mina nje—njengokushumayela nje, nanoma yini engenayo, yilapho engizama khona ukubakhonzisa. Futhi ngethemba ukuthi ngolunye usuku kuleloPhakade elikhulu, nesigodi esinokuthula, mhlawumbe hhayi iMaricopa,

kodwa isigodi esithile esinokuthula ndawana thize, sizohlala ndawonye, omakhelwane kuyo yonke iminyaka engenakuphela. Yingakho silapha.

<sup>34</sup> Manje, abaningi bamile. Futhi mina . . . Nithandeka kakhulu, bengingakhuluma ubusuku bonke. Futhi—futhi ngakho-ke ngiyazi sinezinkonzo eziningana, futhi angifuni ukuthatha isikhathi esiningi kakhulu endaweni ngayinye.

<sup>35</sup> Kodwa uma nje sizokhothamisa amakhanda ethu manje ngenhlonipho ngaphambi kokuba sivule iZwi likaNkulunkulu, futhi sikhuleke.

<sup>36</sup> Baba waseZulwini onomusa, kuyinhlanhla enkulu ngempela kulobubusuku ukuphila, ukuba nethuba lokufakaza kanye futhi phambi kweBandla likaNkulunkulu ophilayo. Futhi njengoba bengikhuluma kulababantu emizuzwaneni embalwa edlule, futhi ngicabanga ngaleli elikhulu, elikhulukazi, idolobha elihle, nokho lithwele isono njengawo onke amanye amadolobha, ngangicabanga njengoba indodana yami ithe, “Kusiza ngani-ke, babayi na?”

<sup>37</sup> Ngithe, “Ndodana, kulolonke lelidolobha kuhlakazeke iBandla likaNkulunkulu ophilayo. Yileloqembu esiliphakamisele phezulu phambi kukaNkulunkulu. Yilowo—lowo abangcwele.”

<sup>38</sup> Njengoba uPawulu kumele ukuthi wabheka phezulu kweRoma, nezinkulungwane zayo eziningi zesibalo sabantu, nanjengezindawo ezahlukahlukene aya kuzo, wayezobona umuzi uphendulelwe ekukhonzeni izithombe. Kodwa kwakukhona amagugu kulowomuzi, okwakudingeka awasebenzele. Baphumule ngaleya, balindele ukuvuka kwabantu bonke ngosuku lokugcina, esikholwa ukuthi sekuseduze.

<sup>39</sup> Sikhulekela lonke ibandla ePhoenix. Ngalinye lawo, Baba, sikhulekela ukuthi Uzothulula uMoya waKho phezu kwawo onke. Kwangathi kungaba khona izibani ezinjalo ezivutha ngenxa yeVangeli, kuze kufiphale izibani zalamanayithiklabhu nezindawo ezingekho emthethweni ezidayisa utshwala. Siphe khona, Nkosi. Kwangathi izinhliziyu zabantu zingomela Wena kakhulu ngalesisikhathi sokuvakashelwa, futhi sengathi Ungasivakashela ngempela, Nkosi. Sivakashele ngoMoya waKho, futhi uWuthululele phezu kwethu ngezilinganiso ezinkulu, Nkosi.

<sup>40</sup> Busisa ingqungquthela ezayo. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi kuzoba nosomabhizinisi abaningi, nabanye, abazoholelwa kulesisehlakalo esikhulu sokwazi uKristu ngombhaphathizo kaMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi.

<sup>41</sup> Busisa lelibandla ukuthi silapha kulobubusuku, umelusi walo omncane othandekayo, ubulona—lona bonke, Nkosi. Limi lapha njengesibonelo. Lingukukhanya kulelidolobha,

ukuthi abantu bangabona vindlela yeqiniso. Ngiyakhuleka ukuthi Uzokwenza amalungu alo abe nobusawoti obuningi kangangokuthi wonke umuntu ongumakhelwane, nasedolobheni lonke, uzokomela ukuba njengabo.

<sup>42</sup> Manje, ngiyazi ukuthi Utshala lamabandla lapha ngenjongo. Bama njengofakazi ngokumelene nobubi. Futhi kukhona ubufakazi kubo bokuthi uNkulunkulu ulungile futhi uqinisile. Ngiyakhuleka ukuthi Uzobabusisa, Baba, ngokuchichimayo.

<sup>43</sup> Manje, kulengxenye ezayo yenkonzo kulobubusuku, akungabazeki ngaphandle kwalokho Osuvele uthululele izibusiso zaKho phezu kwabo. Sikhulekela ukuthi Uzosibusisa, Nkosi, ngoBukhona baKho obukhulu. Khuluma ngathi, ngeZwi, kuMoya. Siyacela eGameni likaJesu. Amen.

<sup>44</sup> Kulentambama njengoba bengihlezi, ngifunda, amehlo ami awele phezu kwendikimba encane lapha engingahle ngifune ukuyifunda, futhi ngisebenzise okunye kwayo okwengqikithi, uma uNkulunkulu ethanda. Futhi ngibhale phansi eminye imiBhalo namanothi ambalwa, ngingathanda ukukhuluma nani kancanyana ngakho, ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

<sup>45</sup> Manje, nina enifisa ukuphenya, asiphenye kuNumeri, isahluko se 14, futhi siqale ngevesi lama 41. UNumeri 14:41, futhi sizakufunda, njengoba kuqala.

*UMose wathi, Neqelani imiyalo yeNKOSI na? kodwa akuyikuphumelela.*

*Ningenyuki, ngokuba iNKOSI ayikho phakathi kwenu; ukuba ningashaywa ebusweni besitha zenu.*

*Ngokuba ama-Amaleki namaKhanani alapho ngaphambi kwenu, niyakuwa ngenkemba: lokhu nibuyele emuva ekulandeleni iNKOSI, ngalokho iNKOSI ayiyikuba khona phakathi kwenu.*

*Ngokuzidla bakhuphukela nokho esiqongweni sentaba: kepha umphongolo wesivumelwano seNKOSI, noMose, awuphumanga ekamu.*

*Ayesehla ama-Amaleki kanye namaKhanani ayehlala e ntabeni. . .kuleyontaba, abashaya, abahlambalaza, kwaze kwaba seHorma.*

<sup>46</sup> Kwangathi iNKOSI ingenezela izibusiso zaYo ekufundweni kweZwi laYo. Ngifisa ukuthatha indikimba lapho, uma iNKOSI ithanda, endabeni yokuthi: *Ukucabangela*. Kuyi. . .

<sup>47</sup> Ngiyathanda nje ukufunda iZwi, ngoba ngiyazi ukuthi Lelo liyiqiniso. IZwi yilokho esihlala ngakho. Kufanele njalo kube yiZwi likaNkulunkulu, noma sizo—sizoqhubeka ngendlela engalungile.

<sup>48</sup> Kulotshiwe ngale kuJohane oNgcwele, ngiyacabanga, cishe isahluko se 15, “Uma nihlala kiMi, neZwi laMi



kini.” Niyabo? IZwi lihlala kini. Niyabo? “Khona-ke celani enikuthandayo, futhi kuyokwenziwa.” Ngoba, akunina. YiZwi elikini. Futhi iZwi linguNkulunkulu, niyabo, uNkulunkulu kini. UNkulunkulu uyiZwi. “Ekuqaleni wayekhona uLizwi, uLizwi wayekuNkulunkulu, uLizwi wayenguNkulunkulu. ULizwi waba yinyama wakha phakathi kwethu.”

<sup>49</sup> Manje, ekubuyeni kukaMoya oNgcwele, eletha iZwi kithi, futhi Lihlala phakathi lapho, khona-ke akusuwe okhulumayo, yiZwi ngokwaLo eliphumayo. Ngakho-ke Lona, iZwi, lizokwenza umsebenzi.

<sup>50</sup> Ukucabangela, ngathola isichazamazwi ngase ngibheka ukuthi igama elithi *cabangela* ngempela lalisho ukuthini. UWebster uthi lisho ukuthi “ukulinga ngaphandle kwegunya.” Ukucabangela noma yini, ngukuthi “ukulinga ngaphandle kwegunya langempela, noma ukuthathela phansi. Ukulinga ngaphandle kwegunya langempela, noma ukuthathela phansi. Ukwenza okuthile ngaphambi kokuthi ugunyazwe ukuthi ukwenze; ngaphandle kwegunya langempela lokukwenza.”

<sup>51</sup> Manje, sisanda kwedlula amaholide amabili amakhulu, esiwaziyo lapha eMelika ngokuthi yisikhathi sikaKhisimusi kanye noNyaka oMusha. Empeleni akusiwona uKhisimusi. Usuku esilubeke eceleni. Kusobala, siyaqonda ukuthi akulona usuku lokuzalwa lweNkosi. Yayingeke izalwe ngoDisemba zingama 25, ngoba ku—kubanda kakhulu phezulu lapho, abelusi bezimvu babengeke babe segqumeni, kanjalonjalo. Futhi uma wake waba seJudiya ngaleso sikhathi sonyaka, ubuyokwazi ukuthi kwakungesikho—kwakungesikho esikhathini sasebusika. Kodwa kucatshangwa ukuthi mhlawumpe kwakungako—Aphreli noma ngoMeyi, ngenkathi amawundlu ezalwa. Futhi njengoba Ifika ngayo yonke imvelo, njengoba nje amawundlu avamile ezalwa; YayiyiWundlu likaNkulunkulu, futhi Yazalwa ngalesosikhathi. Kodwa angicabangi ukuthi Inendaba ukuthi yiluphi usuku esilubeka eceleni, ngoba usuku lwangempela lulahlekile. Kodwa kusesikhumbuzweni sosuku lwaYo lokuzalwa.

<sup>52</sup> Esikhundleni sokuthi sikwenze kube yisikhumbuzo nosuku lokukhonza kuNkulunkulu, ngokuthumela kwaKhe iNdodana yaKhe kithi, sinomgubho. Niyabo? Sigubha uKhisimusi. Futhi akusiwo umgubho. Ungalugubha usuku lokuzalwa lukaWashington noma usuku lokuzalwa lukaLincoln. Noma olunye usuku lokuzalwa lomuntu omkhulu, ungahle ulugubhe. Kodwa uKhisimusi ufanele ube usuku lokukhonza. Sikusontile futhi sakwenza kwaba olunye lwezinsuku zohwebo olukhulu ukwedlula zonke. Konke kugxile ekudluliseleni iziphondo komunye nomunye, nokuba nemizwa ibe buhlungu uma singakwenzi, bese sizikhokha sizibuyisa. Futhi kusonteka konke nje.

<sup>53</sup> Futhi khona-ke emavikini ambalwa edlule, ngenkathi unkosikazi nami besingale enxanxatheleni yezitolo edolobhaneni lakithi elincane ekhaya, sezwa kancane ingxoxo yamantombazane amabili exoxa. Futhi enye yawo yathi, “Awu, yini oyitholele umama ngoKhisimusi na?”

<sup>54</sup> “O,” yathi, “s’thandwa, angikwazanga ukucabanga enye into ukuba ngimtholele yona. Kodwa angakujabulela kakhulu kwakuyiphakethe, noma, ibhokisi likasikilidi futhi *kanjalo*, kumama.” Futhi yathi, “Ngitholele ubabayi iphayinti likagologo.” Futhi yathi, “Uyazi lapho . . .”

<sup>55</sup> Futhi yathi, “Awu, ngiyajabula ukuthi wenze lokho, s’thandwa, ngoba ngimtholele isigejane esisha seziketekete zokudlala ipoker, uyabo.”

<sup>56</sup> Niyabo, lowo nguKhisimusi. Niyabo? Izwe lingama kanjani isikhathi eside, umgubho na? Futhi khona-ke ngicabanga ukuthi bacabangela ukuthi leyo yindlela efanele yokukwenza. Niyabo? Yilokho abacabanga ukukwenza. Kodwa bayakucabangela nje lokho. Niyabo?

<sup>57</sup> Futhi lapha kufika uNyaka oMusha. Ngemva kokufika koNyaka oMusha, ngani, ngokuvamile abantu bonke baba nephathi enkulu yoNyaka oMusha. Bese kuthi-ke kulephathi yoNyaka oMusha, bonke bathola ukudakwa okukhulukazi phakathi kwamabili. Futhi ngicabanga ukuthi babulala izono zabo, ukuba bakhohlwe konke, abakwenze onyakeni. Bavele badakwe kakhulu ukuthi bakhohlwa konke ngezono zabo. Futhi ngiqagele bayacabangela ukuthi leyo yindlela osusa ngayo izono. Kodwa banephutha. Lokho kwenza isono esiningi kuphela. Awukwazi ukulungisa noma yini ngokwenza okunye okungalungile. Ngakho-ke ukucabangela nje, ukuminzisa.

<sup>58</sup> Ngiyamangala ukuthi abantu bacabangani, ukuthi, lapho, nobumnandi bokuphuza, ukuthi bakubiza ngobumnandi. Lapho ugologo ungena emgudwini, ushisa igazi ngendlela yokuthi ubolisa ingqondo, ubuchopho, futhi uba ngongenalutho. Ingqondo yakho iboliswe kakhulu ize, ngokushisa kwalobutshwala emgudwini wegazi, ngakho-ke odokotela bayasho, ukuthi kuthi nje kwenze ingqondo yakho ingacabangi lutho.

<sup>59</sup> Ngani, uma bekukhona isifo esithile emzimbeni wakho ebesingenza ingqondo yakho ingacabangi lutho, ubungahlola lonke ihhovisi likadokotela edolobheni, ukuze uthole okuthile ukuze ukususe. Futhi nokho, abantu bagubha usuku lokuzalwa lukaKristu, futhi bezama ukucwilisa izinsizi zabo, ngokwenza ingqondo yabo ingacabangi lutho. Awuqondi, mngane wami, ukuthi, abantu, bafanele bahlangane nalokho eNkantolo yokwaHlulela na? Angeke uzedlulele ngalokho. Kodwa bacabangela ukuthi lokho kuyisiko elijwayelekile lapha kulesisizwe, kungukwenza ingqondo yakho ingacabangi lutho

ngobusuku bangaphambi kukaKhisimusi, noma ngobusuku bangaphambi koNyaka oMusha, ingqondo yakho ingacabangi lutho ngokuphuza.

<sup>60</sup> Bakubiza ngokuthi, “Ukuzijabulisa okuncane—okuncane okuhlazekile. Ubumnandi obuncane abantu okufanele babe nakho, ukubhodla.” Awu, uma lokho kuyinjabulo kuphela umuntu ake ayithola ekuphileni, bekungaba iyiphi injabulo na? Ukwenza ingqondo yakho ingacabangi lutho kakhulu okungukuthi awazi ngisho ukuthi wenzani, bese-ke ukubiza ngobumnandi.

<sup>61</sup> Manje, ngingawabona amadoda omhlaba enza lokho. Kodwa uma sekuza ebandleni lenza lokho, abantu abazibiza ngamaKristu, khona-ke kukhombisa ukuthi kube khona udicilela phansi ndawana thile, ngoba lokho akusiyo indlela okhohlwa ngayo izono. ZiseNcwadini kaNkulunkulu. Futhi indlela kuphela ezingake zisuswe ngayo, ukuzifaka oLwandle lokuKhohlwa, iGazi likaJesu Kristu, futhi khona-ke zingabe zisakhunjulwa nhlobo ngawe. Yileyo ndlela kuphela. Kodwa bayacabangela ukuthi indlela efanele ukukwenza ngendlela ejwayelekile, abantu abakwenza ngayo.

<sup>62</sup> Sinabashumayeli behlelo futhi, amahlelo amakhulu esizweni sonke, futhi lababefundisi bashumayela imfundiso yehlelo labo, becabangela ukuthi benza khona impela okulungile. Abaningi babo, kungenandaba ukuthi kuphambene kanjani nomBhalo, bayacabangela ukuthi benza kahle lapho beshumayela leyomfundiso, makube yinoma yini okungaba yiyo. Bayacabangela ukuthi yilokho nje uNkulunkulu akudingayo: isivumokholo esithile, noma inhlangotho ethile. Bacabanga ukuthi nje yilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo. Bayacabangela ukuthi bayisa abantu eZulwini ngokujoyina ibandla nje nokushumayela isivumokholo. Bacabangela ukuthi lokho kulungile, yilokho kuphela ofanele ukwenze. Iphutha elinjena pho! Lelo yiphutha elesabekayo, ukucabangela nje kulokho.

<sup>63</sup> Kunesivumokholo esisodwa kuphela eBhayibhelini: leso nguKristu. Niyabo? Sifanele nje uku—ukuMazi, kungukwazi, kungukuba nokuPhila. Ngaphandle kwalokho, ayikho indlela yokuPhila, ngaphandle kokwazi uKristu ngesehlakalo sakho esiqondene nawe naYe, futhi hhayi ngokujoyina ibandla, noma ukuphindaphinda isivumokholo. Futhi lapho sikuletha kuphela kulesosimo esingajulile, yingakho sinamaphathi okudakwa oNyaka oMusha ngamaKristu, abizwa kanjalo. Yingakho sinomgubho kaKhisimusi noNyaka oMusha, nezinye izinsuku ezingcwele, nokunye nokunye.

<sup>64</sup> Yingalesosizathu abantu benza lokho, yingenxa yokuthi yilokho kuphela abakwazi ukukwenza. Awu, impela, uma kukhona into ebangela abantu ukuba bafune ukwenza

okuthile ngalolosuku, bekufanele kube khona okwangempela okufanele kwenziwe. Kukhona okuthile ndawana thize okuyinto efanele ukwenziwa, uma lokho kuyinto engalungile ukuthi yenziwe. Ngoba, kufanele kube nokulungile kukho konke okungalungile, kungenjalo kuyoba okulungile. Ngakho-ke kufanele kube nesizathu esimelayo nesiphikisayo, okuphikisanayo nokuvumelanayo.

<sup>65</sup> Kufanele kube nedola langempela idola-mbumbulu elenziwe ngalo, noma idola-mbumbulu belingaba yidola langempela. Futhi lapho sibona i-i—ihlelo, noma i—iqembu labantu elilambele okuthile, futhi bayahamba bangene ebandleni, futhi—futhi bajoyina ibandla, bakhombisa ukuthi kukhona into ethile abayilambeleyo.

<sup>66</sup> Umphefumulo womuntu ukhalela okuthile. Uyazi ukuthi kukhona okuthile okuwulethe lapha. Bona... Uyazi ukuthi kukhona into ethile e—engale kwalapha. Bayazi ukuthi baphuma ebusukwini, futhi babuyela bangene kubo ubusuku. Futhi bafuna ukwazi ukuthi bavelaphi, nokuthi bayaphi. Manje, uma lokho kulamba kuphakathi lapho, awusoze wakuthola ngokonakalisa ingqondo yakho.

<sup>67</sup> Niyazi, ngezwa ukuthi kukhona owayesemhlanganweni lapha, esikhathini esithize esedlule. Omunye wathi, “Vele ungacabangi lutho manje. Buka nje uqonde ngqo ngasezibhakabhakeni. Ingqondo yakho mayingacabangi lutho. Uzothola isehlakalo.” Futhi akungabazeki kodwa lokho okwenzayo. Kunjalo. Kodwa, uthola isehlakalo, kodwa isehlakalo esinjena pho? Uyabona, lapho wenza lokho, uvula nje umphefumulo wakho kuSathane. Uzokunika okuthile. Yiqiniso lelo.

<sup>68</sup> Kodwa, ngiyacabanga, umuntu oza kuKristu ufanele eze nakho konke ukuhlakanipha abanakho, futhi becaphuna engqondweni yabo, lapho beza kuYe, zonke izithembiso emBhalweni. Gcina ingqondo yakho iqaphile, lapho uza kuKristu. Ungayivumeli ingabi nalutho. Udeveli uyokwenza wenze noma yini. Niyabo? Bazokunikeza idlingozi. Angakwenza lokho, futhi. Kodwa ufuna isehlakalo, okuthize okufundiswa yiBhayibheli, okuthize okungokwangempela.

<sup>69</sup> Khona-ke bayahamba, becabangela, “Awu, ukunyakaza okuncane komuzwa. Ngabona ukukhanya phambi kwami,” noma—noma okuthize okunjalo. “NgiKutholile.” Futhi abalokothi baphile ngokuhlukile. Bayaqhubeka ngqo baphume.

<sup>70</sup> Abaningi babo bayakhuphuka futhi bathi, “Yebo, ngiphindaphinda *lesi* sivumokholo. Ngikholwa ukuthi ngikahle, manje.” Manje, ucabangela ukuthi ukahle. Ucabanga ukuthi unjalo.

<sup>71</sup> Manje, lapho benza lokhu, khona-ke abantu bayafika futhi bajoyine lelibandla, becabangela ukuthi benza okulungile.

Futhi abaningi babo bachelwa kuphela ukuthi bathathe i— isivumokholo, ukuba baphile ngaso. Bafafaze amanzi amancane kubo, futhi babenze amalungu ebandla, futhi balungile, khonake. Labobantu bayaphuma, abathembekile, abantu abalungile, becabangela ukuthi basendleleni yabo eya eZulwini.

<sup>72</sup> Manje yilapho inkathazo ifika khona. Abantu abacabanga ngobuqotho bakholwa ukuthi uma bengeniswa esimweni esithile, noma endaweni ethile, noma ukwenza isithembiso esithize, noma into efana naleyo, ukuthi yilokho kuphela uNkulunkulu akudingayo. Gcina umyalo, noma uphile ngemithetho eyishumi, noma okuthize okunjalo, yenza isithembiso esithize esihle, ukuphenduka komphakathi, nika umakhelwane okuthile. Bacabangela ukuthi leyo yinkolo, futhi yilokho kuphela okufanele babe nakho. Kodwa kuyiphutha kanjani lokho.

<sup>73</sup> Manje siphila kamuva kunalokho esikucabangayo. Unyaka nonyaka, ngiza ePhoenix nakwezinye izindawo, angazi noma sizoba lapha yini okonyaka ozayo. Ngiyazibuza-ke, lapho ngihamba, “Ngabe ngi . . . Ngabe ngangithembekile na? Ngabe ngabeka yonke into ngokusobala njengoba ngangazi ukuthi Kubekwa kanjani na? Nkosi, ngabe ngayilandela imiyalo yaKho na? Ngabe ngiyishilo into eyodwa ephambene neZwi laKho, noma ngabe ngiligcinile izwi lonke kahle eZwini laKho na? Ngoba, lababantu abafanayo bayoma nami ekwaHlulelweni, futhi ngiyofanele ngizilande ngalokho engikushilo ngenkathi ngangikulendawo ethize, lapho okukhona.”

<sup>74</sup> Kodwa abantu, emva, lababefundisi, ngiyakholwa, becabangela, emva kwemfundo eningi kangaka futhi bathole iziqu zokunye nokunye, futhi bafunde isivumokholo sebandla, futhi babuyele emuva futhi bathathe umsebenzi womelusi, futhi, ngiyakholwa, ngokwethembeka nobuqotho, ukuba gotho nje njenganoma ubani engabanjalo. Kodwa ubuqotho akusikho okukwenza kube yiqiniso. Lokho, lokho akulona iQiniso ngokuphelele. Ngimile lapho mina . . .

<sup>75</sup> Lapha kungekudala eNdiya, futhi ngibabonile nesithixo esinamarubi ezindlebeni, sasibiza izinkulungwane zamadola, nobuso obubukeka besabeka kuso, obunamehlo amakhulu. Futhi ngibabonile abapristi bethela amanzi angeweke phezu kwendoda, nomzimba wayo wonke ugwele amahhuku okudoba izinhlanzi namabhola amancane amanzi elengela phansi kuwo. Futhi—futhi ngibabone bethatha u—umsele womlilo, cishe ongamayadi angamashumi amathathu ubude, mhlawumbe amafidi ayishumi ububanzi, namafidi amaningana ukujula, amalahle ashisayo amhlophe omlilo nje, futhi ubone indoda enabo bonke lokhu kuzwa ubuhlungu. Futhi mhlawumbe ngezindebe zakhe, uma wayeqambe amanga noma enze amanga athile, enza ukuzihlawulisa, akhiphe ulimi lwakhe futhi aluthunge ekhaleni lakhe, futhi agijimise imikhonto

idabule odebeni lwakhe lwangenhla, alikhiphe esiphongweni sakhe lapha, futhi awukhiphe *kanjalo*. Lonke uhlobo lwezinto ezesabekayo! Futhi abapristi bathela amanzi angeweke phezu kwakhe, ukuze. . . futhi bahlaba imbuzi ngaleyonkathi, ukwenza umhlatshele wegazi. Ukuba bahambe kulowomlilo, becabangela ukuthi benza intando kaNkulunkulu, futhi baqotho. Baqotho.

<sup>76</sup> Ezansi e-Afrika, ubabone bethatha abantwana abancane, abancane nje, abakhuluphele, abantwana abamnyama, abafo abancanyana, futhi bathathe. . . Inyanga-mthakathi ibiyothatha imimese futhi ibasike, futhi ihlikihle leyonto kayinki wamabheri ebusweni babo, futhi yone ubuhle babo, futhi iphakule amantombazane amancane, kanjalonjalo, ukwenza izintombi ngawo. Futhi lonke uhlobo lokuqhubeka kanjalo, ngokujula kobuqotho. Impela, bayakwenza. Bawele phambi kwezithombe, futhi baze banikele ngezimpilo zabo ngokujula kobuqotho. Kodwa ubuqotho abukwenzi. Bacabangela ukuthi kulungile. Bacabanga nje ukuthi kulungile.

<sup>77</sup> Futhi nina, sibuka phansi kubo, futhi sicabanga ukuthi bebefanele bafundiswe ngokwehlukile. Kodwa thina eMelika nathi sibabi nje, futhi, uma noma yini, sibabi kakhulu. Yiqiniso. Siyacabangela. Sikuthathela phansi. Siyakulinga noma-phi ngaphandle kwegunya langempela lokukwenza. Alikho igunya eBhayibhelini lokuba umKristu aphuze, agembule, aqambe amanga, nokuphuza utshwala okunokuxokozela.

<sup>78</sup> Abantu bajoyina lamabandla futhi baqhubeke ngqo ngokufanayo nje. Bajoyina lamabandla. Abesifazane bagunda izinwele zabo, bagqoke izikhindi, babheme osikilidi, impela, baqhubeke ngqo. Bacabanga ukuthi lokho kulungile. Bayacabangela ukuthi kulungile. Kodwa akulungile. Akulungile. Ngamamayela ayisigidi, akulungile. IZwi likaNkulunkulu alikusekeli. Kuphambene nakho, kodwa bacabangela ukuthi kulungile.

<sup>79</sup> Ndawana thize lapha eWest Coast. Manje, lokhu akukho phezu kwamaPresbyterian manje. Lawa ngamaPentecostal, nebandla elikhulu elihle, inhlango emangalisayo, kodwa baqhele kakhulu eZwini. Lelinenekazi lalinezinwele ezinde. Lalizenze into encane eyindilinga ngemuva kwekhanda lalo. Futhi, bona, babelizungeza, bathi, “Hheyi, isondo lakho liphantshile, ngemuva.” Bona. . . Futhi bonke behlekisa ngalo. Ngisho nomelusi walitshela ukuthi lalifanele ligunde izinwele ngoba kwakwehlukile.

Langibuza. Lathi, “Mfowethu Branham, kuthiwani ngakho na?”

Ngathi, “Ukutshela into ethile engalungile.”

Odadewethu bePentecostal benza into efanayo, njengezwe.

<sup>80</sup> Omunye washo, ngolunye usuku, wathi, “Mfowethu Branham, abantu bakuthatha njengomprofethi. Kungani ezweni

ungabafundisi labobantu ukuthi bangazithola kanjani iziphiwo zokomoya na? Yeka indlela labo abesifazane abagqoka ngayo nalawo madoda eziphatha ngayo. Kuyeke. Awunamsebenzi wokukusho. Bafundise ezinkulu, ezijulile, izinto zokomoya.”

<sup>81</sup> Ngathi, “Ngingabafundisa kanjani ongwaqa, lapho bengabazi o-ABC na?” Ungabanikeza kanjani imfundo yasekolishi; abakaphumi ngisho enkulisa? Awunawo ngisho umqondo wokuziphatha kahle ukuba uzihlanze qobo lwakho futhi uziphathe njengamaKristu, futhi ugqoke njengamaKristu, futhi uphile njengamaKristu, bese-ke ukhuluma ngeziphwiwo zokomoya. Phuma enkulisa. Bacabangela ukuthi lokho kulungile, kodwa akulungile. Awufanele ukwenze. Omama benu abakwenzanga, lokho kwakusePentekoste eminyakeni edlule. Kodwa bayakwenza.

<sup>82</sup> Futhi nani madoda, nimi kanjani, niyekele amakhosikazi enu enze lokho na? Nisesenkulisa. Niyabo? Kunjalo. Niyacabangela ukuthi konke kulungile, kodwa akunjalo. Wena uthi, “Awu, unkosikazi uzokwenza *lokhu nalokho*.” Wena uyinhloko yendlu. UNkulunkulu washo njalo. Ya.

<sup>83</sup> Uyacabangela nje ukuthi kulungile ngoba bonke bayakwenza. Angikhathali ukuthi bonke bayakwenza. Yilokho iZwi likaNkulunkulu elikushoyo. Yilokho okuliQiniso.

<sup>84</sup> Ukukucabangela nje. Niyabo? Wena uthi, “Awu, ngicabanga ukuthi kulungile, u—umelusi.”

<sup>85</sup> Anginandaba ukuthi umelusi uthini. IZwi liqinisile. IZwi yilo eliqinisile. Niyabo? Ungakucabangeli. Uzongena enkathazweni. Yenza nje lokho iZwi elithi kwenze. Yebo, mnumzane.

<sup>86</sup> Abantu, ba—bayaqhubeka nokukwenza ngokufanayo nje, kodwa bayacabangela ukuthi balungile lapho kungenjalo.

<sup>87</sup> Abantu bathi, “Awu, Ulunge kakhulu. Yena, Ulunge kakhulu ukuba akwenze. UNkulunkulu ulunge kakhulu.”

Ngiyakukholwa lokho. Ngiyakholwa ukuthi uNkulunkulu ulungile.

<sup>88</sup> Umfana oyibhungu washo, esikhathini esingeside esidlule, edolobheni lakithi, idolobha lakithi. Wathi, “Uyazi ukuthini?” Wathi, “UNkulunkulu ulunge kakhulu, Mfowethu Branham.” Wathi, “Uyazi, uNkulunkulu ulunge kakhulu, Ungivumela nje ngenze noma yini.” Wathi, “Akanandaba. Akanandaba, ngoba Ulunge kakhulu kimi.” Umbhedo!

<sup>89</sup> UNkulunkulu unguNkulunkulu olungile. Sizwa okuningi kakhulu ngaYe enguNkulunkulu olungileyo, futhi ngiyakholwa ukuthi UnguNkulunkulu olungile. Kunjalo. UnguNkulunkulu olungile. Kodwa uma EnguNkulunkulu olungileyo, Ufanele abe nguNkulunkulu onobulungiswa. Angeke asinike umyalo wokwenza enye into enye, futhi asiwulaleli futhi silindele

ukuphunyuka ekwaHlulelweni. UnguNkulunkulu wolaka futhi, uNkulunkulu wokwahlulela. Yilokho okuMenza abe nguNkulunkulu olungile, ngoba Uyaligcina iZwi laKhe. UyaLiqapha.

<sup>90</sup> Ngakho-ke angeke silindele ukwenza okungalungile, lezizinto esizenzayo, futhi sizedlulele ngazo. Qhabo. Thina nje... Akayena futhi... Akanjalo...

<sup>91</sup> Ulungile. Lelo yiqiniso. Angifuni ukuthi ningiqonde ngokungesikho. Kodwa, uNkulunkulu unguNkulunkulu olungile. Kunjalo impela.

<sup>92</sup> Kodwa, khumbulani, indlela kuphela Angalunga ngayo ngukuba nobulungiswa. Futhi uma Enobulungiswa, Uzofanele ayigcine imiyalo yaKhe uQobo. Futhi uma Egcina imiyalo yaKhe, kuyiphutha kumaKristu ukubekezelelana nezwe. Kuyiphutha. Asifanele sikwenze. Sifanele sibe ngumuntu ohlukile.

<sup>93</sup> Futhi siyakulinga kuphela, sicabangela ngaphandle kwegunya langempela. IZwi likaNkulunkulu lisinika igunya, futhi lelo yigunya esifanele sime kulo, yilokho uNkulunkulu akusho.

<sup>94</sup> Lapha u-Israyeli wacabangela ukuthi babelungile. Wayekade enguNkulunkulu olungile, lapho engifunde khona nje kuNumeri. Wayekade enguNkulunkulu olungile. Wayehlele ezansi eGibhithe, futhi wabakhipha ebugqilini. Impela. WayenguNkulunkulu olungile. “Ngani, Waze ngisho wanisa i—imana ivela ezulwini phezu kwethu.” UNkulunkulu olungile, impela. Kwakukuhle kakhulu.

<sup>95</sup> Kodwa khona-ke ngenkathi kufika esikhathini lapho iZwi laKhe lalizogwaliseka, ngenkathi lifika eKadeshi-barneya, nezinhlozi ziyabuya nobufakazi bezwe elingaphesheya, khona-ke bacabangela ukuthi bekuyolunga uma bebeyokwedlula lokho. UNkulunkulu wabathukuthelela.

<sup>96</sup> Futhi uMose wathi, “Ningakhuphukeli lapho nama-Amaleki, ngoba anikugcwalisanga lokho uNkulunkulu asitshela ukuthi sikwenze.” Niyabo?

<sup>97</sup> Umyalo wawuthi, “Ngininikile lelozwe. Hambani, lithatheni.”

<sup>98</sup> Futhi babuya nobufakazi balo, kodwa bakungabaza. Babefuna ukubuyela emuva, futhi kunalokho babuyele eGibhithe, kunokuba baqhubeke futhi balithathe, ngoba babesaba.

<sup>99</sup> Abantu abaningi kakhulu bayesaba namhlanje, ukuthi othize, umakhelwane wakho, uzosho okuthize ngokumelene nawe.



100 Izikhathi eziningi umelusi uyesaba ukusho okuthize, lokho, ngeVangeli. “Ngiyesaba kuzolimaza imizwa yomuntu othize.” Ibifanele ilinyazwe. Ifanele ilinyazwe.

101 Ngezinye izikhathi a—abesifazane bayesaba, bathi, “Mfowethu Branham . . .”

102 Njengalomphefumulo ompofu, wathi, “Ngiyesaba ukuyekela . . . Uma ngingazigundi izinwele zami, umyeni wami—wami nabobonke abesifazane . . .”

103 Awu, mfowethu, ungacabangeli kulezozinto. Thatha iZwi likaNkulunkulu ngakho. Uyazi ukuthi unomphefumulo ofanele usindiswe na? Uyaqonda ukuthi ukufa akuwuguquli lowomphefumulo na? Ukufa akuguquli lutho ngaphandle kwendawo yawo yokuhlala, noma ngabe kuyini uma ukushiya.

104 Siya ekhaya labangcwabi. Siyadabukela a—abantu ofile. Ngezinye izikhathi sifuna ukucabanga ngezinto ezinhle ukuzedlula zonke ngabo. Kunjalo.

105 Kodwa uJesu ngokuqinile kakhulu wathi, “Uma umuntu engazalwa ngokusha, akayikungena.” Ngakho-ke awukho umugqa onguhhafu.

106 Uyacabangela ukuthi waya eZulwini. Kodwa, ngokweZwi, akakwenzanga. Niyabo, uyacabangela nje ukuthi wakwenza. “Awu, wayeyilunga lebandla elilungile. Wabenzela okuhle omakhelwane.” Lokho kuhle. Siyakukholwa lokho. Kuhle lokho. Akukho okungashiwo ngokumelene naleyongxenye.

107 Kodwa niqondile yini ukuthi yini eyavimbela abantu ezweni lesethembiso na? Babengamakholwa athiyeka emngceleni. Bahamba ibanga kakhulu, kodwa abakwazanga ukuqhubekela phambili.

108 Yileyo ndlela abesilisa nabesifazane, abantu ayenzayo namuhla. Bazohamba ibanga kakhulu kuNkulunkulu. Bazothi, “Yebo, ngizo—ngizokholwa. Ngizo—ngizobhaphathizwa. Ngizokwenza *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, noma yimiphi imithetho ibandla elifanele liyibeke.” Kodwa uma sekufika ekunikeleni yonke into kuKristu, impilo yakho nakho konke, yilapho umugqa ulele khona.

109 Yilokho okwenza abantu bathi, “Awu, ngiyababuka bonke.” Futhi lapha kinina maKristu amadala, kwabasha. Izintombi zibuka abesifazane abasedala, izinsizwa zibuka kwabesilisa abadala, futhi babona indlela oziphatha ngayo, ukubona ukuthi wenzani. Futhi bayacabangela ukuthi baqinisile, yingenxa yokuthi wenza ngendlela owenza ngayo.

110 Manje, uma ibandla lePentecostal beliyophila ngempela ezingeni lalo, uma belingaphila ngalokho elizisho ukuthi linakho, khona-ke izwe beliyokomela. Kodwa uma bebona ibandla lePentecostal liphoxa, ngezinto eziningi nje, cishe impela, njengoba izwe linakho, khona-ke bayacabangela

ukuthi balungile nje njengoba wena unjalo. Kunjalo. Kunjalo. Banelungelo kukho. Niyabo? Kodwa sifanele sisuke kulokho. Angeke sakucabangela. Sibe semgqeni neZwi. Sasivamise . . .

<sup>111</sup> Manje sekucishe kube yinto engenakwenzeka impela ukuthola abantu bekhuleka, bezila ukudla, bebiza iNkosi. Kubonakala sengathi ibandla seliyozela kakhulu, liyavilapha kulezizinsuku zokugcina, kudabukisa kakhulu. Futhi ngiyakuzonda ukuza futhi ngilokhu nginyakazisa nje, futhi ngishumayela, futhi ngisho lezizinto. Kodwa, mfowethu, dadewethu, lelo yiqiniso. Angikwazi nje ukukubamba. YiVangeli, futhi lifanele lishunyayelwe. Lifanele lishunyayelwe njengobufakazi. Yiqiniso.

<sup>112</sup> Ngakho-ke ngicabanga ukuthi simane sicabangele kakhulu. Siyacabangela, ngoba sibe nesehlakalo. “Eminyakeni emihlanu edlule, Mfowethu Branham, ngangihamba ngehla ngomgwaqo, ngolunye usuku. Futhi uMoya oNgewele usanda kungibusisa nje, futhi ngiyagijima ngehla ngomgwaqo. Ngi—ngicabangile, ‘Nkosi, Ufanele ungiyise kwenye indawo, ngoba ngizoziphatha ngokungesikho emgwaqeni.”

<sup>113</sup> Mhlawumbe wawuphandle ebandleni, futhi uthole isehlakalo. Ukhulume ngezilimi, futhi ucabange, “Awu, kulungile. Sengingaqhubeka manje, futhi kulungile, ngiyababona bonke benza *lokhu*.” Uyakucabangela nje lokho.

<sup>114</sup> U-Israyeli waba nalezozehlakalo. U-Israyeli wayephumile eGibhithe. U-Israyeli wayebone izibonakaliso, nezimangaliso, nezimanga ezansi endleleni yabo. Badabula oLwandle oluBomvu, kungathi kusemhlabathini owomileyo. Babona imana iwa ivela ezulwini, njalo ebusuku. Babefakazisa izibusiso zikaNkulunkulu empilweni yabo. Kodwa khona-ke behluleka, ukungawulaleli omunye wemithetho kaNkulunkulu, futhi kwenzekani na? Isibusiso sanqamuka kubo. Futhi bacabangela ukuthi ngoba uNkulunkulu ubelunge kakhulu, Wayezovele aqhubeke, alunge, aqhubeke. Kodwa uNkulunkulu angeke akwenze lokho.

<sup>115</sup> Ngicabanga ukuthi sesifike kuleyondawana. Sesifike eKadeshi—barneya, lapho thina . . . lapho uNkulunkulu esenikeze udaba lwe—ibandla ukuba libize ukuma, futhi sibuyele empilweni yomkhuleko, sibuyele ekuzahlukaniseleni, sibuyele endaweni lapho sizihlukanisela qobo lwethu kude nezinto zezwe, futhi kude nokuhlukana kwethu okuncanyana phakathi kwethu; futhi—futhi—futhi sibuyele kuNkulunkulu, nothando lobuzalwane, nokuthobeka, sibuyele emandleni kaNkulunkulu futhi. Niyabo? Thina nje . . .

<sup>116</sup> Thina, siyacabangela nje ukuthi sigijima kahle, ngoba uNkulunkulu uyabusisa. Lokho—lokho, Wayebusisa u-Israyeli mhlampe ngosuku olufanayo abenqaba ngalo ukwenyukela lapho nokuthatha izwe lesethembiso. Usuku olufanayo

abangazikhohlwanga ngalo izinhloli, imana yawa ngokufanayo nje ngalobobusuku. Kodwa bonke babengaphandle kwentando yeNkosi. Abakwazanga ukunqoba enye impi baze babuyela emuva futhi—futhi balungisa izinto noNkulunkulu. Manje kuyi. . . Ngicabanga ukuthi sekuyisikhathi sokuba ibandla libuyele kuNkulunkulu futhi. Libuyele emuva futhi liqale njengoba belifanele lihambe, ukuze sikwazi ukuqhubeka nohambo lwethu—lwethu.

<sup>117</sup> Nokho, babazi ukuthi uNkulunkulu wayenguNkulunkulu olungileyo. Wayegwele umusa. Wayebanike umusa. Wayebabonisele inkazimulo yaKhe. Ukuthi kwakungekho kanjani. . . Ngisho izicathulo zabo sasingagugi. Izingubo zabo azizange zidlavazeke. Futhi imana yayiwa ivela ezulwini, njalo ebusuku. Babebone izimangaliso nezibonakaliso sonke isikhathi, zoBukhona bukaNkulunkulu bunabo. Nokho, bacabangela ukuthi ngoba uNkulunkulu wayenze lokho, babengakhuphukela lapho futhi bathathe leyontaba.

<sup>118</sup> Nakhu, lapho, uma sifuna iziphiwo zokomoya ebandleni, uma sifuna amandla kaNkulunkulu, namandla angempela kaNkulunkulu. Manje, ngiyakutshela, mfowethu, dadewethu, kulula kakhulu ukuthi umuntu othize akhohliswe kulokho, amadlingozi nezinto. Udeveli angalingisa cishe noma yimuphi umuzwa uNkulunkulu anawo. Niyabo?

<sup>119</sup> Kodwa, niyabo, ibandla lethu alihambi ngendlela elifanele lihambe ngayo. Siyazi ukuthi kukhona okungalungile. Niyabo? Futhi siyazi-ke, ukuthi uNkulunkulu angeke abe nathi size sithole, noma ngabe yini, iqondiswe. Ngakho-ke yisikhathi sokuba sihlole, sibone izinto esifanele sizenze, nokuthi yiziphi izinto esingafanele sizenze, bese kuthi-ke silungela futhi siqhubeke. Kulungile, izibusiso.

<sup>120</sup> USamsoni, awu, uSamsoni wayeyindoda enkulu. Wazalwa engumNaziri eNkosini. Wayenamagoda akhe ayisikhombisa ezinwele alenga ngasemahlombe akhe. Wafakazela ngesibonakaliso sakhe ukuthi wayengum—ngu—ngumNaziri eNkosini. Futhi uNkulunkulu wayelungile, nakuba abalekela abazali bakhe, futhi wehla, futhi waqala ukuhamba nowesifazane ongumFilisti. Futhi lokho kwakuphambene nesiko, noma kuphambene no-Israyeli, ukuthi ake azilulaze nomFilisti. Kodwa nakhu la ayekhona, ehlela lapho. UNkulunkulu waqhubeka embonisa isihe; kwakulungile. Futhi khona-ke yena. . .

<sup>121</sup> Wazama ukumeshelela emfihlweni yakhe. Esikhundleni sokuthi aphume ngqo futhi amtshela ukuthi angayenzi into enjalo, ukuthi wayengumNaziri eNkosini futhi wayengenakukusho, wamtshela, wathi, “Bopha izandla zami.” Waqamba amanga kuye. Niyabo? Futhi uNkulunkulu uyawathethelela amanga akhe. Futhi wagqabula izibopho, futhi

kuqhubeke kuqhubeke kanjalo. Kwaze kwathi, ekugcineni, ngesinye isikhathi ukuthi wacabangela ukuthi wayengenza noma yini ayefuna ukuyenza, azedlulele nakho.

<sup>122</sup> Iyilokho inkathazo, ukucabangela ukuthi singenza noma yini futhi nje sizedlulele nakho. “Singabantu bePentecostal, niyabo, singenza noma yini futhi sizedlulele nakho.” Angeke ukwenze. Angeke ukwenze.

<sup>123</sup> Angeke nje siqhubeke ngoba siyinhlango enkulu. Ngiyayibonga iNkosi ngalokho, ngenhlango enkulu. Lokho kuyathakaselwa. Kodwa nje angeke siqhubeke, sithi, “Sinamalungu amaningi kunomfo olandelayo, futhi ngakho-ke akekho emcintiswaneni, futhi singavele siqhubeke nje. Ngiyanitshela, sizoyeka ukwenza *lokhu*, futhi siyeke ukwenza *lokho*. Ngiyacabanga, awu, ngicabanga ukuthi *lena* yimfashini yakudala. Ngi—angicabangi ukuthi besifanele sibe nemihlango yomkhuleko, nakho konke lokhu kuqhubeke. Ngicabanga ukuthi besingafanele senze lokho.” Uyacabangela nje.

<sup>124</sup> Ngiyanitshela futhi, esikhundleni sokushumayela, sithatha abaningi kakhulu babafundi bethu ngapha, nokubagxisha bagwale isayense yezenkolo nezinto ezinjalo, Ngicabanga ukuthi kungaba ngcono ukubayisa ekamelweni eliphezulu njengoba babevamise ukuba nalo kudala, ukuze bathole isehlakalo.

<sup>125</sup> UHudson Taylor washo ngesinye isikhathi, isithunywa senkolo esikhulu eNdiya. Umfana omncane waseNdiya waphenduka, wagcwaliswa ngoMoya kaNkulunkulu. Wathi ubuso bakhe babucwebezela njengoku—kukhanya. Futhi uyangena, wathi, “Mnu. Taylor, manje ngikholwa ukuthi ngizoya esikoleni, futhi ngithathe iminyaka yami emine engaphuthela yiyo ekolishi.” Wathi, “Khona-ke ngicabanga ukuthi ngizofunda, futhi ngithole iziQu zami zoBuciko, futhi eminyakeni embalwa ngizokwazi uku—ukuphuma futhi ngishumayele iVangeli.”

<sup>126</sup> UMnu. Taylor, umKristu owaziwayo ayenguye, wathi, “Ndodana, hamba nalokho onakho manje.” Yilokho kuphela. Wathi, “Qala ukunikeza ukuKhanya lapho ikhandlela likhanya, hhayi lapho seliphelile uhhafu.” Kunjalo. Xoxa okwaziyo. Awunaso isehlakalo, angeke usho lutho.

<sup>127</sup> Kodwa esikudingayo uku—uku “buyela kuNkulunkulu.” Yiqiniso lelo. Niyabo, sifanele sibuyele kulesohlakalo futhi, entweni esihlanzayo, ngaphakathi nangaphandle. Uma ingaphakathi lithola ukulunga, ingaphandle lizozinakekela. Kuzothatha . . . Kuyozenzakalela. E-hhe. Yebo, mnumzane.

<sup>128</sup> USamsoni wathi, “Awu, ngizovele ngivuke, futhi ngizithintithe, njengoba nje bengihlale ngenza. Bese kuthi-ke

lapho ngikwenza, uNkulunkulu uzoba lapho. Ngiyacabangela nje ukuthi Ulapho.” Kodwa wathola ukuthi Wayengasekho.

129 Uyazi ukuthini? Ngikholwa ukuthi ibandla belifanele libuyele ebungcweleni futhi, belifanele libuyele endleleni efanele yokuphila. Niyabo? Khona-ke siyacabangela, ngoba semukela uMoya, ngokuba sisine eMoyeni, ngoba senze lezizinto esizenzile, futhi uNkulunkulu usibusisile, futhi sibone imihlangano yokuphulukisa, futhi sibona imvuselelo, kanjalonjalo, sicabanga ukuthi nje lokho kulungile.

130 Manje, lapho senza lokho, sizophupha, sizinze, ngoba sinesakhiwo esikhulu, sinehlelo elihle, sinakho konke lokhu. Sinezinga eliphezulu *lalokhu*, ibandla elihle ukwedlula onke kulelidolobha, nazo zonke lezizinto, size sikwazi ukungenisa izwe futhi sithi, “Niyabo, upiyo lwethu, i-ogani yethu, *nokuthi-nokuthi* kwethu, kühle nje njengokwakho. Futhi amabhentshi ethu—ethu a, izihlalo zikanokusho sihle njengesakho. Umshumayeli wethu, ufunde kakhulu nje njengowakho.” Siyacabangela ukuthi uNkulunkulu usenathi, lapho Engekho. Niyabo? Ufanele ukukhumbule lokho.

131 Uma siqala ukubona izimangaliso nezibonakaliso nezimanga zikaNkulunkulu, sibona amandla kaNkulunkulu ehla, bese kuthi-ke sibona abantu bephila ngokwehlukile, bahlanze izimpilo zabo. Ulaka lwesaha eliyindilinga, ulaka olukhulu, ukuqophisana nokukhathazeka, nokulwa omunye nomunye, “amalungu ngokungahlelekile,” kunjalo, zonke izinhlobo zesono phakathi kwethu, ukungakholwa.

132 Omunye ushumayela iZwi likaNkulunkulu, futhi athi, “UNkulunkulu wathi ufanele uzalwe ngokusha. Uma ungeke, angeke ngisho ungene.”

“Angivumelani nalokho.”

133 Futhi uthi unoMoya oNgewele na? UMoya oNgcwele ngeke uliphike iZwi laKhe uQobo. Ufanele ahlale naleloZwi, ngoba NguYe OwaLikhuluma. Uma ngikhuluma izwi, bese ngiphika engikushilo, khona-ke izwi lami alilungile. UMoya oNgcwele ufanele agcine lokho Akushilo. Futhi leliZwi elilotshiwe *Lapha* iZwi likaMoya oNgcwele. Ngiyakukholwa. Kunjalo. Manje siyathola ukuthi uNkulunkulu . . .

134 Dinga, sidinga ubungcwele obuningi. Sidinga ukuhlanzwa, amabandla ethu.

135 USamsoni, wacabanga, “Awu, ngizo—ngizo nje. . .” Wehlela ezansi lapho futhi wahlala nalesisifebe, nakho konke. “Khona-ke ekugcineni wangitshela ukuthi ngenze *lokhu*, futhi ekugcineni ngazedlulela nakho, nakho konke-ke *lokhu*. Futhi, o, nga—ngamtshela ngempela iqiniso, ukuthi lapha yilapho okumayelana nakho. Kwaba *kanje*, futhi ngi—ngicabanga ukuthi kuzolunga. Ngiyacabangela ukuthi Unami.” Kodwa lapho

esukuma futhi wazithintitha, wathola ukuthi amandla akhe ayengasekho.

<sup>136</sup> Ngiyacabanga namhlanje, mfowethu, uma siqalaza emabandleni ethu indlela ahamba ngayo, sekuyisikhathi sokuthi sizithintithe. Kukhona okungalungile. Siyacabangela ukuthi sisebenza kahle. Siyacabangela ukuthi senza kahle.

<sup>137</sup> Njengoba bengikhuluma, esikhathini esingeside esedlule, kwabanye bosomabhizinisi bethu, abazalwane bethu, Ngasho emhlanganweni othize esasikuwo, ngale e, ngaphesheya kwezilwandle. Futhi abazalwane babelapho, futhi babenomhlangano. Futhi babexoxa ngokuthi iNkosi yayibabusisile. Futhi babenebhizinisi elincanyana ekhoneni, futhi banikela ukuphila kwabo kuKristu, futhi babenoxhaxha loCadillac manje.

<sup>138</sup> Ngakho-ke ngasho kubazalwane, ngathi, “Ningakusho lokho. Lokho kuphambene. Leyo akusiyo indlela amapentecostal okuqala enza ngayo. Basusa konke ababenakho bapha abampofu. Lawo madoda angosomabhizinisi. Bangabanikazi bezimboni, nakho konke okunye. Ufanele ubanikeze okuthize abangazi lutho ngakho.”

<sup>139</sup> Yileyo indaba ngebandla. Sithola izibani ezikhanya kakhulu nakho konke, ne...futhi cishe okwebha yomculo nesitayela ebandleni. Sizama ukuqhathanisa nezwe. Awusoze wakwenza lokho. Sifanele simeme ibandl-...izwe ezinkundleni zebandla, hhayi ukuphumela ezinkundleni zabo. Angeke siziqhathanise nabo lapho. Kodwa sinokuthile abangenakho. Yilokho esikufunayo. Yileyonto. Yebo, mnumzane. Into esifuna ukubakhombisa yona nguKristu ezimpilweni zethu, amandla kaMoya oNgwele, niyabo, ebakhombisa okuthile abangenakho. Mabeze ezinkundleni zethu. Bafuna uKristu, eze kulenkundla. Kodwa ningenzi njengabo futhi niziphathise okwabo. Lokho akulungile.

<sup>140</sup> Yilapho uSamsoni enza khona iphutha. Wasuka ePalestine, wehlela ezweni lamaFilisti. Waphuma newro-...wasuka ezinkundleni zakhe uqobo. Futhi yena ekugcineni, ngesinye isikhathi, ecabangela ukuthi uNkulunkulu wayenaye, noNkulunkulu wayemshiyile.

<sup>141</sup> U-Akani, ngani, wathatha lolocwezu oluncane naleyongubo yaseBabiloni, ngani, wacabanga, wacabangela ukuthi kwakungeke kubonakale. “Awu, yini leyo na? Ingubo encane nje endala. Ngizoyinamathisela ngaphansi *kwalapha*, futhi mhlawumbe umndeni wami uzokujabulela isikhathi eside lokhu. Ngithole ucwezu. Uma sike sangena endaweni eminyene, ngakho-ke ngino—nocwezu lwegolide. Akekho ozolubona. Ngizoyisonga into ngiyihlanganise futhi ngiyifake ngaphansi kwejazi lami futhi ngiqhubeke.” Wayecabangela ukuthi kwakulungile, ecabangela.

142 Kodwa umyalo kaNkulunkulu wawungukuthi, “Ungathathi lutho lalowomuzi oqalekisiweyo. Ungabi nalutho ngakuwe oluqalekisiwe.”

143 Khona-ke singawubhema kanjani usikilidi na? Abesifazane bangazigunda kanjani izinwele zabo na? UNkulunkulu usho lokho, uma benza lokho, kuyiphutha? Ungawagqoka kanjani lamabhulukwe amadadlana ento abayigqokayo na? Lapho, uNkulunkulu athi, “Owesifazane ogqoka ingubo yowesilisa, kuyisinengiso emehlweni aKhe.” UNkulunkulu akaguquki. Singakwenza kanjani na? Futhi nje kungukucabangela nje ukuthi kulungile. Akulungile. Akulungile. Abesifazane bethu bePentecostal wenza into enjalo, kungcono ume futhi uhlole, uzithintithe, ubuke emuva. Ungazicabangeli lezozinto, ngoba unephutha, unephutha ngokuphelele.

144 AbaseGibhithe, ngenkathi belandela uMose nabakwa-Israyeli, babona uMose emasha ngqo edabula lololwandle, ehamba enqamula lapho, wonke umIsrayeli. Babesokiwe futhi banikelwa eNkosini. Bona. . . imiyalo kaNkulunkulu yayinabo. Izibonakaliso zikaNkulunkulu zazibalandela. Bahamba badabula ngqo olwandle. Lalingekho iphutha. AbaseGibhithe bama bababuka bekwenza.

“Awu,” bathi, “Ngiyacabangela, uma bengakwenza, nathi singakwenza.”

145 Manje, sibheka emuva futhi sibona ibandla lePentecostal ekuqaleni. Sicabanga ngePentecostal, iminyaka engamashumi amathathu, amashumi amane edlule. Sicabanga ngomkhandlu wePentecostal wangaphambi kweNayisiya. Sicabanga ngabo eminyakeni yasekuqaleni ka-Irenaeus, uMartin oNgcwele, uColumba, uJustin, uPolycarp, onke lawomadoda angewe. Futhi siyezwa ukuthi, sibabona, ukuthi sinesibusiso esifanayo ababenaso, ngakho-ke sikwazi ukubona ukuthi singavele siqhubeke njengoba benza. Siyabona ukuthi singenza izinto ezifanayo abazenza. Kodwa angeke sikwenze ngaphansi kwalemniningwane, ngaphansi kwalezizimo ibandla elikuzo manje.

146 Bukani ukuthi lawomadoda enzani. Bukani ukuthi lawomabandla enzani. Ukuthi kwakungumhlatshelel onjani! Ababefanele bakudele! Ukuthi babebale kanjani izimpilo zabo kungekho lutho ngisho kubo. Bahlala ngobuso babo, imini nobusuku, bekhuleka eNkosini. Bahamba yonke indawo ababengayihamba, ekuhloleni wonke—wonke umfantu nekhona ababengafika kulo, befakaza ngoMbuso kaNkulunkulu, kubantu.

147 Futhi, namhlanje, silindele nje umelusi ukuba awulethe ngepotimende lakhe elincane, noma umvangeli, futhi, “Makabongwe uNkulunkulu! Ngisonta ebandleni.” Yilokho kuphela. Niyabo? “Ngiyilungu lapho. Nje ngiyi. . .

Ngiyakholelwa kulelibandla. Leli, lelibandla lilungile.” Impela. Isakhiwo singahle sibe kahle. Kungahle kungabi naphutha, kungabikho umuhlwa noma lutho kuso.

<sup>148</sup> Kodwa kuthiwani ngesakhiwo, esinye isakhiwo na? Hlobo luni lwemihlwa olufakwe kuso na? Niyabo? Yilokho okungahle kusibangele inkathazo. Niyabo? Imihlwa ezodla ingene emphefumulweni. O, sidinga kanjani ukuhlola, esikhundleni sokucabangela—esikhundleni sokucabangela ukuthi sonke silungile. Yebo. Ya.

<sup>149</sup> Labo abaseGibhithe abangasokile, bacabanga, “Sizokwedlula ngqo nje olwandle njengoba benza,” futhi balahlekelwa ukuphila kwabo.

<sup>150</sup> U-Akani wacabanga, “Lolucwezu oludadlana, ngeke lenze mehluko.” “Onke amanenekazi agunda izinwele zawo. Ngizokwenza into efanayo. Angeke kwenze mehluko.” Kodwa kwenzani na? Akuzange kulethe injabulo emndenini wakhe. Kwaletha ukufa kubo bonke.

<sup>151</sup> Futhi lapho sixegisa kunoma yimuphi umyalo kaNkulunkulu, ukuba sijabulise abantu, sibulala into khona lapho. Ucwezu olulodwa oluncane, ingubo eyodwa yaseBabiloni, kwamisa ibutho elimashayo. Mfowethu, into eyodwa esivumela ibandla ukuba liyenze, okuyiphutha, into eyodwa esingeke sibize siphikisane nayo, futhi senze abantu bakuqondise, kuzomisa imashi yebandla.

<sup>152</sup> Bayacabangela ukuthi uyaqhubeka. Singahle sibe, egameni. Singahle sibe, ebuningini. Lokho akukhona okubalulekile. Akusikhona okubalulekile.

<sup>153</sup> NguNkulunkulu enathi, uNkulunkulu kithi, uNkulunkulu ehamba kithi, iZwi laKhe liphila kithi.

<sup>154</sup> Ungacabangeli ukuthi; uyakwazi lokho. Buka indlela okukwenza uphile ngayo, isimo sokuziphatha osithathayo ngesono, ukuthi kanjani yonke into... Ngani, ucabanga ngoNkulunkulu ongwele na? Nake nacabanga ukuthi Lowo, enizoma eBukhoneni baKhe futhi nizilande ngaleliZwi, nangoKristu na? Lapho, uNkulunkulu ungwele kakhulu, ehlezi ngaleya ePhakadeni, lapho amalanga ayizigidi eziyishumi ayoba amachashaza amnyama phambi kwaKhe. Ungwele kakhulu, ukuthi, ngisho iziNgelosi zibukeka zingcolile, emehlweni aKhe. IziNgelosi phambi kwaKhe, zingcolile.

<sup>155</sup> Wena ulindele mina nawe, ngeZwi laKhe nangeGazi leNdodana yaKhe ukuba lisihlanze esonweni, futhi sihambe ngqo phezu kwemiyalo yaKhe futhi siphume siyongena ezweni, futhi ulindele ukuma lapho ungenasici, lapho wazi kangcono kunokukwenza na?

<sup>156</sup> Bandla kungcono uqondiswe. Ungakwenzi, masingakucabangeli lokhu, ngoba siyinani elikhulu kunalokho



ebesivamise ukuba yikho, futhi singcono kakhulu ngokwezimali kunalokho esasivamise ukuba yikho. Sinezakhiwo ezingcono kunalezo esasivame ukuba nazo. Besingagqoka izingubo ezingcono kunalezo esasivame ukuba nazo. Sivamise... Sinezimoto ezingcono kunalezo esasivame ukuba nazo. Kodwa, o, mfowethu, ngiyazibuza ngoKristu: Ungakanani kithi na? Niyabo? Yilokho kuphela. Siyacabangela nje. Yebo, mnumzane.

<sup>157</sup> Abangasokile babengenakukwenza. Kunjalo. Baminza olwandle.

<sup>158</sup> Ezinsukwini zikaNowa, ngenkathi uNowa akha lowomkhumbi omkhulu owawuzovimba ukuhlela nokubuya kwamanzi, awu, akungabazeki kodwa amalungu ebandla amaningi angalolosuku athi, “Ngani, lolohlanya! Kungathiwani uma kwenzeka na? Kungathiwani uma kwenzeka na? Kungathiwani uma lapho kufika isiphepho na? Sizongena esikebheni *sethu* futhi sigibele. Isikebhe sethu sihle njengesikebhe sabo. Isikebhe sethu sizontanta kakhulu njengesabo, noma ngabe sakhawe nguNkulunkulu noma qha.”

<sup>159</sup> Yilokho okwenziwa abantu bakaNowa... ukukwenza namuhla. Bathi, “Ngisonta *kuleli* bandla. Ngijoyine *ngapha*. Lokho kuhle njenganoma yimuphi wabo.”

<sup>160</sup> Awu, mfowethu, uma singekho eZwini, neZwi lingekho kithi, siyacabangela nje ukuthi sikahle. Khumbula, lapho kufika izikhukhula, kwantanta isikebhe esakhawe uNkulunkulu kuphela. Babecabangela ukuthi babezoba kahle. Kodwa ukucabangela ukuthi ukahle, nokuba kahle, kwehlukile.

<sup>161</sup> Wena uthi, “Mfowethu Branham, uthi ukusibophela phandle lapha egatsheni ndawo ndawo. Awunjalo na?”

<sup>162</sup> Qhabo. Ngifuna ukukukhombisa nje ukuthi yini ephambi kwakho. Niyabo? Khona-ke sizofika ekuhlengweni ngomzuzu nje. Yebo.

<sup>163</sup> Uthi, “Ngani, uNowa...” Omunye umuntu angathi, “Awu, lapha, ngine... Awu, ngiyamazi uJohn Doe, ezansi lapha ekhoni. Ngani, unesikebhe esingagibela noma yimuphi umfudlana ngaso.”

<sup>164</sup> Kodwa, niyabo, sasingakhiwe nguNkulunkulu. Asakhiwanga ngomuthi womtholo, na—na—nangendlela uNkulunkulu awakha ngaso.

<sup>165</sup> Wena uthi, “Nginebandla, Mfowethu Branham. O, thina, singabehlelo elikhulu kunawo wonke kulelidolobha. Thina, siyibandla elikhulu kunawo wonke elikhona ngapha, futhi sineqembu labantu eligqoke kahle ukwedlula bonke. Imeya iza ebandleni lethu, futhi izikhulu ziza ebandleni lethu. Ngani, thina, konke lokhu sinakho. Niyabo?”

<sup>166</sup> Kodwa ngaphandle uma lokho kwakhiwe nguNkulunkulu, ngeke kume. Alikho ihlelo, ngaphandle uma licekelwa phansi...

lakhiwe ngokwakhiwa kukaNkulunkulu lapha, ukuthi angeke lime. Kunjalo. Kufanele kufike ngendlela uNkulunkulu athi kwakhe ngayo. Angeke kufike ngenye indlela; hhayi ngesivumokholo, hhayi ngokujoyina, hhayi ngalokhu, noma hhayi ngomuzwa. Kufanele kufike ngendlela yesiphambano. Kufanele kufike ngendlela yeGazi. Kufanele kufike futhi kugewaliswe ngoMoya oNgcwele. Kufanele kube impahla kaMoya oNgcwele, nempahla kaMoya oNgcwele yenza abantu bakaMoya oNgcwele.

<sup>167</sup> Impahla yokwakha isikebhe somsayiphuresi yenza isikebhe somsayiphuresi. Impahla yokwakha yomphuphophula yenza isikebhe somphophula. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Futhi impahla yokwakha yezwe yenza ibandla lezwe. Impahla yokwakha kaMoya oNgcwele yenza iBandla likaMoya oNgcwele.

<sup>168</sup> “Liyini leliBandla likaMoya oNgcwele, Mfowethu Branham na? Lenzani na? Liziphatha kanjani na?” Sizothola nje kancanyana. Niyabo? Kulungile.

<sup>169</sup> Lakhiwe, lifana njengamanje nje, ba—bazama ukukholwa. Abaningi kakhulu, namuhla, abaningi kakhulu phansi kwedlule onyakeni, bakhulumile ngakho, kunezindlela eziningi kakhulu ezehlukene, ngiyantshela, abantu abaningi kakhulu bezindlela ezahlukene. Kungukudideka. Uyahamba uye *ngapha* . . .

<sup>170</sup> Umama wami omdala osanda kushona, ezinyangeni ezimbalwa ezedlule, ngenkathi elele lapho embhedeni, wathi, “Billy, ngiyahamba.”

Ngathi, “Mama, musa ukukhuluma kanjalo.”

<sup>171</sup> Wathi, “Ngiyahamba.” Wathi, “Ngifuna ukuhamba ngiyobona abanye abantwana bami. Ngifuna ukubona ubabayi. Ngiyahamba.” Futhi wabheka ngale.

<sup>172</sup> Ngangimi lapho, owakhe omdala kunathi sonke. Nakhu kumi udadewethu, omncane kunathi sonke. Futhi sasiyishumi thina bantwana; abafana abayisishiyagalolunye nentombazane.

<sup>173</sup> Wabheka, futhi wathi, “Owami wokuqala nowami wokugcina.” Wathi, “Dolores, nguwe wedwa intombazane yami. Ube muhle kimi.” Wathi, “Ufikile futhi wangisiza ukuzongiwashela. Ungi—ungithandle futhi wanginakekela.”

<sup>174</sup> Wathi, “Billy, uqinisekisile ukuthi angilokothi ngilambe. Ukhokhe izikweletu zami. Ungitholela indawo yokuhlala.” Futhi wathi, “Ubungumholi wami wokomoya.”

<sup>175</sup> Futhi ngathi, “Mama, eminyakeni embalwa edlule, ngenkathi ngiza kuKristu, njengomfana omncane, emva kokubizwa ngisengumntwana,” ngathi, “okokuqala, ngingumIrishi, ngacabanga ukuthi ngizokwehla ngiye ebandleni lama-Irish. Futhi bathi, ‘Siyibandla, akunandaba ukuthi noma

yini enye ithini. Siyibandla.’ Futhi bathi, ‘Yilokhu ofika kukho, ufanele ufike kulokhu. Yilona lodwa ibandla leli.’”

<sup>176</sup> Futhi ngathi, “Khona-ke ngacabanga ngizoya ngale futhi ngivakashela iLuthela. ILuthela lathi, ‘Thina, siyibandla. Thina siyilo. Siyilokho.’ Umz- . . . Futhi ibandla liwumzimba wabantu, umzimba obizelwe ngaphandle wabantu. Ngacabanga, ‘Awu, manje, yilona liphi kuwo elinguMzimba na? Yilona liphi kuwo ngempela eliyiBandla na? Omunye uthi kungalendlela, omunye uthi kungaleyondlela.’ Ngaya kumaMethodisti, *angalendlela*. AmaBaptisti *ngalendlela*.”

<sup>177</sup> Ngathi, “Ngathola ukuthi cishe kunamabandla angamakhulu ayisishiyagalolunye ahlukene, niyabo, ngalinye lidonsa *ngalendlela nangaleyondlela*. Njengoku. . .” Ngathi, “Angikwazanga ukusekela ukukholwa kulokho. Angikwazanga ukukwenza, mama. Ngakho-ke, angizange ngithathe noma yiliphi lawo.

<sup>178</sup> “Kodwa ngabuyela emuva, futhi ngathola ukuthi sasiyini izakhiwo, lokho uNkulunkulu akubeke phansi; iziyalo, njalo, lokho iziyalo ezazifanele zenziwe. Futhi ngaLifundisa ngayo impela nje indlela abaphostoli abaLifundisa ngayo, futhi ngathola imiphumela efanayo.” Ngathi, “Manje, yiLelo-ke.” Niyabo? Yilokho-ke. Ngathatha iZwi likaNkulunkulu ngase ngiLendlala nje kanjalo.

Futhi wathi, “Billy, ngiphumule kulokho.”

<sup>179</sup> Futhi lapho into endala bandla ingasakwazi ngisho nokukhuluma, ngathi, “Mama.” Ngifuna ukunikela umphefumulo wakhe kuNkulunkulu. Ngakwenza, ubaba wami. Futhi ngifuna ukunikela umphefumulo wakhe kuNkulunkulu, futhi wayelele lapho. Wayengasakwazi ukukhuluma. Ngathi, “Mama, ngimi lapha namanje. Uyakwazi na? Uma ungakwazi, cwayizisa amehlo akho.” Futhi wayengawacwayizisa amehlo akhe. Ngathi, “Ngifuna ukukubuza okuthize manje, mama. Usuqhele ngemizuzu embalwa nje manje.” Ngathi, “Ngifuna ukuma lapha ukuze ngibone uJesu efika ukuzolanda umphefumulo wakho.” Ngathi, “Khona-ke ngizokunikela kuYe.” Ngathi, “Ngifuna ukukubuza okuthize mama,” ngasho.

<sup>180</sup> Manje, ngabhaphathiza umama wami cishe eminyakeni engamashumi amathathu edlule. Futhi wagcwaliswa ngoMoya oNgcwele. Futhi—futhi wayengumKristu, ongcwele kaNkulunkulu wangempela.

<sup>181</sup> Futhi ngathi, “Mama, ngabe uJesu usho, khona lapha lapho mhlawumbe uneminye imizuzu emihlanu yokuphila. Ngabe uJesu, umnene nje kuwe njengoba Wayenjalo ngosuku owemukela ngalo uMoya oNgcwele na?” Ngathi, “Mama, ngifuna ukusho lokhu ngesingami, ukuze ngikwazi ukutshela abanye. Ngabe Umnene nje njengamanje na? Ungumama wami. Ubungeke ungitshela lutho oluyiphutha. Ngifuna ukwazi

ukuthi uzizwa kanjani njengamanje. Ngabe Umnene njengoba Wayenjalo ngenkathi uMemukela emuva ngaleya, eminyakeni engamashumi amathathu edlule na? Uma kunjalo, awukwazi ukukhuluma, kodwa cwayiziwa amehlo akho ngokushesha okukhulu.” Futhi wacwayizisa amehlo akhe ngokushesha okukhulu, nezinyembezi zehla ezihlathini zakhe. O, mfowethu! Yebo.

<sup>182</sup> Yilokho-ke. Awucabangeli-ke. Uyazi lapho umi khona. Kunjalo. O, ungacabangeli ngakho. Kunezindlela eziningi ezahlukene. Ungacabangeli nje. Kodwa uNkulunkulu unikeze isiqinisekiso sesithembiso saKhe. Niyabo? Asifanele sicabangele ngaso. UNkulunkulu usiqinisekisile.

<sup>183</sup> Manje, kuDuteronomi 18:22, ungathola, u 18:15 kuya e 22, uzothola. IBhayibheli lasho ukuthi, “INkosi uNkulunkulu wenu iyakunivusela uMprofethi onjengami,” uMose ekhuluma. “Futhi Yena, abantu...Lowo ongeke amuzwe loMprofethi, uyonqunywa phakathi kwabantu.”

<sup>184</sup> Khona-ke Uyaqhubeka futhi wathi, “Uma kukhona umprofethi phakathi kwenu, noma ozisho ukuthi unguye, futhi akushoyo akufezeki, khona-ke ningamesabi. Akulungile. Kepha uma iNkosi yayikhulumile kuye, Izokufeza.” Niyabo? Yileyondelela ozokwazi ngayo. UNkulunkulu usinika iziyalo noma ukwazi, lapho singadingeki ukuba sicabangele noma yini, lutho. Awudingi nje ukuba ucabange. Ungaba nesehlakalo ukuba ukwazi. Yebo, mnumzane.

<sup>185</sup> KuJohane 14:12, lowoMprofethi iNkosi eyamvusa, okwakunguKristu Jesu, iNdodana yaKhe. LowoMprofethi ofanayo, kuJohane oNgcwele 14:12, wathi, “Okholwa yiMi, imisebenzi engiyenzayo Mina naye uyakuyenza.” Mfowethu, akukho kucabangela kulokho, akukho lutho. Wathi niyokwenza. KuMarku, isahluko se 16, kusukela evesini le 15 kuya kwele 18, uJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.”

<sup>186</sup> Awudingi ukuba ucabangele, “Ngabe ngicabanga ukuthi ngiqinisele na? Nginga—ngi—ngicabanga ukuthi ngiqinisele na?”

<sup>187</sup> UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Awucabangeli lutho ngakho.

<sup>188</sup> UJohane umBhaphathizi, akadingekanga ukuba acabangele, athi, “Ngiyacabangela mhlawumbe lowo nguKristu. Anginaqiniso. Manje, lowo kungahle kube nguYe emi khona lapho. Ngiyacabangela mhlawumbe kunjalo.” Akazange akusho lokho. Wathi, “Bhekani, nakho kumi iWundlu likaNkulunkulu.” Wayengacabangeli ukuthi kwakunjalo. Wayazi ukuthi kwakunjalo. Ngani na?

<sup>189</sup> UNkulunkulu wayemtshelile, ehlane, “Manje, awuzukululazwa yilokhu, Johane. Lena yinto ebalulekile. Awufuni ukuthola izinto zakho zixutshanisisewe.”

<sup>190</sup> Yilokho namuhla. UNkulunkulu ufuna iBandla laKhe lazi ukuthi yini iQiniso. Asifuni ukuthola ukuxutshani swa kulokhu. Mfowethu, awukutholi okunye ukuvivinywa. Kungecono ube kahle, lapho umkhumbi udonseka ungena endlini yakho, lapho ukufa kuntanta kuzungeza egumbini. Ufanele uqiniseke ngalokhu. Ungathathi ishansi kukho. Ungakwenzi. Akulungile. Qiniseka ukuthi uqinisele.

<sup>191</sup> Wathi kuJohane, “Lowo oyobona uMoya ehlela kuYe, nguye Lowo ozobhaphathiza ngoMoya oNgcwele noMlilo. Niyabo? Lowo nguYe. Lowo kuzoba nguYe.”

<sup>192</sup> UJohane akazange athi, “Ngiyakucabangela.” Wathi, “NaNgu lapho.” O, Nkulunkulu. Yilokho kuphela. Mazi. Akazange acabangele lutho. Wayazi ukuthi leyo kwakuyiNdodana kaNkulunkulu. Wayazi ukuthi lelo kwakuyiWundlu elalisusa isono sezwe, ngoba kwembulwa kuye.

<sup>193</sup> Futhi awusoze wazi lutho olungcono kuze kwembulwe kuwe. Futhi uNkulunkulu angembula kanjani into kuwe ephambene neZwi laKhe na? Indlela kuphela uMoya oNgcwele oyo ke ukwazi ukuZembula ngayo kuwe yilapho Egcina isithembiso saKhe kuwe. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. IGama laMi, bayokhipha amademoni. Bayakukhuluma ngezilimi ezintsha. Baphathe izinyoka, noma baphuze okubulalayo, akuyikubalimaza. Babeke izandla zabo kwabagulayo, futhi bayosinda. Lokhu bonke abantu bazokwazi, ukuthi ningabafundi baMi, uma nithandana.”

<sup>194</sup> Lena yimiyalo. Lezi yizinto okumele uzibheke. Izithelo zikaMoya: uthando, ukujabula, ukuthula, ukubekezela, ukukholeka, ubuvi, ubumnene, ububele, ukukhuthazela. Leso yisithelo sikaMoya. Lokho yizinto, ubufakazi obubonakalayo. Lokho ngukuqinisekiswa. UNkulunkulu ukuqinisekisa kanjalo. Uyakufakazisa kuwe.

<sup>195</sup> Kwakuyini umehluko kwaMowabi, phezulu entabeni, nama-altare ayisikhombisa nezinqama eziyisikhombisa; no-Israyeli ezansi esigodini, nama-altare ayisikhombisa nezinqama eziyisikhombisa na? Bobabili begcina imiyalo kaNkulunkulu. Bobabili bezama ukukwenza. Kodwa uNkulunkulu waqinisekisa u-Israyeli.

<sup>196</sup> Kwaba kanjani uKayini, ngenkathi enza i-altare libe lihle impela nje, noma libe lihle kunelika Abela na? Wanikela ngezithelo. Unikela okwezishumi kwakhe. Wangenisa umholo wakhe endlini yeNkosi. Waguqa e-altare. Wazikhothamisa. Wakhuleka. Wakhonza, eqotho njenganoma yiyiphi indoda. Kodwa uNkulunkulu waqinisekisa u-Abela ngokuqothula umhlatshele wakhe.

<sup>197</sup> ENTabeni iKarmeli, ngalolosuku olukhulu lapho abapristi abangabahedeni abangamakhulu amane babebuthene phandle lapho, bendlu kamama wesizwe wezwe, lapho

bebuthene phandle lapho ukwenza umhlatshelo wabo. Bamemeza, usuku lonke, futhi kwakungekho msindo namlilo. Kodwa lapho u-Elija ebeka inkunzi phezulu lapho, futhi wathela imiphongolo eyisikhombisa yamanzi phezu kwayo, UNkulunkulu waqinisekisa ukuthi lelo kwakuyiqiniso.

<sup>198</sup> Uma uthi uyikholwa, uNkulunkulu uyakuqinisekisa. Akumele ucabangele noma yini. NguNkulunkulu, oqothulayo. Awudingi ukuba ucabangele. Kunjalo. I-altare lethusi lawuqothula umhlatshelo. Uma umhlatshelo wawubekwe phezu kwe-altare, futhi wawungaqothulwanga, uNkulunkulu wayewenqaba. Niyabo? Uyaqothula. Futhi wena ungumnikelo kaNkulunkulu. Zibeke phezu kwe-altare, uthi, “Nkulunkulu, vele ukukhiphe konke kimi. Thulula, ukuze Ungigewalise, ngisebenzise.” Kunjalo. Ungakucabangeli. Kukholwe. Yebo, mnumzane. Uma ungakukholwa, wena, uNkulunkulu angeke awemukele umhlatshelo wakho.

<sup>199</sup> Wayengathi, uJohane wakwenza, “Lona nguYe. Yena, Uqinisile. Ngiyazi ukuthi nguYe.”

<sup>200</sup> UNathanayeli wabuyela kuDuteronomi 18. Futhi niyathola, uDuteronomi 18:15, uma nifuna ukukubhala phansi. Wayengadingekile ukuba acabangele. Ngenkathi uFiliphu eye ngale futhi wamthola, wathi, “Woza, ubone. Simtholile uMesiya.”

<sup>201</sup> Manje, niyabo, uFiliphu wayeqinisekile. Wayazi ukuthi wayekhuluma ngani. Wathi, “Simtholile uMesiya.” Hhayi ukuthi “Wozani, ake siye ngapha futhi sibone. Masi—masikuxoxe ndawonye, futhi sibone ukuthi lo kungaba nguMesiya yini. Makuthi nina nami sithathe izinwadi zethu futhi sehle futhi sithole.” Kwakungekhona ukuzindla naye. Wayengacabangeli ukuthi kwakunguMesiya. Wayazi ukuthi kwakunjalo. Wayazi ukuthi kwakunjalo.

<sup>202</sup> Ngakho-ke, uNathanayeli, eyisifundiswa esihle, ngenkathi enyukela lapho ebusweni bukaJesu, futhi uJesu wathi, “Bheka umIsrayeli okungekho nkohliso kuye,” ukucabangela kwakhe kwenziwa.

Wathi, “Rabi, Ungaze nini na?”

<sup>203</sup> Wathi, “Ngaphambi kokuba uFiliphu akubize, ngenkathi ungaphansi kwesihlahla.” Akusekho ukucabangela. Ini? Wayazi ukuthi uNkulunkulu wayekushilo lokho.

<sup>204</sup> UNkulunkulu wayethe, “Uma kukhona umprofethi, ovuka phakathi kwenu, futhi akushoyo akufezeki, khona-ke ningamuzwa. Kodwa uma kwenzeka, Ngimthumile.” Nakho la ukhona. Wayengadingekile ukuba acabangele. Wayazi ukuthi lowo kwakunguMesiya.

<sup>205</sup> Bukani owesifazane emthonjeni, ngenkathi uJesu engaphandle lapho emthonjeni eSamariya, lapho Yena, wayemi

emthonjeni. Wathi . . . Uyayazi indaba, mayelana, “Ngiphuzise.” Futhi wathi, “Umthombo ujulile futhi awunalutho ongakha ngalo,” nokunye nokunye, i . . . lapho ingxoxo iqhubeka.

<sup>206</sup> Futhi ekugcineni Wamtshela, wathi, “Hamba uyolanda indoda yakho uze lapha.”

<sup>207</sup> Futhi wathi, “Anginandoda.” Wathi, “Nkosi, ngiyabona ukuthi Ungumprofethi,” emva kokuthi Esemshelile. Wathi, “Anginandoda,” washo.

<sup>208</sup> Wathi-ke, “Usho kahle, ngoba ubunasiyibahlanu, nalena ohlala nayo manje akuyona indoda yakho.”

Wathi, “Mnumzane, ngiyabona ukuthi Wena ungumprofethi. Siyazi.”

<sup>209</sup> Hhayi ukuthi, “Siyacabangela, siyacabangela ukuthi mhlawumbe . . . Thina, siyacabangela, mhlawumbe, ukuthi uMesiya angahle enze lokhu. Siyacabangela.”

<sup>210</sup> “Siyazi ukuthi lapho uMesiya efika . . .” Haleluya! Yilokho kuphela. “Siyazi. Asicabangeli lutho. Sazi kahle impela ukuthi umBhalo uthini.”

<sup>211</sup> Mfowethu, umBhalo uthe sifanele sizalwe ngokusha. Sifanele sizehlukanise kukho konke ukungcola kwezwe futhi sibe ngcwele. Sifanele—sifanele sikwenze lokho. Yilokho iBhayibheli elakusho. Abesifazane bethu abafanele benze njengokwezwe. Abesilisa bethu abafanele benzise okwezwe. Asifanele sime sizungeze, sixoxe amahlaya angcolile komunye nomunye. Asifanele siphumele lapha futhi sibheme usikilidi, siphuze isiphuzo sokuzijabulisa, ukuze sigcine umsebenzi wethu.

<sup>212</sup> Awu, uma bekufanele ngi—ngidle amakhekhe kasoda, futhi ngiphuze amanzi egatsha, ngincamela ukulamba emgwaqeni, kunokuba ngigcine umsebenzi lapho okwakufanele ngiphuze ukubola kukasathane nokubhema osikilidi, yonke enye into, ukugcina umusa. Qhabo, mnumzane.

<sup>213</sup> Kungecono ngizehlukanise neqembu labantu abazibiza ngamaKristu ozongibiza ngemfashini endala, ukuba ngangingowesifazane, ngoba ngangifanele ngibe—ngibe nezinwele ezinde nezingubo ezibukeka kahle. Ngingamane ngizehlukanise futhi ngibe wuhlanya, kunokuzihlanganisa nabantu abanjalo ongahleka futhi ahlekise ngezinto ezinjengaleyo. Ngani, kuyisinengiso emehlweni kaNkulunkulu! Kulungile.

<sup>214</sup> Kodwa, nokho, sizama ukuthi, “Lokho nje into.” Siyacabangela ukuthi kulungile. “Bonke abanye bayakwenza.” Ngani, lokho akwenzi noma yini . . . UJudasi wakhaphela uKristu. Ngabe lolo uphawu ofanele ulwenze na? Qhabo, mnumzane. Asifuni ukwenza lokho.

215 Uyafuna, ufuna ukugcina iZwi likaNkulunkulu. Ungacabangeli lutho. Thatha lokho iZwi likaNkulunkulu elikushoyo. Yebo, mnumzane.

216 Ukuba-ke abafundi, manje, ngoSuku lwePhentekoste... (Ukuvala.) Ukuba-ke abafundi bathi, “Sakhuphukela lapho,” futhi bona—bobna babephezulu lapho izinsuku eziyisishiyagalolunye na? Ngosuku lwesishiyagalolunye, ukuba-ke uPetru uyafika ngapho, wathi, “Bazalwane, niyazi iNkosi yethu angeke iqambe amanga. Qhabo. Angeke iqambe amanga.”

UMathewu wayengathi, “Lokho, kunjalo, Simoni. Yena, Angeke aqambe amanga.”

“Ucabangani ngakho, Marku na?”

“O, kunjalo. Angeke aqambe amanga.”

217 “Wasitshela uma singenyukela lapha emzini waseJerusalema futhi sihlale, Wayezothumela isithembiso sikaBaba wethu phezu kwethu. Siyakukholwa lokho. Asinjalo, bazalwane na?”

“O, impela.”

218 “Manje ngizokutshela ukuthini. Besivele silapha izinsuku eziyisishiyagalolunye lapha. Ngiyacabangela ukuthi sesivele sikwemukele.” O, lokho kwenza amaBaptisti amahle, namaMethodisti, namaPresbyterian. Niyabo? “Ngiyacabangela ukuthi sesinakho, bafowethu. Masiphume futhi siqale umhlangano.”

219 Babengakaze babe nakho. Kodwa abazange bacabangele lutho. Ngani na? Babazi ukuthi ngale emiBhalweni... Ngizoninika eminye imiBhalo umzuzu nje, ngokushesha nje lapho sengiphenye kukho.

220 Ku-Isaya 28:11, Wathi, “Isiyalezo phezu kwesiyalezelo; umudwa phezu komudwa phezu komudwa; lapha ingcosana nalapho ingcosana.” “Bambelela kulokho okuhle.” “Ngezindebe ezingingizayo nangolunye ulimi ngiyakukhuluma kulababantu. Lokhu ngukuphumula.”

221 UJoweli 2:28 wathi, “Kuyakuthi ngezinsuku zokugcina, ngizothululela uMoya waMi phezu kwayo yonke inyama. Amadodana namadodakazi enu ayakuprofetha.” Haleluya! Balinda umBhalo waze wabonakaliswa kubo. Abazange bacabangele lutho. Balinda kwaze kwedlula. Balinda baze bakuthola.

222 Ibandla lePentecostal, namanje abesifazane babo besagunda izinwele zabo, abesilisa babo basabhema osikilidi, nezinto esizenzayo, nezinto ezinjalo, futhi—futhi sivumele abantu bakithi baqhubeke kanjalo. Sicabangela okuthile. Asibuye, mfowethu. Asibuyele emuva lapha umzuzu nje. Sigijima ngaphambi kwethu. Asikwazi ukuba ngamapentecostal futhi senze kanjalo. Qhabo, mnumzane.



223 Asibuyee kuze kwehle uMlilo kaNkulunkulu oqothulayo, futhi semukele umhlatshele, sithola iBandla ligcwaliswe ngokuphelele ngoMoya kaNkulunkulu, namandla ePentecostal emfashini endala aqala ukuzibonakalisa ebandleni futhi. Impela. Impela.

224 Siyakucabangela nje. Niyabo? Siyakuthatha nje, “Awu, yebo, mnumzane, ngiyakholwa. Ngakhuluma ngezilimi ngelinye ilanga. Ngikholwa ukuthi ngakwemukela, Mfowethu Branham. Ngi—ngikholwa ukuthi lokho kunjalo.” Futhi uziphatha ngendlela oziphatha ngayo na? Wenza izinto ozenzayo na? Ukuzihlanganisa nezwe na? Ukubuka itelevishini ngoLwesithathu ebusuku esikhundleni sokuya emhlanganweni womkhuleko na? Zonke lezizinto, uyazithanda, “We Love Suzy,” nazo zonke lezo ezinye izinto, kangcono kunokuthanda iBhayibheli na? Funda omagazini ngaphambilini na? Abantu bePentecostal bafunda omagazini ngaphambilini na? Isizathu, bonke abesifazane uziphatha kanjalo, nifanele nikwenze, nani na? Ukwenza zonke lezizinhlobo zezinto, futhi khonake uyacabangela nje.

225 “Othanda izwe, noma izinto zezwe, uthando lukaNkulunkulu alukho ngisho nakuye.” Kunjalo. Yiqiniso.

226 Ukufika endaweni lapho konke kungumbukiso. Konke nje kungumbukiso, esikhundleni sobungcwele bemfashini endala, esikhundleni sokubuyela kuNkulunkulu. Niyazibona izithombe namuhla zokukhangisa, nabavangeli bephuma, nezinhle ngempela, izinwele ezisongekile. Ngingathanda ukuba nazo. Yiqiniso lelo. Kodwa niyabaqaphela. Bazothatha isithombe sabo, nokho, babamba—babamba ikhanda labo balibhekise phansi emaceleni, ukukhombisa lezo ezinhle ngempela, izinwele ezisongekile, bekhangisa ngaleya, nezinto ezinjalo.

227 Ake ngikutshela, mfowethu. Akumangalisi uMoya kaNkulunkulu ususukile entweni. Akumangalisi sibuyile sibanda nje njengamaMethodisti noma amaBaptisti. Sifanele siphume kulokhu, mfowethu, dadewethu, kungenjalo uNkulunkulu uzosiqothula. Kunjalo impela. Sifanele sibuyele emuva emandleni kaNkulunkulu, emihlanganweni emidala yomkhuleko nokuzamazama kukaMoya oNgcwele, kuze kuthi abesilisa nabesifazane baphile ngcwele futhi bengcweliswe. Yebo, mnumzane. Khipha izwe, nayo yonke iHollywood, nokugqoka nezinto, entweni. He! Kunjalo, mfowethu. Yebo. O, sikhohlisa kanjani isono! Sihquzela singene kalula kanjalo, futhi sithathe izinto. Sivele sikuhwaphune, futhi sikubambe, futhi sihambe nakho. Yebo, mnumzane.

228 Izihlakaniphi, nina mabandla ngezinye izikhathi nivotela umelusi wenu, noma ngabe nikwenza kanjani. Bakwenza njengamabandla eBaptisti, kanjalonjalo, namaPresbyterian, namaMethodisti, namaPentecostal, nawo, kusobala. Ufuna

umelusi wakho, uzama ukuthola othile omkhulu, umfo ohlakaniphile, ukuze uthi kumakhelwane wakho lapha, “Niyabo, umfo wethu une . . . Umelusi wethu—wethu unemfundo yasekolishi.” Niyabo? Thina, wena, uzokhetha indoda enjalo.

<sup>229</sup> Uma ngifuna indoda ezofundisa abantwana bami, ukuba ngibashiye ngaphansi kokufundisa kwayo, nezinto ezinjalo, futhi umfowethu, umama wami, nomunye engilindele ukuhlangana naye ngale kwelinye izwe, Ngincamela ukuba nendoda engabazi o-ABC bayo, uma sekuza ekuboneni kwengqondo. Ngincamela ukuthi yazi uKristu, kunjalo, njengoMsindisi. Yebo, mnumzane. Noma ngabe ibingashumayela, noma isukume futhi igxaze amathe nakho konke okunye, bekuze kungenzele mehluko. Ibigqoke ama-ovaloli epulpiti, kwenza mehluko muni lokho na? Inkathazo yakho ukuthi, sigqoke kakhulu nemfashini. Futhi amaPentecostal, thina nje . . .

<sup>230</sup> Yithina nje sonke. Si—sizoqothulwa uma singenzi okuthile ngalokhu. Sidinga imihlangano yomkhuleko. Sidinga ukubuyela emandleni kaNkulunkulu. Yebo, mnumzane. Futhi nje yisho into encane ngakho, “O, he, bakithi!” Abantu bacabanga ukuthi lokho kuyesabeka nje. “O, he! Bengingeke ngimfune ebandleni lami, esho izinto ezinjalo.” Mm! Niyabo? Yilokho-ke. Kwenzenjani na?

<sup>231</sup> Kuyakhombisa ukuthi kukhona okungalungile ngaphakathi. *Leli yiZwi likaNkulunkulu. Lona umyalo waKhe.* Siyacabangela ukuthi sikahle, kodwa ngiyazibuza, ngiyazibuza ukuthi uNkulunkulu uthini ngakho. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Yebo, mnumzane. Lokho ku—lokho kubi kabi ukusho lokho, kodwa kulungile. Yebo, mnumzane.

<sup>232</sup> NgoSuku lwePhentekoste, balinda baze baba negunya langokomBhalo. Kunjalo, ngaphambi kokuba basho noma yini, babazi ukuthi babenakho. Abashongo ukuthi—ukuthi, “Awu, ngi—ngizwe umuzwa omncane.” Bawuzwa, bawubona, nakho konke okunye. Babazi ukuthi Wawulapho. BaWubonile uhamba kubo, usebenza kubo, ukhuluma ngabo, yonke into. Wawulapho. Babengafanele bacabangele lutho. Wawulapho, uZikhulumela.

<sup>233</sup> Futhi indoda, lapho izalwa ngokusha ngoMoya kaNkulunkulu, yinto efanayo namhlanje. Awucabangeli.

<sup>234</sup> “Ngi—ngikholwa ukuthi semukela uMoya oNgcwele lapho sikholwa.” Qhabo. Awuzange. Awu re . . . Abanye, ubungakwenza. Kodwa nje ngoba uyakholwa, uma uNkulunkulu engakugcwalisanga ngoMoya oNgcwele, khona-ke Akakakuqinisekisi namanje. Awukabi naWo. Niyabo? Kunjalo.

<sup>235</sup> Ungacabangeli ukuthi unaWo. Qiniseka ngaleyonto. Awufuni ukuthatha ishansi kukho, qhabo, ngoba uzolahleka. Ungacabangeli nje. Hlala nje, hamba, uhlale kuze sekuphelile.

Namuhla sikuthatha ngesivumokholo noma ngohlobo oluthile lwedlingozi.

<sup>236</sup> Ngezwa umuntu othile; njengoba bengisho ekuqaleni komyalezo wami. Emuva lapha, ezinsukwini ezimbalwa ezedlule, ngangisendaweni, futhi abanye babo bathi, “Manje, ufanele ugqoke ingubo ka-Eliya.” He, kunezingubo eziningi ezahlukene, no—nokuthinta, nokubamba, namadlingozi, engake ngakuzwa empilweni yami. Wathi, “Manje kuyeke nje kungabi nalutho. Kungabi nalutho. Buyisela ikhanda lakho emuva.” Abalungile, abantu abathembekile. “Ungabi nalutho. Ungacabangi lutho. Vele nje—nje—nje uyeke ingqondo yakho ingacabangi lutho ngokuphelele manje. Manje uthi, ‘Ngiyamkholwa uNkulunkulu. O, ngiyakholwa ukuthi Wena uzonginika i—ingubo ka-Eliya.’”

<sup>237</sup> Angiyifuni ingubo ka-Eliya. Ngifuna uMoya oNgcwele. Ngifuna ukuza phezu kwesisekelo saleliZwi. Ngifuna ukuza nolwazi. Niyabo? Futhi ngiza phezu kukaNkulunkulu, ngikholwa. Lokho... Angeke ngimbozwe ngengubo ka-Eliya. Ngifuna ukumbozwa ngengubo yokulunga kukaJesu Kristu, ngembathiswe ngokulunga kwaKhe. Impela. Yileyongubo esiyifunayo. Yebo, mnumzane.

<sup>238</sup> Khona-ke uthi, “Sinayo! Thina!” Futhi abantu bayahamba, bekholwa yilokho. Uthi, “Awu, ngiyacabangela manje ukuthi ngiyitholile. Ngibe nomuzwa oyinqaba, niyabo. Noma, ngempela ngi—ngikwenzile. Ng... amakhaza agodolisayo egijima kimi wonke.” Ya.

<sup>239</sup> Abanye babo bathi, “Awu, kungenze ngisho ngakhala.” Ngakwenza, emngcwabeni kamama wami, kodwa, noma kunjalo, lokho kwakungahlangene ngalutho naLokho, uMoya oNgcwele.

<sup>240</sup> UMoya oNgcwele ungamandla kaNkulunkulu akuthumile, enhliziyweni, njengofakazi kaMoya. Uzelwe kabusha. Impilo yakho ihlanziwe. Izwe lifile, nakho konke ukunuka kwalo. Kufana nogaligi eGibhithe, niyabo, ukude kakhulu kukho. Uyisidalwa esisha kuKristu Jesu. Izinto ezindala zedlulile. Uba esisha, ngokuphelele, isidalwa esisha, esizelwe ngoMoya. Yebo, mnumzane. Amalunga akho onke omzimba wakho ayazithoba eMoyeni waKhe, futhi uhamba ngoMoya oNgcwele, futhi awulaleli umsindo wezwe. Amehlo akho asezintweni zaseZulwini. Ukuthi, lokho ku—lokho kunguthi uma ngempela une... UNkulunkulu uqinisekisa i—into.

<sup>241</sup> Kepha inqobo nje uma usenezwe, futhi ufuna ukuthi, “Awu, benza *lokhu*, futhi benza *lokho*. Ngiyacabangela ukuthi banaWo.” Bona, bangahle babe nakho. Angazi ukuthi banani, kodwa akusikho Lokhu engikhuluma ngakho. Kunjalo impela. Isizathu, akunjalo. Yebo, mnumzane. Lokho yi—lokho yinto eyodwa eyiqiniso, ngoba kukwenza wenze. Yebo, mnumzane.

242 Khona-ke ungacabanga ngomuntu enoMoya oNgcwele futhi ephika ingxenye yeZwi likaNkulunkulu, ethatha uhhafu waLo, ethi enye ingxenye ayilungile na? Niyabo? “Ngakho-ke ngikholwa ukuthi indoda ibifanele iphile, impilo enhle impela. Kodwa lapho sifika esikhathini sokucabanga ngokuphulukisa ngokukaNkulunkulu nazo zonke lezizinto ezinjalo, nokuzithiba, futhi, o, sifanele sibe *yilokhu*, *lokho*, angikholelwa kukho.” E-hhe.

243 IBhayibheli lathi lokho kuyofezeka. “Benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha amandla akho bewaphika.” Baphika ingxenye yeZwi laKhe nawo wonke amandla aKhe. Kunjalo. Yebo, mnumzane. Yiqiniso lelo. futhi khona-ke bayacabangela ukuthi banaLo. “Kulungile.” Niyabo? Yebo, mnumzane.

244 Inenekazi, amanekazi athi awabe amabili, ahlangu nomunye wodadewethu ehlela lapha, futhi waba nengozi encane emgwaqeni, noma walimala, kwaqhuma ipulaki emotweni yakhe, noma enye into. Futhi abanye besifazane, bamthatha, abavela ebandleni elithize. Futhi bamtshela lapho efika. Bathi, “O, iNkosi isiholele lapha.” Bathi, “Usephutheni. Ipentecostal isephutheni, niyabo. Ngakho-ke thina. . .” O, bengingathanda ukuba ngangilapho! Egqoke uhhafu!

245 Yeka ukucabangela. Linda kuze kube lonke ulaka seluhambile, izibonakaliso zeBhayibheli zensindiso yakho ziyenzeka kuwe.

246 UMose wacabangela, ngaphandle kobizo lwangempela, ukuthi ngempela uNkulunkulu uyokwembula kubantu. Wayephuma futhi adle iGibhithe ezansi lapho. Wacabangela ukuthi kwase kuyisikhathi sokukwenza. Kodwa wehluleka, futhi wehluleka kalusizi, futhi wawuyeka umdlalo, wawuyeka wonke umcabango wakho, kwaze kwathi ngolunye usuku uNkulunkulu wahlangana naye.

247 Ngenkathi ehlangana noNkulunkulu esihlahleni esivuthayo, e-hhe, wangena esihlahleni, isihlahla sangena kuye. Khona-ke kwaba nomehluko. Akacabangelanga, “Manje, angazi. Ngikholwa ukuthi ngizovele ngibulale lomGibhithe, ngimfihle ezansi lapha esihlabathini, futhi—futhi kuzoba yilokho kuphela.” Lokho kwakungolunye ucwezu luka-Akani, niyabo. Niyabo?

248 Kodwa ngenkathi uNkulunkulu esekhulume kuye, esihlahleni esivuthayo, futhi empeleni wambona uNkulunkulu, waba nesehlakalo kuNkulunkulu, futhi wazi ukuthi uNkulunkulu wayekhona, futhi waMuzwa ethi, “Impela Ngizoba nawe,” lokho u—lokho ukubizwa okuqondene nawe.

249 Izikhathi eziningi abantu bayahamba futhi bathi, “Ngikholwa ukuthi ngabizelwa ukushumayela iVangeli.” Niyabo? Indoda ayinamsebenzi wokushumayela iVangeli kuze kube. . .

<sup>250</sup> Angikhathali ukuthi ifunde kahle kangakanani, ukuthi ilazi kahle kangakanani iBhayibheli. Udeveli ulazi kangcono kunanoma yimuphi wethu, kunjalo, kodwa angeke aliphile. Yilokho kuphela. Angeke aliphile. Niyabo? Yilelothuba kuphela onalo phezu kwakhe. Niyabo? Angahle alazi njengoba nawe ulazi, kodwa angeke aliphile njengoba ungenza. UKristu wafa, ukuze ukuphile, niyabo, futhi Akazange enzele yena. Ngakho—ke manje, niyabo, i . . .

<sup>251</sup> Akukho mfundisi onanoma yimaphi amalungelo, akunandaba ukuthi uhlakaniphe kangakanani, ukuthi wazi isayense yezenkolo kangakanani, nokuthi ulazi kahle kangakanani iBhayibheli, akanamsebenzi epuliphi, ukushumayela iVangeli, aze aqale ahlangane noNkulunkulu. Hhayi ukucabangela, ukuthi, “Ngifanele ngiphume. Ngizophila kangcono, futhi ngethemba ukuthi ngeke kudingeke ngisebenze kanzima kakhulu.” Uyaphazama lapho, mfowethu, uma ngempela ungumshumayeli. Ya. “Kodwa ngizo . . . Futhi abantu bazoba ngalendlela. Futhi ngizoba ngothandwa abantu phakathi ko—omakhelwane lapho engikhona, nezinto ezinjalo. Futhi ngicabanga ukuthi kuyinto efanele ukuyenza.” Akusikho lokho.

<sup>252</sup> Ubizo lukaNkulunkulu luyinto ethile ongayicabangeli. Luyinto ethile, isehlakalo sangempela, into oyikhulume ubuso nobuso noNkulunkulu, futhi uyazi ukuthi uthunyiwe ukuba uhambe ukwenze. “Impela ngizoba nani.” Awucabangeli lutho. Uyakukholwa nje. Yebo. Ungakucabangeli.

<sup>253</sup> Ungacabangeli nje, “Ngigijima kahle.” Linda umKristu, isehlakalo esiqonde nawe. Ungawubizi uMoya oNgcwele uma uzibona uzilibazisa ezweni. Ungakwenzi lokho. Ungakwenzi. Wena, ubungaba ngcono uma nje ukhohliwe yikho, niyabo, uma ukhohliwe.

<sup>254</sup> “Awu,” uthi, “Mfowethu Branham, nga—ngathola uhlemvane kimi ngelinye ilanga.” Lokho—lokho—lokho—lokho kungahle kulunge, futhi. Niyabo? Kodwa wena uthi, “Awu, ngi—ngisine eMoyeni. Ngingahle ukuba ngikhulume ngezilimi. Ngi—ngi—ngingahle ukuba ngizenzile lezizinto.” Lokho kuhle. Yebo, mnumzane. Kulungile lokho. Kodwa uma leyompilo ingaqondiswanga, uma nina madoda nisabhema osikilidi, nixoxa amahlaya, niphuze iziphuzo zokuba nobudlelwane, niqambe amanga, nikhohlise, ningathembeki kumakhelwane wenu, ningathembeki ngisho emndenini wenu, niyabo, futhi nizisho ukuthi ninoMoya oNgcwele, ungaphinde ukufakaze lokho, mfowethu.

<sup>255</sup> Futhi nani besifazane eningenakho ukuhlonipha kwabantu bonke ukuvumela izinwele zenu zikhule, njengoba uNkulunkulu anitshela ukuba nikwenze. Kunjalo. IBhayibheli lathi owesifazane oyophungula izinwele zakhe uhlazisa ikhanda lakhe, futhi, yena, lokho kuhlazisa umyeni wakhe. Futhi nina

eniyoqoka lezizingubo ezindadlana njengoba izwe lonke liyiqoka, iBhayibheli lasho ukuthi lowo...“Owesifazane oyogqoka ingubo yowesilisa uyisinengiso,” ungcilile ebusweni bukaNkulunkulu. Futhi khona-ke nizisho ukuthi ninoMoya oNgcwele na? Niyacabangela ukuthi ninaWo. Kodwa uma uWuthola, Uyakuhlaza, kunjalo, ukwenza wehluke.

<sup>256</sup> Wena ozisho ukuthi unoMoya oNgcwele, nawe onezinwele ezinde, futhi ugqoke izingubo zakho ngobunono, yonke into kanjalo. Futhi uyohlala ekhaya ngoLwesithathu ebusuku ukuze ubuke uhlelo, uhlelo lwethelevishini, esikhundleni sokuya ebandleni emhlanganweni womkhuleko, uyacabangela ukuthi unoMoya oNgcwele. Ngokuba lapho uMoya oNgcwele ephakathi lapho, uthando lukaNkulunkulu luphoqelelwe kakhulu kuwe, uze nje ungakwazi ukusuka kubantu. Niyabo? Wena ofanele uphoqwe emkhulekweni!

<sup>257</sup> Kungathiwani uma umkami, uma ngitshela umkami... Futhi uma ngishada, ngangishadile, ngatshela umkami ukuthi ngi—ngangimthanda, futhi lokho bekungamanga na? Futhi lapho kufika kwelamanqamu ngempela, thina, kuwu—kuwuthando lokufakelwa. Nje ngi...Ngi...Akulona iqiniso ngempela. Niyabo?

<sup>258</sup> Kufana nokuthi nje ubungafaka amazinyo okufakelwa, uma ungenawo amazinyo. Lokho, lokho kulungile. Ufanele ube nento ozohlafuna ngayo, ngakho-ke uzitholela amazinyo okufakelwa. Lawo mazinyo alungile, isibambiso, uze u—uthole amanye. Kodwa, lokho, lawomazinyo awaxhumene nawe. Awaxhunyiwe lapho. Alungile. Ayisibambiso, kodwa awaxhumene nawe. Awayikungena ekuvukeni, ngoba awaxhumene nawe. Kunjalo.

<sup>259</sup> Uma ubunengalo enqunyiwe, ufaka ingalo yokufakelwa, iyisibambiso kokuthize. Gqoka igilavu, futhi ngakho-ke lokho ku—lokho kulungile. Kulungile ngokuphelele, niyabo, ukwenza lokho, kodwa leyongalo yokufakelwa ayisoze yeza. Akukho lutho olokufakelwa oluyoke luze ovukweni.

<sup>260</sup> Futhi kanjalo nomKristu wokufakelwa oyo ke avuke ovukweni. Awuxhumene noKristu.

<sup>261</sup> Futhi uma ungamthandi ngempela umkakho ngaphezu kwanoma yimuphi omunye wesifazane ezweni, akanjalo, nokho kukhona okungalungile. Uma ungamthandi umyeni wakho, uma umthatha kancane futhi ungaphili uhlobo lwempilo olufanele, kukhona okungalungile. Kunjalo. Angeke yena. Angeke babe lapho kanjalo, ekuvuk—...Kungahle ukuthi washanda naye. Uhlala ngokuhlonipheka kuye. Lokho kuhle. Ngi—ngiyakuthakasela lokho. Ufanele ukwenze lokho njengenenekazi, ngenxa yabantwana bakho. Nani madoda kumkenu, kunjalo, nifanele nikwenze lokho, ohloniphekile. Kodwa ovukweni, lowo angeke kube nguye.

262 Wena, ngokufanayo nje njengakuKristu manje, ufanele uxhunywe, ingxenye kaKristu.

263 Hhayi okuthile kokufakelwa, kugqokiwe, “Ngiya esontweni futhi ngisho iHubo lokubonga nesiVumokholo sabaPhostoli, nokunye nokunye, futhi ngikholwa ukuthi ngigijima nje kahle njengabo bonke abanye.” Mfowethu, uyacabangela. Ungakuthathi kancane nje lokho. Uhamba ezinkundleni empeleni ongenalo igunya lokubiza uMoya oNgcwele. Awunalo igunya langempela.

264 Sitheni emuva lapha, uWebster wathini na? UWebster wathi, “ukulinga ngaphandle kwegunya langempela.”

265 Uyalinga, uthi, “NgiyaPentecostal,” lapho ungenaso isehlakalo, futhi awuphili impilo yePentecostal. Yebo, mnumzane. Ini? Ngaphandle kwegunya langempela. Noma, ukukuthatha kancane, “Ngakhuluma ngezilimi, ngakho-ke ngicabanga ukuthi ngiWutholile.”

266 Ngiyakholelwa ekukhulumeni ngezilimi, futhi. Kodwa uma ukuphila kungakulandeli, khona-ke kwakungekühle. Niyabo? Impela. Ngibabonile abathakathi bekhuluma ngezilimi, nabathakathi bezihumusha. Niyabo? Ngiyakwazi lokho. Futhi ngibone abangcwele bekhuluma ngezilimi. Kwahunyushwa, futhi. Kodwa, niyabo, kufanele kube impilo. “Niyakubazi ngezithelo zabo,” uhlobo lwempilo okuyilo.

267 Futhi bukani emlayezweni wethu wePentecostal namhlanje ekushumayeleni, nabantu bakithi bephoxa njalonjalo. Ngisho nezinto ezincane ezivamile, abakwazi ngisho nokungena esizokelweni sokuhlonipha ngokujwayelekile. Khona-ke sizowubiza kanjani uMoya oNgcwele na? Sekuyisikhathi, mfowethu. Akumangalisi izwe lithi awunakho lokho ozisho ukuthi unakho. Siyakucabangela. Sithatha igama le “pentekoste” ngaphandle kokuphila ukuPhila kwepentekoste. Impilo yepentekoste yimpilo ehlukaniselwe egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, ecebile neyasebukhosini, kuze kungabikho muntu ongabeka umunwe kuwe. Ipentekoste langempela lelo. O, asinjalo yini. . . Ini? Kungani ungafuna isibambiso na? Kungani udeveli engakukhohlisa entweni efana naleyo na?

268 Ngifunda lapha esikhathini esingeside esedlule, ukuthi udeveli angakhohlisa umuntu kalula kanjani kulokho. Ngangifunda impilo kaMartin oNgcwele. Abaningi benu bakufundile lokho, kusobala, eNayisiya, ngaPhambi koMkhandlu waseNayisiya, oBaba, njalo, ukuthi uSathane weza kanjani kuye, ngempela kakhulu, ukuthi wafika kuloMartin. Wayegqoke umqhele omuhle ekhanda lakhe, ebukeya kahle, izinwele ezicwebezelayo, nezicathulo zegolide. UMartin, kwavele kwamangaza, ngenkathi ebona umbono wakhe emi lapho. Wathi, “Awungazi, Martin na? NginguKristu.”

269 UMartin wayeyindoda egcwaliswe ngoMoya oNgcwele, futhi wayenze kahle ngempela. Niyabo? Lalelani lokhu nje.

Futhi wathi, “Ngamukele, Martin. Kungani umile, ungabaza na?”

270 UMartin wabheka emuva futhi wathi—wathi, [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.], “INkosi yami ayibuyi ithwele umqhele ekhanda laYo. Abangcwele baYo bayithwesa umqhele.” Niyabo? UmBhalo; hlala naWo. Ya. WayeseZwini.

271 Ngobunye ubusuku, esikoleni; omunye wabafundi bakhe, umfundisi, wayenesikole, isigodlo sezindela zesilisa. Eziningi ze... Okungukuthi, manje sebebabiza ngabafundi nezikole zeBhayibheli. Kodwa omunye wabafundi uqala ukuba nomuzwa wokuzazi. Wathi, “Ngingomunye wabaprofethi beTestamente eLidala. Ngilaleleni nonke.”

272 Sinakho lokho namuhla. “Ngilaleleni.” Umprofethi wangempela akalokothi asho into efana naleyo, bangane. Izwi lakhe lokugcina, ungumuntu wokugcina ukusho lokho. Niyabo?

273 “Ngilaleleni nonke. INkosi inginike igunya.” Waqhubeka enza lokho. Abazalwane bangempela abazange bamnake, kanjalo nombhishobhi. Waqhubeka nje, futhi ekugcineni wathi, “Ngoba nonke aningikhulwanga, ngiyaprofetha. Kulobubusuku, iNkosi uNkulunkulu izokwehla futhi inginike ingubo emhlophe, ukuba ngihlale phakathi kwenu. Ngingomunye wabaprofethi beTestamente eLidala.”

274 Lokho kuzwakala kungokwemvelo ngenamuhla na? Kuhlale manje, qhubeka nje. Niyabo? Omunye washo, esikhathini esingeside esidlule, sasinakho ephapheni, “UNkulunkulu wehla, wamnyusa phambi kukaNkulunkulu uBaba, futhi wezwa iziNgelosi ezinezimpaphe emaphikweni aZo.” Whewu! Kulungile.

275 Khona-ke lokhu, ngalobobusuku cishe phakathi kwamabili, ngempela kwafika ukukhanya endaweni yakhe. Futhi babenamathoshi kuphela ngalezozinsuku, ukukhanya kwangempela, bezwa ukuhlebeza kubantu. Ngokuqondile waphuma nengubo emhlophe. Wonke umuntu wezwa ngakho, wayengakaze abone noma yini efana nakho. Wonke umuntu uyafika. Umbhishobhi uyafika, wakubuka. Kwakungesiyo ngisho indwangu; okuhle. Kwakungesiyo ingubo emhlophe. Kwakuyi—kwakuyingubo ebubende, ekhukhumele futhi enhle ngempela, wayengakaze ayibone into enjengaleyo eyenziwa sonke isikhathi.

276 Ngabe amaPentecostal abengeke akugwinye lokho na? Mm! He, lokho bekungaba yikho. Yebo, mnumzane.

277 Ngakho-ke umbhishobhi omdala wayeyindoda ehlakaniphile impela, nokho. Okwakhe... Kwakuyini inkinga ngabo, ibandla emuva lapho na? Bahlala neZwi. Abazange



bacabangele lutho, akunandaba ukuthi kwakuluhlobo luni lwedlingozi.

<sup>278</sup> UNkulunkulu abusise izinhliziyu zenu, bazalwane. Hlalani naleloZwi. Angikhathali ukuthi kangakanani umelusi wakho, ukuthi kangakanani uJohn Doe, noma omunye umuntu uthini, noma ibandla, noma inhlango isho *lokhu*, *lokho* noma *okunye*, “Kulungile. Yenza okuhle ukwedlula konke ongakwenza.” Ungakukholwa. Hlala nje naleloZwi.

<sup>279</sup> Ngakho-ke lengubo yayingeyona eyemvelo. Futhi wathi, “Manje niyabo, kusukela kulokhu kuqhubeke, ngihlezi phakathi kwenu, kulengubo ethandekayo ethunyelwe phansi ivela eZulwini.”

<sup>280</sup> Whewu! Lokho bekungeke yini kuwudabule umhlangano wePentecostal, mfowethu na? Bebengeke yini bakwenze na? Hhe! Niyabo? Kuphuphuthekisa amehlo, kuvele kwemukele okuthize nje, o, kulula kakhulu ukukhohliswa. Niyabo? Kunjalo. Ungakuthathi lokho.

<sup>281</sup> Wathi, “INkosi ingiphe lokhu. Futhi manje nonke nifanele nazi ukuthi ngingumprofethi. Ngingomunye wabaprofethi beTestamente eLidala. Manje nonke lalelani enginitshela khona.” Niyabo? “Ngizokhipha imiyalo ngalapha kusukela manje kuqhubeke.”

<sup>282</sup> Kodwa ngandlela thize, umbhishobhi omdala, akuzange kumhlalise. Kwakungekho nje... Kukhona okwakungalungile. Niyabo? Kwakungabukeki nje kulungile, ngoba isimo sokuziphatha somfana sasingalungile. Niyabo?

<sup>283</sup> Akusiyi indlela abaprofethi abenza ngayo. Abaqinisekiswa ngalokho abakushoyo, lokho bona...kanjalo, lokho abakushoyo. Kuyizibonakaliso ezibalandelayo.

<sup>284</sup> UmKristu, ngendlela efanayo, kanjalonjalo. Uma sithi singamaKristu, futhi sisesezweni, khona-ke kukhona okungalungile. Niyabo? Kukhona okungalungile. Akukwenzi, akuzwakali nje kahle, akubukeki kahle. Akunandaba ukuthi usho kangakanani ukuthi kulungile, akusikho okulungile namanje. kufanele kuze eZwini, kubuyeke eZwini.

<sup>285</sup> Ngakho-ke wathi, umbhishobhi omdala wathi, “Sizochitha ubusuku bonke ekuculeni amahubo no—nokunikela umkhuleko.” Konke kwaqhubeka. Umbhishobhi omdala wakhuleka ubusuku bonke gulukunqu. Bonke abanye bacula amahubo eNkosini.

<sup>286</sup> Ngakusasa ekuseni. Babazi ukuthi uMartin wayengumprofethi kaNkulunkulu oqinisekisiwe. Wayengadingeki ukuthi atshele noma ubani lokho; imisebenzi yakhe yakufakazela lokho. Ngakho-ke wathi, “Kukhona enye futhi into engifuna uyenze, ndodana.” Wathi, “Ngifuna uhambe ume phambi kukaMartin.”

Wathi, “O, ngixwayisiwe ukuthi ngingami phambi kukaMartin.”

<sup>287</sup> Nakho lapho okhona. Nakho lapho okhona. Niyabo? Lowo onegolide elihle akumele esabe ukuliyisa emshinini wokuthintisa. Lowo ophila impilo engaphezu kokuthukwa akanandaba ukuthi izwe limbiza, “umgingqiki ongcwele.” Kunjalo. Uma indoda iphila impilo engaphezu kokuthukwa, uma owesifazane ephila empilo engaphezu kokuthukwa, angezwa noma yiluphi uhlobo lwezwi elishunyayelwa eZwini likaNkulunkulu, noma yena, noma yiliphi elinye. Akahluphi. Impela akunjalo. Awudingekile ukuba uhambe, wesabe itshe lokuthinta, uma unegolide langempela. Awudingekile ukuthi ukhathazeke ngakho. Kuzokumela ukuvivinywa.

<sup>288</sup> Futhi ngakho-ke bathi, “Uyahamba noma kanjani,” ngoba bayazi ukuthi uMartin wayengumprofethi oqinisekisiwe weNkosi. Ngakho-ke, uNkulunkulu wayekade enaye ezintweni ayezenzile, futhi wafakazisa ukuthi kwakunjalo. Ngakho-ke baqala ukumqokula, ukumthatha, noma kanjani, nengubo yashabalala. [UMfowethu Branham ushaya iminwe yakhe—Umhl.] Niyabona ukuthi kulula kangakanani, ukucabangela na? Lowomfana oqotho, ecabangela ukuthi izwe iPhimbo! Bekungaba lula kanjani kulowo mbhishobhi, nanoma yimuphi wabo, ukukholwa yilokho, kodwa labobazalwane bahlala neZwi.

<sup>289</sup> Ngenkathi lowomkhandlu waseNayisiya wenyukela lapho, baqala ukuphikisana. Abanengi benu befundisi niyazi ukuthi ngikhuluma ngani. Lezo ezaziyizikole zangempela, njengoPatrick oNgcwele nalabo abawela, nabehlukene, lowo no-Irenaeus nabanye abehlukene, bahlala neZwi. Bonke abanye bathatha imibhedesho base behamba, futhi kuselapho nanamuhla. Kodwa amakholwa angempela ahlala neZwi. Makabongwe uNkulunkulu! Ngiyazi.

<sup>290</sup> Asingacabangeli lutho. Hlala naleloZwi. Futhi uNkulunkulu ubophezekile ukwenza . . .

<sup>291</sup> LeloZwi liyiMbewu, naleloZwi liyoveza konke elathembisa ukukwenza. Lizokwenza. Lizokhipha izwe kuwe. Lizokungcwelisa. Lizokwenza uphile impilo ehlukele. Lizokwenza wenze izinto obucabanga ukuthi ubungeke uzenze, ngoba yiZwi elikuwe.

<sup>292</sup> Ungacabangeli ukuba nakho. Bheka impilo yakho, futhi uyilinganise futhi ubone ukuthi impilo yakho iyini. Bona indlela ophila ngayo. Bona ukuthi usekuKholweni yini. Hlola futhi ubone ukuthi konke nje kuhamba kahle yini. Bona ukuthi izwe lisenalo yini uthando, olungaka, lizokubiza uqhele ezintweni engekaNkulunkulu ngempela, ukuthanda izwe. Uma kunjalo, mfowethu, hlola khona lapha. Yima khona lapha, uthi, “Sathane, buyisela leyonto engcolile. Angeke ngiyimukele.”

293 “Awu, ngale ebandleni lika *S'bani-bani*, bayakwenza lokho. UMfowethu *S'bani-bani* uvumela abantu bakhe.”

294 “Angikhathali ukuthi uMfowethu *S'bani-bani* wenzani. IZwi lithi ningakwenzi. Lokho kuyakuxazulula.” Kunjalo.

295 “Awu, bona, bayinhlango enkulu kunazo zonke ezweni. Bonke bayakwenza. Bathi kulungile.” Yebo. Ya, bangahle bathi kulungile.

296 Kodwa uma uNkulunkulu esho, niyabo, iZwi likaNkulunkulu lasho. USathane wathi, “Kulotshiwe. . .” Futhi uJesu wathi, “Kulotshiwe futhi. . .” Niyabo? Nakho-ke. Niyabo? Kulotshiwe.

297 Sifanele sigcine iZwi likaNkulunkulu. Ungacabangeli lutho. Ungakuthatheli phansi. Ungakulingi lapho ungenalo igunya lokwenza. Into okufanele yenziwe ukuhlala lapho futhi ulinde, uma kuyizinsuku eziyishumi, izinsuku ezingamashumi amabili, iminyaka eyishumi, kumbe noma ngabe kuyini, uze ube neqiniso ngokuphelele, neZwi liyafakaza ngokwalo ukuthi kunjalo. Khona-ke uqinisele. Leyompilo izoqondiswa, futhi ifike ibe yinde, ifike ngqo endaweni yayo. Kuyobanjalo impela.

298 Futhi, ibandla, bengihlale ngizibuza. Ngingathanda ukungena ebandleni. . . Ngethemba ukuthi ngizokubona ngaphambi kokuba ngife. (Ekuvaleni.) Hambani ningene ebandleni ngesinye isikhathi, futhi nidabule lapho futhi nibone nje, o, ukuthi isono besingenakuhlala kanjani ngisho kulelobandla. Noma yiliphi ilunga kuzomele likuvume ngaphambi kokuthi lifike lapho. UMoya oNgewele wawuzosibiza khona lapho, kanjalo. Niyabo? Njengoku, niyababona abesifazane behlezi lapho, babukeka njengamanenekazi. Nibone amadoda enjengamadoda, amadoda ngempela anobuqotho, amadoda agcwaliswe ngoMoya oNgewele, agcwaliswe ngoMoya. Makuthi nje isono esisodwa sibe sebandleni, noma yikuphi, uMoya oNgewele usibiza ngaleso sikhathi. Njengo-Ananiya, uSafira, yiba nakho lapho phambi kwakho. Niyabo? O, lelo yibandla engingathanda ukulibona. Ngifisa sengathi ngingalibona.

299 Ngilwe emazweni onke, bangane. Ngishayile. Ngangqubuza. Nge—ngenze yonke into, ngampongolozela abantu, futhi ngezinye izikhathi ngalahla izinhlango zabo, nezinto. Hhayi inhlango; akusikho lokho. Inhlango ilungile. Anginalutho olumelene nalokho. Kodwa lalela, mfowethu, abantu abaningi kakhulu, niyabo, bathembele kuleyonhlango. Niyabo?

300 Uma ubuwehla ngomfula ubheke ngasezimpophomeni, futhi ngikubonile ukuthi ubusesikebheni esincane, futhi lesosikebhe besizocwila. Futhi mina ngiqophisana nawe, akusikho ukuthi angikuthandi. Yingoba ngiyakuthanda. Niyabo? Uzosakazeka phezu kwezimpophoma.

<sup>301</sup> Futhi uma uthi, “Awu, singabalokhu. Kodwa, Mfowethu Branham, ngiyakutshela, thina, umelusi wethu, uyindoda elungile.” Angikungabazi nakancane lokho. Futhi indoda ithembekile. Iyacabangela ukuthi iqinisile. Khona-ke wena uthi, “Ngani, ithi, ‘Ayikho into enjengokuphulukisa ngokukaNkulunkulu. Ayikho into enjengokukhuluma ngezilimi. Ayikho into enjengalezizinto. Akulungile lokho.’ Ngani, uthi Lokho akulungile. Inhlango yakhe ifundisa lokho.” Awu, angimelene nenhlango yakhe, kodwa leyonto izosakazeka.

<sup>302</sup> UJesu wathi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakhulayo.” Niyabo? Ungacabangeli. Qiniseka. Khona-ke unakho, lapho uqinisekile. Bangaki abangathanda ngempela ukuba nalolohlobo lwesehlakalo, ubungathanda ukungena ebandleni elinjalo na? Bekungeke yini kumangalise na?

Asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje.

<sup>303</sup> Baba wethu waseZulwini, eBukhoni bobungcwele baKhe, sazi ukuthi Ungoqinisile noluNgileyo, kulukhuni kanjani, Nkosi, ukuza kubazalwane nodadewethu futhi ukhulume izinto ezisikayo, nezigubhayo, nezinyembezi. Futhi kulukhuni kanjani ukusho lezozinto, Baba. Ngi—ngiyakhuleka ukuthi Wena ube nomusa kimi, futhi wazi ukuthi inhliziyoyami ihambela kubantu o—othandweni, ukuthi ngi—ngiyathanda nje ukuba nabo.

<sup>304</sup> Futhi kungani ngifanele ngikhulume izinto ezinjalo na? Ngoba, Baba, ngiyakukholwa ukuthi—ukuthi kufanele kushiwo, ukuthi ku—kuyiZwi laKho, futhi kufanele kwenziwe. Futhi izikhathi eziningi kusiza abazalwane bethu endleleni, lapho ibandla lithola ukuzidla kakhulu ukuthi ba—bavele bahambe nje phezu kwemiyalo yomelusi nezinto. Bese kuthi-ke, Nkosi, Uyathuma, ngezinye izikhathi, omunye umuntu, futhi wenza umlomo wofakazi ababili noma abathathu, nokubona ukuthi—ukuthi kuyakhulwa ngempela, futhi kuyiqiniso ngempela, futhi abehlukene bekucaphuna. Khona-ke abantu bayokuma bengenazaba ngalolosuku.

<sup>305</sup> Baba Nkulunkulu, ngiyazi ukuthi akekho noyedwa lapha ongafuna ukulahleka ngaloloSuku. Into eqhele kakhulu emqondweni wabo kuyoba ukulahleka ngaloloSuku. Futhi, Nkosi, akunandaba ukuthi senzeni, Wena wathi, “Uma umuntu engazalwa ngokusha, angeke ngisho awubone uMbuso kaNkulunkulu.” Khona-ke uma sizalwa ngokusha, singabantwana bakaNkulunkulu, nezinto zezwe zifile kithi. Asisazihlanganisi nabo nhlobo. Ba—bafile.

<sup>306</sup> Futhi ngiyakhuleka kuWe, Baba, ukuthi Uzoba nomusa kulobubusuku futhi vuma ukuthi lonke ilungu lebandla ebelihlanganyele ezintweni ezinjengokugodola okuncane, nokubuyela emuva ungene ezweni, ukuthi, ngokushesha bayoba njengejuba elaphendulwa emkhunjini, ukuba lihambe liyothola

izwe, futhi liyabuya. Alizange likuthole ukuphumula ematheni ezinyawo zalo, phezu kwezidumbu ezifile. Futhi langqongqoza efasiteleni, waze ubaba uNowa walivumela laphumula ngaphakathi emkhunjini, kwaze kwehla izikhukhula. O Nkosi, kwangathi lowomuntu angabuyela kuNkulunkulu kulobubusuku.

<sup>307</sup> Kwangathi ibandla lingabuya, ngokuphelele. Kwangathi lesi kungaba yisikhathi sokuhlola, ePhoenix. Kwangathi amabandla angashukumiswa ebungcweleni, Nkosi. Futhi kwangathi kungaba khona umnyakazo ongaka, ukubona lokho, iminyakazo emikhulu Oyiqalayo, futhi . . . futhi amandla kaNkulunkulu aqala ukugeleza phakathi kwabantu. Bese kuthi-ke okwezwe nokunganaki, nokulingisa, no—nokuqhathanisa kwenyama, no—nobuzwe bungena ngokunyanya ebandleni, ngokufanayo ncamashi njengoba bekunjalo endikimbeni yethu kulobubusuku. Bagijima kahle.

<sup>308</sup> Baphuma eGibhithe, ngaphansi kokusoka, nasegazini lewundlu, futhi—futhi babenza kahle. Kodwa ngenkathi bekhuphukela lapho kwenye ingxenye yeZwi laKho, futhi khona-ke bakungabaza, khona lapho bama, futhi behlulwa empini.

<sup>309</sup> Futhi, Baba, sikhulekela ukuthi lokho akusoze kwenzeka eBandleni laKho kulolu izinsuku zokugcina. Nkulunkulu, ungavumeli impi isivumele sehlulwe. Asibeke eceleni konke okuka-Akani, futhi i—izincwezu ziphume ekamu, futhi—futhi sibuyele eZwini, futhi sibuyele ebungcweleni, futhi sibuyele ekulungeni, nokuphilela uNkulunkulu emandleni kaMoya oNgcwele. Siphe khona, Nkosi.

<sup>310</sup> NgoJesu Kristu ngiyakhuleka ukuthi Uzofaka ukulamba ezinhliziyweni zabantu, ukubona lelobandla njengoba lalinjalo emuva ezinsukwini zakudala, ngenkathi bengenakho ngisho nokuningi njengo—umhlangano ebandleni. Abazange ngisho babeke i-altare kulo, ngoba abahedeni babeyowa phambi kwe-altare, futhi bazilalise phambi kwezithombe zomhedeni. Futhi babesaba ukubeka i-altare ebandleni, ngoba abantu, abaphendukile abajwayelekile, bangahle bazame ukukhonza i-altare esikhundleni sika—uNkulunkulu ophilayo.

<sup>311</sup> Futhi babeguqa ngamadolo abo khona lapho obala, futhi babeke izandla zabo phezu ngqo kuNkulunkulu ongabonwa, ngoba babethanda okuvela kamuva kokugobhoza kukaMoya. Babeka amakhekheba abandayo amadala e—edwala, na—nasenkundleni, ukulalela enye indoda emesabayo uNkulunkulu ichaza iVangeli namandla kaNkulunkulu, bese kuthi-ke uMoya oNgcwele uwele emhlanganweni.

<sup>312</sup> O Nkulunkulu, ubabone bengena emigodini yezingonyama, nasemigodini yomlilo, na—nakho konke, Baba. Futhi ovukweni, siyoma kuphi na? Bangahle bengadingakali namuhla

ukuba baye emigodini nasemigodini yezingonyama, kodwa Nkulunkulu, sidingeke ukuba siphile ngokuhloniphekile nangobungwele, futhi emva kwephephethini kaNkulunkulu; ukuphila ngokumesaba uNkulunkulu, ukufuna nokukhuleka, no—nokulinda, nokukubheka nganoma imuphi umzuzwana Abengafika ngawo: singesabi ukuthi Yena afike, kodwa “ethanda ukubonakala kwaKhe.” Siphe khona, Nkosi.

313 Singathanda ukubona leloBandla elikhulu libizelwa ndawonye, nalengxenywe ephumula futhi egongobele lapha ePhoenix. Sikholwa ukuthi Unamakhulu ngempela amalungu eBandla laKho agongobele lapha ePhoenix, elinde lesosikhathi. Nkosi, awacabangeli. Bagcwaliswe ngoMoya. Izimpilo zabo zibala ngqo futhi zikhombisa ukuthi banjalo. Bangabantwana baKho.

314 Futhi kukhona abanye abangathanda ukuba ngaleyondlela, Baba. Bona nje mhlawumbe bacabangelile, futhi babuka emuva ezimpilweni zabo futhi babone ukuthi akusebenzi ngaleyondlela. Kukhona okungalungile. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi kulobubusuku kuzoba... uma ekhona lapha, ukuthi lobu kuzoba ubusuku ukuthi kuzobizwa ngabo, ukuthi angeke babe namahloni, kodwa bazokuma futhi bathi, “Nginephutha. Nkulunkulu, ngithethelele. Futhi ngisize, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, ukuba ngize ngempela eZwini, futhi ngiLikholwe lonke, futhi ngigcwaliswe ngoMoya, futhi ngingcweliswe ngendlela yokuthi ubufakazi bami angeke bumelane nami edolobheni.” Siphe khona, Baba.

315 Manje sisakhothamise amakhanda ethu, amehlo ethu evaliwe, ngizonibuza, njengo—njengomfowenu, njengesihambi kanye nani, sifuna uMuzi oMakhi noMenzi wawo nguNkulunkulu. Futhi ngiyazibuza, abanye benu bodadewethu lapha kulobubusuku, abanye benu bazalwane, akungabazeki nilungile, niqotho. Bengingafuni ukulimaza. Kodwa bengifuna ukunitshela okuyiQiniso, iZwi likaNkulunkulu.

316 Futhi kade ngisedolobheni lenu futhi ngibambe izimvuselelo. Nibonile ukuthi—ukuthi ngikholelwa kuNkulunkulu. UNkulunkulu akaziphenduli izoni. Siyakwazi lokho. Futhi thina—thina... Ngiyakholwa ukuba ngumKristu. Futhi mina... Futhi—futhi abelusi benu banitshelile, edolobheni lonke lapha. Futhi nithola ukuthi niyavuma ukuthi ninoMoya oNgwele, futhi nithola ukuthi nisalokhu nivumelana ezweni, nizilibazisa phandle lapho ezweni. Awukufuni lokho, uyakufuna, dadewethu na? Awukufuni lokho. Ungumuntu omuhle kakhulu ukuba ngaleyondlela. Ubungeke ukugeje ngalutho. Futhi manje, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, uNkulunkulu uzo... uma wake wakuzwa ngaphambilini, UNkulunkulu uzokwethesa icala lalokho. Uzokuthwesa icala.

317 Bazalwane, uma ninecala lokunye kwalezozinto ebesikade sikhuluma ngazo, anifuni ukuba njalo, uyafuna, mfowethu na? Impela akunjalo. Ufuna ukuba ngumKristu wangempela.

318 UNkulunkulu angake asiyise kanjani kongwaqa, njengoba ngishilo, sibe singeke siyishiye inkulisa na? Niyabo? Si—singahle sibe nemizwa. Singahle simemeze futhi sidumise uNkulunkulu, futhi sisine eMoyeni, nakho konke kanjalo. Ngani, lokho, lokho kulungile, mfowethu, dadewethu. Ngiyakholelwa kulokho, nami. Kodwa ngibabonile besina bezungeza isithombe somhedeni ngendlela efanayo, bememeza futhi bedazuluka, futhi bekhuluma ngezilimi, niyabo.

319 Ngakho-ke yi—yimpilo ebalulekile. Niyabo? “Kungesithelo abaziwa ngaso.” Futhi niyabona ukuthi ni...akuvumelani. Ungathanda ukuba umKristu wangempela na? Futhi manje ngifuna nina, amehlo enu evaliwe, nikhuleka, uma nithanda. Ngifuna nithembeke ngempela manje, khona manje thembekani ngempela.

320 Isono asinakumbozwa ngokuphuza, ngokusilahla, ngokujoyina ibandla, ngokuzama ukwenza kangcono. Isono singabulawa kuphela ngamandla kaNkulunkulu, iGazi likaJesu Kristu. Ubungeke yini ufune impilo enjalo na? Uma ubungathanda, futhi wena u...Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu usesakhiweni. UBukhona baKhe obungehluleki buhlale buseduze njalo, kungenandaba ukuthi ukuphi.

321 Umbono ngokunye ukusa, Wangitshela lokho. Wathi, “I...Ungesabi.” Wathi, “Sukuma ngesibindi, niyabo, ngoba uBukhona bukaKristu buseduze.”

322 Ubungafuna ukuba yilolohlobo lomKristu, njengoba wena—wena wazi ngempela ukuthi ufanele ubenjalo na? Wena, uzama ukuba njalo, kodwa awukakafinyeleli kuleyondawo okwamanje. Manje, impilo yakho uqobo iyakufakazisa. Niyabo? Phakamisela isandla sakho kuNkulunkulu. Uthi nje...uNkulunkulu akubusise. Lokho ukuba qotho, izinhliziyi eziqotho. “Ngempela ngifuna ukuba njalo.”

323 Manje, kuthiwani uma unayo...Uma wazi empilweni yakho ukuthi awuvumelani nalokho umKristu adingeka akwenze. Bese kuthi-ke, ngisho namanje, eBukhoneni bukaMoya oNgcwele, uSathane ukwenza ugcine isandla sakho siphansi, futhi angeke ukwemukele. Manje, kuthiwani ngalokho na? Lapho, uyazi, khona lapha nemiBhalo, ukuthi unephutha. Ngisho lokho othandweni, izinhlonipho. Niyabo?

324 Into esabeka kanje pho okuyiyo, niyabo, ukuthi benizokwazi lokho. Angisho ukuthi ninjalo. Kodwa, ngiyasho, uma ubungakwazi, futhi wazi ukuthi impilo yakho, buka ukuthi wenzani, nezinto ozenzayo, bona ukuthi impilo yakho ayiqhathaniseki neBhayibheli. Futhi uyezwa, iVangeli liyashunyayelwa. Zifundele Lona qobo lwakho. Uyazi ukuthi

kuyiphutha ukwenza lezozinto, kodwa nokho uyakwenza. Niyabo? Akuyona yini into esabekayo na?

<sup>325</sup> Manje, okungenani ezingamashumi amabili, izandla ezingamashumi amathathu besiphakeme. Ngabe besikhona esishiywe ngaphandle, ungathanda...? Manje, akungabukimuntu. Ake ngibuke nje. Ngifuna ukukhuleka. Abanye oshiywe ngaphandle, ungasiphakamisa isandla sakho. Ngiyakubona kuvulandi osesitezi. Yebo. Ya, lapho. UNkulunkulu akubusise. Kunabanye abayinqwaba. Yebo. UNkulunkulu abe nawe. Lokho kuqotho ngempela. Kungani singakuxazululi kulobubusuku na? Kungani nje singasho ukuthi nje, kulobubusuku, "Asikuxazulule."

<sup>326</sup> Manje, kungena phakathi kwenu, phandle lapha ePhoenix, lendawo ethandekayo, ngiyanihakasela kakhulu, izincwadi amalethe enizibhalayo, nokukhuthaza nezinto, enizama ukungikhuthaza ngazo. Futhi ngikhulekeleni. Yingalesosizathu ngine... Ngifuna ukuba qotho nani. Niyabo? Khona-ke uKristu uzongenza ngiphendule kulokhu. Futhi uma nginganitsheli lonke iQiniso, khona-ke, niyabo, ngizofanele ngiphendule. Futhi yingalesosizathu, ngifuna nina—ngifuna nina nibe Lapho, mfowethu, dadewethu.

<sup>327</sup> Ungathathi ishansi. Uma kuneshansi encane, ungayithathi. Ungadlali nje ngayo. Asazi...Ma—masibe ngawangempela, amaKristu angempela. Masi... Ungaba nguye. Abanye banjalo. Ungaba njalo, nawe. Uyalazi inenekazi elithize ongathanda ukufana, indoda ethize ongathanda ukufana, umfundisi othize ongathanda ukufana, umuntu othize. Ufuna ukuba ngaleyondlela. Ungaba. Manje asikholwe nje ngayo yonke inhliziyu yethu.

<sup>328</sup> Futhi manje, sisakhothamise amakhanda ethu, futhi ngizocela udadewethu opiyaneni lapho, uma ethanda, ukuba nje asinike indlela encane yeculo, dadewethu, uma uthanda. Futhi ngiyazibuza, wena ongathanda ngempela uku... Manje, uma uqotho ngempela, kuzokwenzeka njengamanje, uma uqotho ngempela, kodwa ufanele ube qotho.

<sup>329</sup> Nginobufakazi. Bengi...Selokhu umama wami ahamba, bengiphandle ehlane, ngilele emgedeni, ngizila ukudla futhi ngikhuleka. Kwafika umbono kimi. Futhi lokho kwakungenye yezinto, ubuqotho. Niyabo? Manje, ngabe ngempela nikuqondile lokho, ukuthi ufuna ukuba umKristu kanjalo na? Ufuna nje lonke izwe lihambe, nakho konke kususwe kuwe na?

<sup>330</sup> Uma ukusho ngempela lokho, awunamahloni ngamuntu kulelibandla. Awunamahloni ngamuntu ukubona ukuma kwakho. Qhabo, mnumzane, awunjalo. Wena—wena—ubeke isandla sakho kuNkulunkulu. Awunamahloni ngalutho. Uyeza. Into kuphela onamahloni ngayo impilo yakho. Niyabo?



Futhi ufuna—ufuna ukuqondiswa. Ufuna... ubulokhu ufuna ukunqoba, ukuze ubuzokwenza into ebilungile.

<sup>331</sup> Uma uqotho kanjalo, ngifuna uphakame futhi uze lapha, ume lapha e-altare, ngokungathi ubuzela ukuzokhulekelwa uma ubugula. Ngifuna ukukukhulekela, futhi ngibeke izandla kuwe. Uma ufuna ukwenyukela lokho lapha manje, hamba nje uphume ngqo. Ngiqinisekile ukuthi uBaba waseZulwini uzo... Uzoza nje ngokuthula futhi ame ngqo azungeze i-altare lapha. Woza uzozahlukanisela, ngokuthula njengoba ungenza.

<sup>332</sup> “Ngahlukanisela impilo yami, kusukela kulobubusuku kuqhubeka, Mfowethu Branham. Angeke ngicabangela lutho. Ngiyeza khona manje. Ngiyeza khona manje. Sengi—sengiQedile ngakho. Ngi—ngithembisa uNkulunkulu. Mina, akunandaba ukuthi kufikani noma kuhambani, sengi—ngiqedile ngesono manje. Ngi... ngifuna ukuba ngumKristu wangempela. Ngizela ukuzozahlukanisela impilo yami.” Lokho kungenza ngizizwe ngijabule kakhulu ukunibona nenza lokho.

<sup>333</sup> Manje, nje u—nje umzuzwana noma emibili kade manje. Ngabe ukhona omunye umuntu ongathanda ukuma nje, futhi athi, “Mina, kulobubusuku, ngahlukanisela impilo yami. Mina... Nkulunkulu, ngi—ngikhathele yilokhu. Bengilokhu ngifuna ukuba ngowangempela, umKristu wangempela. Kuvuthise inhliziyu yami kusukela ngisengumfanyana, noma ngiseyintombazanyana. Ngi—ngifuna khona impela... angeke ngi—ngithathe ishansi enjena, ngazi ukuthi ngifanele ngife.” Ungeze, uvele uzungeze i-altare umzuzu, okokuzahlukanisela na? Manje, lokho kwahlukanisela kusho ukwahlukanisela kokuthile, ukwahlukaniselwa kuKristu. Nizoza futhi nizungeze i-altare ngenxa yalokhu, nje umzuzu na?

<sup>334</sup> AmaKristu angenaso lesisehlakalo, musa ukuthatha ishansi ngakho manje. Niyabo? Saziwa kanjani isihlahla na? Ngesithelo esisithelayo.

<sup>335</sup> Manje, siza nje ngesizotha njengoba sazi ukuthi kuziwa kanjani. Kamuvanyana, kweminye yemihlangano emabandleni, niyokwazi ukuthi kungani ngenza lokhu. Anginaso isikhathi sokukusho kulobubusuku, ngingena kukho. Kodwa ngi... nizoqonda ukuthi kungani ngenza lokhu. Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu unika ibandla laKhe ubizo lwaKhe. Lokho yi... mayelana nolokugcina esizoba nalo. Niyabo? Kungokuthize okuzokwenzeka, futhi angazi ukuthi nini. Kungahle kwenzeke kuwe ngaphambi kokusa. Kungenzeka kimi ngaphambi kokusa.

<sup>336</sup> Kodwa, mfowethu, dadewethu, singakwazi ukuthatha noma iyiphi ishansi kunoma iyiphi into encane eyodwa, akunandaba nje ukuthi kuyini na? “Onecala kokuncane unecala kukho konke.” Ufanele uhlanzeke, ugezwe eGazini leWundlu. Isono esincane sizokuvimba ngaso lesosikhathi. Niyabo? Uma iziNgelosi zibukeka zingcolile phambi kwaKhe, besingayini na?

<sup>337</sup> Manje, ngisalinda nje umzuzwana noma emibili, ngoba kungase kube khona omunye umphefumulo. Futhi, umnyakazo owodwa manje, ukhuphuka. Ngifuna ungene ngobuqotho ngamandla manje.

<sup>338</sup> Manje, akukho kungabaza nhlobo, ngaphandle kwabaningi benu abamile lapha e-altare babe nezehlakalo zezinto ezahlukene. Mhlawumbe umemezile, wakhala, wakhuluma ngezilimi, wasina eMoyeni, nina bafowethu nodadewethu. Akukho kungabaza ngaphandle kwalokho enibe nakho. Futhi lezo—lezozinto zikahle, zikahle kakhulu.

<sup>339</sup> Kodwa niyazi lapho i . . . AmaHeberu, isahluko se 6, “Imvula ifika kaningi emhlabeni, ukuwuniselela, ukuwulungiselela lokho okungowawo. Kepha ameva namakhakhasi kuseduze nokwaliwa, ukuphela kwawo ngukushiswa.” Babewazi kanjani umehluko na? UMoya ofanayo, ukuPhila okufanayo, amanzi afanayo ehlela phezu kukakolweni ehlela phezu kwameva futhi. Futhi ameva, namakhakhasi, no—nokhula lwalujabule nalo nje futhi luhlumelelisiwe ngemvula efanayo. Futhi abantu bangahlala ebandleni, abangani, futhi bemukele uhlobo olufanayo lwezehlakalo.

<sup>340</sup> Manje, ungakhohliwa kulokhu, mngane. Niyabo? Ungemukela isehlakalo esifanayo ngoMoya oNgcwele ofanayo umuntu othile ohlezi eduze kwakho awemukelile, futhi namanje kungabi yiLokho. “Ilanga likhanyisela abalungile nabangalungile. Imvula ina emeveni nakukolo.” Ithunyelwe ukolo. UMoya oNgcwele uthunyelwe ebandleni kwabangcwele abazehlukanisele, kodwa labo abahlezi lapho bayakujabulela. Impela. “Kodwa baziwa ngezithelo zabo.”

“Singabasiphula,” wathi, “khona-ke?”

<sup>341</sup> “Qhabo. Mabakhule kanye kanye. Futhi ngaloloSuku, iziNgelosi ziyophuma futhi zibuthe onke amakhakhasi nezintandela, futhi ziyozishisa. Kodwa ukolo uyobuthelwa enqolobaneni. Niyakubazi ngezithelo zabo.”

<sup>342</sup> Yingakho nimile lapha kulobubusuku, kungokwesithelo, isithelo sikaMoya. Manje, khumbulani.

<sup>343</sup> “Kungani kunjalo,” wena uthi, “Mfowethu Branham?” Mhlawumbe abanye benu besifazane abamile lapha. Ngiyaqaphela ninezinwele ezimfishane, “Kungani kunjalo, Mfowethu Branham, ngingumKristu, futhi ngi—ngisabukeka sengathi angeke ngikwenze lokho. Angeke ngivumelele izinwele zami zikhule. Nokho ngiyazi ukuthi iBhayibheli lifundisa ukuthi lokho kulungile. ITestamente eLisha lifundisa ukuthi leyo yinto okufanele yenziwe. Angikwazi nje ukukwenza. Kubukeka sengathi angikwazi nje ukukunqoba, niyabo, angikwazi ukufika kuleyondawo.” Niyabo?

<sup>344</sup> Ngikholwa ukuthi wena ungumuntu olungile. Ngikholwa ukuthi wena uqotho. Ubungeke ume lapha njengesibonelo

kulobubusuku. Uyakwenza lokho. Futhi, lokho, yilokho ofanele ukwenze. NgumBhalo. Ufanele ukwenze lokho. Niyabo?

<sup>345</sup> Abanye benu bazalwane, uNkulunkulu wazi inhliziyu yenu kuphela, lokho enikumele lapha, izinto enifuna ukuzinqoba. Manje wena—wena ungakwenza, uma nje uzokwamukela ngalendlela. Futhi uthi, “Nkosi, angiyilutho manje, futhi ngiyazinikela nje kuWe, futhi nakhu ngiyeza. Ngomusa waKho ngizokwenza.” Manje wena—wena angeke ukwenze ngaphandle kwaKhe. Akukho emhlabeni ongakwenza. Ufanele uMvumele akwenze. Wena nje zehlukanisele Yena, futhi ukukholwe ngayo yonke inhliziyu yakho, khona-ke Uzokwenza. Uzokwenzela khona, niyabo, uma nje uzoMthatha eZwini laKhe. Wayengeke enze okunye ngaleyondlela, futhi ubengeke enze okunye ngaleyondlela. Uzonenza nonke ngaleyondlela. Niyabo? Uzonenza, nonke, into elungile.

<sup>346</sup> Ngifuna nonke nina bantu eningamaKristu futhi eniphila ngaphezu kwalezizinto, ngifuna nikhuleke, ngifuna nikhuleke kanye nami. Ikakhulukazi abafowethu abangabefundisi, ukuba bakhuleke nami. Ngifuna ngamunye wenu manje, phansi ekujuleni kwenhliziyu yenu. . . .Niyabo?

<sup>347</sup> Uyazi ukuthi imvula yehlele kuwe. Wena uthi, “Mfowethu Branham, ngasina eMoyeni. Ngakhuluma ngezilimi.” Lelo yiqiniso. Kodwa bukani e, niyabo, kukhona okuthize okungalungile lapho. Niyabo? Niyabo? Ufanele usuke kulolukhula manje, uye kukolo: othobekile, onomoya omuhle, ngeZwi, olalelayo, niyabo, olalela iZwi.

<sup>348</sup> Manje vumela nje uMoya oNgcwele ungene, futhi vumela uNkulunkulu akuguqule kulobubusuku kulokho obuyikho, kulokho Afuna ube yikho, njengoba sikhuleka.

<sup>349</sup> Baba wethu waseZulwini, ngiyaqonda ukuthi ngakuleli-altare, okungukuthi, ibandla liyi-altare, indawo lapho abantu beza khona futhi bazibeke phezu kwalo, ukuba bemukelwe njengomnikelo wokushiswa eNkosini. Ngiyazi, Baba, kulobubusuku abanye balababantu abami lapha, nababambisene nabo babo—babo emabandleni lapha, futhi bamile lapha kuleli-altare benzela ukwahlukaniselwa. Futhi lokho yi—lokho yinto enkulu kubo ukuba bakwenze, ngoba bayafakaza kubantu njengoba bemi lapha, naphambi kwaKho, ukuthi—ukuthi kukhona okushodayo ezimpilweni zabo.

<sup>350</sup> Futhi kanzima njengoba bengifanele ngisike odadewethu abancane bandla kulobubusuku, Baba, ko-ABC babo—babo, futhi nampa bayasukuma esihlalweni sabo, bayakhuphuka njengenekazi, bame lapho futhi bathi, “Khona-ke, Nkulunkulu, uma ngingephutha, ngibumbe futhi ungakhe.” Nampa abazalwane bemi lapha, ngokunjalo. Nokho bayasukuma baphuma esihlalweni sabo futhi bayeza ngqo.

<sup>351</sup> Phansi enhliziyweni yabo kukhona isifiso. Futhi Baba, uSathane ubengeke afake isifiso enhliziyweni zabo ukwenza okulungile. Ubeyofaka isifiso ehliziyweni yabo ukwenza okungalungile. “Qhubeka. Ungakhuphuki. Kuyeke. Ungakukholwa.” Yilokho abezokusho.

<sup>352</sup> Khona-ke sikwehlulela kanjani na? NgeZwi. Njengoba ngishilo, uMartin oNgcwele, uPawulu, bonke ababhishobhi basekuqaleni bebandla, namalunga, bahlulela amacala ngeZwi. Futhi manje, kulobubusuku, bahlulelwa ngeZwi. “Futhi lapho behlulelwa, bayajeziswa, ukuze bangalahlwa kanye nezwe.”

<sup>353</sup> Ngakho-ke sebezile manje, Nkosi, ukuba bazehlukanisele, ukuba babekwe eceleni basuswe ezweni, ukuthi abafuni kuhlanganisa lutho nezwe. Bafuna ukuzinikela ngokuphelele kakhulu kuWe, kuze kuthi bonke ububona bubonakalise uKristu. Ukuthi, lapho behamba, bekhuluma, begqoka, benza, ukubonakaliswa kukaKristu njalo njalo kusezimpilweni zabo. Futhi, Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzobapha lokho.

<sup>354</sup> Manje, sazi ukuthi isikhathi sesisondele kakhulu, ukuFika kweNkosi; nokubona lomnyakazo omkhulu ePhoenix yonke njengamanje, phakathi kwabantu; nokubona izikhathi esedlule kuzo, ezinkonzweni zokuphulukisa; nokubona ukuthi ukukholwa kwabo kwanikwa kanjani mina, uku-ukusiza ukukhulula abantu ekuguleni kwabo nasekuhluphekeni; sibone uMoya waKho uhamba phakathi kwethu, Nkosi, ekuqinisekiseni ukuthi Wawulapho, kokubili ngokomzimba nangokwesayense.

<sup>355</sup> Bese kuthi-ke, kulobubusuku, ngalolubizo, ngibanika Wena, Nkosi, emkhulekweni wami. Wonke umfundisi phakathi lapha, Nkosi, wonke umKristu ohamba emiyalweni kaNkulunkulu, bakhuleka kanye nami, Nkosi. Futhi sinika Wena imikhuleko yethu manje, esikhundleni salababantu. Kwangathi ngamunye wabo angahlukaniselwa, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, Nkosi. Kwangathi amandla kaJesu Kristu ngokuzithoba nje, khona manje, angadabula nje ezinhliziyweni zabo, ngaleyondlela, ukuthi izovele ibabumbe futhi-futhi nje ibenze behluke, kusukela kulobubusuku kuqhubeke.

<sup>356</sup> Kwangathi omnandi, ozithobile, umoya ophukile ungangena kubo, Nkosi, ekuzihlawuliseni kwalokho okwenziwe ngokungesikho. Futhi kwangathi i...ukuzimisela okukhulu ko-komusa kaNkulunkulu kuze phezu kwabo, ukuqhuba izimpilo zabo ngendlela engcwelisiwe yaKho, Nkosi. Bamukele, Baba. Sibanikela kuWe manje, njengoba behlukanisela izimpilo zabo, eGameni likaJesu Kristu.

<sup>357</sup> Manje, namakhanda enu ekhotheme, mina...njengoba kade nikhuleka, ngiyethemba. Futhi angeke usho nelilodwa izwi kuNkulunkulu ngaphandle kokuthi Yena uyalazi. Ubuthakathaka bongcwele benza usathane athuthumele. Futhi

ningabantwana baKhe. Futhi ngokugcwele, ngazo zonke izinhliziyu zenu, yilowo nalowo kini, nabeka ngokugcwele ukuphila kwakho phambi kukaNkulunkulu, futhi wathi, “Nkulunkulu, ngibumbe futhi ungenze uhlobo lomKristu okukhulunywe ngaye lapha kulobubusuku. Ukuthi, ngi—nginikele impilo yami kuWe. Khipha nje zonke izinto empilweni yami, ezingalungile, Baba. Futhi kwangathi, kulobubusuku kuqhubeke, ngizo...ngi...Ngomusa waKho, ngizophilela Wena nsuku zonke, ngibheka impilo yami ukuba ifanelane nalezo zidingakalo zeBhayibheli”?

<sup>358</sup> Uma ukwenzile lokho enhliziyweni yakho, ungaziphakamisa izandla zakho phambi kukaNkulunkulu na? Uthi, “Ngikwenzile lokhu. Manje ngiyakukholwa ngenhliziyu yami yonke.” INkosi ikubusise. INkosi ikubusise. UNkulunkulu akubusise.

<sup>359</sup> Manje, Baba, bangabaKho. Baphakamise izandla zabo. Benze ukuzahlukanisela kwabo. Futhi akunandaba ukuthi isipho sincane kangakanani, Ulapa ukuba wamukele isipho esincane kunazo zonke. Futhi bazinikela kuWe, indlela nje abebeyiyo. Bafuna ukuba yilungu lalowoMzimba omkhulu, ngaphandle—ngaphandle kwesici, ngaphandle kombimbi. Futhi manje sebezehlukanisele Wena, Baba. Ngiyakhuleka ukuthi Uzobavimba ezintweni zezwe inqobo nje uma besaphila. NgeGama likaJesu Kristu. Amen.

<sup>360</sup> Manje hambani niye ezihlalweni zenu, nijabula, futhi nijabule ukuthi uKristu unithatha ezwini lenu. Manje, ngiyakholwa...

<sup>361</sup> Ngenkathi besehla, kukhona inenekazi elihlezi lapha esihlalweni esinamasondo, nendoda, ngiyakholwa, futhi bakhuluma ngezandla zabo. Ba...akungabazeki kodwa ukuthi balapha ukuba bakhulekelwe. Ningakhothamisa amakhanda enu nonke futhi mangehle ngibakhulekele?

<sup>362</sup> Manje, mfowethu, ukuthi ungakhuluma kubo lapho esihlalweni esinamasondo, nokuthi bayini. Niyabo? Manje, yisho lokhu nje kubo. INkosi uJesu Kristu inithanda kakhulu kangokuthi Izimisele manje ukuniphulukisa. Uma bekukhona noma yini ebengingayenza ngaphandle kokukhuleka, bengizokwenza. Kodwa Uyiphendulile imikhuleko yami izikhathi eziningi kakhulu ngenxa yabantu abanjengani, abahluphekayo, futhi wabaphulukisa. Inhliziyu yami inizwele kusukela njengoba ngimile lapha.

<sup>363</sup> Njengoba ngibuka inenekazi, futhi ngicabanga ngomama wami osanda kuhamba ukuyohlangana noNkulunkulu ezinsukwini ezimbalwa ezedlule. Mhlawumpe ungumama womunye umuntu. Ngizomkhulekela. Ngifuna ukholwe, dadewethu nomfowethu, ukuthi uNkulunkulu uzowuzwa umkhuleko wethu, futhi Uzophendula. Futhi kusukela

kulo kanye lelihora, ngifuna nikholwe ukuthi umsebenzi usuwenziwe.

<sup>364</sup> Manje, kuzo zonke izethameli phandle lapha, ngabe noma ubekhona omunye umuntu ozela ukuzokhulekelwa, abanye abantu abagulayo noma okuthize, umuntu othize ukwenzelwa na? Nenekazi lapha, umuntu othize laphaya. Kulungile. Woza ngqo ngase-altare lapha. Ngizojabula nje ukwenza lokho.

<sup>365</sup> Manje, bangaki abangakhumbula lapha, esikhathini eside esedlule, cishe eminyakeni eyishumi nane edlule, ezansi ebandleni likaMfowethu Outlaw na? Noma ubani okhumbula ibandla likaMfowethu Outlaw, ngenkathi ngangisezansi lapho cishe eminyakeni eyishumi nane edlule na? UMfowethu Garcia nalabo ezansi phakathi lapho. Niyakhumbula ukuthi ngangibakhuphula kanjani abantu na?

<sup>366</sup> Sengiliwelile izwe, isikhathi emva kwesikhathi, ukwahlukanisa umoya. Ngikuyisa ezwini nomyalo kulobubusuku. Sewake wakubona ngesikhathi esisodwa kwehluleka na? [Ibandla lithi, “Qhabo.”—Umhl.] Akukaze. Ezinkulungwaneni zezikhathi, kona ngaso sonke isikhathi kwakuphelele, kunjalo impela. Ngabe kunjalo na? [“Kunjalo.”] Manje, bonke abaziyo ukuthi lokho kuyiqiniso, phakamisani izandla zenu, nibe semihlanganweni futhi nizwe. [“Amen.”] Wathini na? “Lokhu akushoyo kuyenzeka, khona-ke kuzweni.”

<sup>367</sup> Manje, imibono ayibaphulukisi abantu. Imibono kuphela iqinisekisa uBukhona bukaNkulunkulu. Niyabo? Manje, ngicabanga ukuthi siyakwazi ngempela lokho manje. Kodwa indlela engenza ngayo kwakungukukhuleka nje.

<sup>368</sup> Kwakukhona inenekazi lapha elalivamise ukuba phandle ndawana thize lapha ePhoenix. Igama lalo lalinguDadewethu Hattie Waldrop, ngikhulwa ukuthi kwakunguye. Ngikhulwa ukuthi kwakunguye. Noma, yebo, wayenomdlavuzo. Umyeni wakhe wayesebenza ngamapayipi amanzi. Futhi ngokuvamile baba semihlanganweni. Angazi noma ukhona yini kulobubusuku noma qha.

<sup>369</sup> Ngiyakhumbula ukuthi wayesebihlanganweni. Futhi—futhi bathi wafa; futhi wayebukeka njengakho, emgqeni. Ngiyakhumbula ngomdlavuzo enhliziyweni, nodokotela lapha wathumela ama-eksreyi nokunye, ukukhombisa. Lokho sekube yiminyaka eyishumi nane edlule. Uyaphila manje.

<sup>370</sup> Ngiyakhumbula ngifona, ngikhulekela omncane, okhubazekile, umfana onekhanda elibomvu. INkosi yamphulukisa, yamphilisa. Izinto eziningi kakhulu, eziningi nje kakhulu, kuyabaleka nje, ekunakubalwa. Ngizo . . .

<sup>371</sup> Ngisho lokhu, ngo—ngobuqotho bobuKristu. Ngiyacabanga, uma bengingabhala phansi zonke izigameko ezenzekile engibone uKristu ezenza kusukela ngibe ngumfundisi, Angeke nginqwabelanise ugqinsi lwezincwadi phezulu *kanqako*.

Nginobufakazi bezitatimende zodokotela, zabantu abahlanu kumenyezelwe ukuthi bafile, belele phandle befile, futhi babuyele ekuphileni futhi, ngomkhuleko. Niyabo? Abanangi abazisho ukuthi bakwenzile, futhi nami ngi—angikwazanga ukusho lokho. Bengingeke ngikusho ngaphandle uma kukhona indlela ethize yokukufakazisa, niyabo, nokukwazi. Kodwa ngibabonile, emva kokuba sebefile amahora, izinsuku.

<sup>372</sup> Awu, ingane encane yaseMexico ezansi lapha eDolobheni laseMexico, yayikade ifile isikhathi...awu, kwafa ngalokho kusa ngelesishiyagalolunye nqo, futhi lokhu kwakungeleshuminto ngalobobusuku. Udokotela wasayina isitatimende, “Ingane, ingane ibulawe yinyumoniya, futhi ibikade ifile sonke lesosikhathi.” Futhi emile phandle emvuleni, lowomama omncane ompofu waseMexico. Angizange ngenze neyodwa into eyodwa ngaphandle kokubeka nje izandla phezu kwengane. Ngabona umbono. Ngabeka izandla zami phezu kwengane. Iqala ukukhahlela nokunswininiza. Futhi iChristian Business Men yayiphethe udatshana lwakho esikhathini esingeside esedlule, noma okuthize ngakho kwi *Voice* yeBusiness Men, mayelana nokuvusa abafileyo. Manje, kungenziwa. Kodwa kuthiwani uma...

<sup>373</sup> Ngiyakutshela ukuthini. Ake ngisho emalungeni alelibandla lapha, futhi ngizokusho kunoma yiliphi ibandla lamalungu. Yahlukaniselani lelibandla kuNkulunkulu, nawo wonke amalungu alo, niyabo, kwahlukaniselani kuNkulunkulu, nonke, ngempilo engcwele phambi kukaNkulunkulu, bukani ukuthi kuzokwenzekani. Lapho lelobandla lizibopha lona uqobo, futhi liqala ukukhuleka, niyabo, imikhuleko yalabobantu iqala ukukhuphukela phambi kukaNkulunkulu, Angeke ayenqabe. Kunjalo. Manje, ngingoyedwa nje, okungukuthi bazoba baningi abenu lapha abakhulekayo. Futhi ukuphulukisa ngokukaNkulunkulu akulele kunoma yimuphi umuntu othize. Izinhliziyi eziqotho ezikhuleka kuNkulunkulu, futhi ngabantu abaqotho abakwemukelayo.

<sup>374</sup> Ngiyaqonda ukuthi kukhona iziphiwo ezithunyelwe eBandleni, lokho ngukuba nokukholwa. Futhi ngi—ngiyaqonda ukuthi inkonzo yami yokunqamula amazwe, futhi—futhi ukuthatha nje, ukukhuphula nje abantu abambalwa, nokukhombisa imibono, futhi ngikufunisise phansi. Nalabo abedlula emigqeni yomkhuleko yamanye amadoda, kanjalonjalo, bayangena. Khona-ke bekuzodingeka ngime, mhlawumbe kukhona okubuyile empilweni yalowo muntu. Futhi abanangi benu lapha bakubonile khona ngqo emsamo: isono sibizwa, izimfihlo zezinhliziyi zabo, nezinto, futhi kwamenyazelwa isizathu sokuthi babengeke baphulukiswe.

<sup>375</sup> Kodwa ngalokho, ngokuthola nje labo abambalwa, isizathu, abambalwa nje, futhi khona-ke amandla ami awasekho. Niyabo? Bese kuthi-ke niyakuqonda lokho na?

KungokomBhalo, nokuthi kunjani. Khona-ke kade kunomama abaningi abanengane encane phandle lapho, angizange ngithole ngisho ukubakhulekela, niyabo, baningi abantu abagulayo engingazange ngithole ukubakhulekela. Ngicabanga ukuthi kwaziwa kahle ngokwanele manje ukuthi wonke umuntu ubefanele azi, ukuthi nginitshele iqiniso, niyabo, ukuthi yiqiniso. Futhi ngizokhulekela nje abantu abagulayo, futhi ngicele uNkulunkulu ukuba abaphulukise. Futhi ngiyakholwa ukuthi wonke umuntu esimkhulekelayo uzosinda.

<sup>376</sup> Manje, uma kukhona noma yini ezimpilweni zenu, abantu abami lapha, ake nginibuze lokhu. Uma ungenyana umKristu, yiba ngumKristu. Nikela inhliziyoyakho kuKristu, umi khona lapho okhona. Uma ungagcwalisiwe ngoMoya oNgcwele, ungayeki—yeka ukukhuleka uNkulunkulu aze akugcwalise ngoMoya oNgcwele. Uma wenza noma yini engalungile, kumKristu, yeka ukuyenza. Yeka ukuyenza. Hlola impilo yakho. Philela uKristu. Ngizokhuleka futhi ngicele uNkulunkulu.

<sup>377</sup> Manje, ngokunye ukusa ekudleni kwasekuseni, noma ngobunye ubusuku, ngifuna ukunitshela okuthize okwenzeka nje—nje. . . Ngasuka ensimini futhi ngalinda, ngabuyela emuva ukuyokhuleka nokuzila ukudla, ukubona ukuthi kwakuyini. Futhi okuthize ebengihlala ngikulangazelela; kwenzeka. Ngakho-ke ngi. . .

<sup>378</sup> Akulutho, manje, okumangalisayo. Angiyi kulezozinto. Ngifuna. . . Kufanele kube u ISHO KANJE INKOSI, ngeZwi. Niyabo? Sinakho, sinokuningi kakhulu kwalokhu lapha, ukuthinta, ukuzwa, nakho konke okunjalo manje, izinkoleloze nokunye nokunye. Asisuke kulezozinto. Masibuyele kuNkulunkulu ngqo. Sifuna uMoya oNgcwele.

<sup>379</sup> Ngikholwa ukuthi uNkulunkulu uthumela abantu ukuba bakhulekele abagulayo. Futhi ngingomunye wabathobekile. Ngingomunye wabancinyane Abathumile. Futhi ngi—ngifuna ukunikela umkhuleko wami ngani kulobubusuku, ukuba niphulukiswe. Niyakholwa. Futhi ngifuna lababafowethu lapha, nodadewethu, esakhiweni sonke, ukuhlanganyela nami emkhulekweni. Futhi nje makuthi. . .

<sup>380</sup> Ngikholwa ukuthi siqala khona lapha. Makuthi umuntu othize akhuphukele epulpiti ngqo. Khona-ke mabasuke bahambe, noma babuyele emuva, ngendlela abenze ngayo. Lokho kuzoba kahle. Omunye umuntu, Billy, abanye benu ngisizeni, kuletheni nje, siletheleni.

<sup>381</sup> Khona lapha, lelinenekazi khona lapha. Awudingekile ukuba uqale nganoma yimuphi othize. Nje Angeke. . . Ngiyesaba ukubavumela. . . Uma bengabavumela behle, bangehla ngaleyondlela, mfowethu na? Kulungile. Manje thina nje. . . Manje sileyithi kancane, kodwa nonke ningangifakazela umzuzu nje, ukuba ngikhuleke.



<sup>382</sup> Ngiyamazi udadewethu lapha. Ngi—ngikholwa ukuthi uyilunga lebandla likaMfowethu Outlaw. Unjani na? Kahle. Futhi, kade ugula na? Angikwazi ukubiza igama lakho. Kodwa... [Udade uthi, “Bagby.”—Umhl.] Bagby, Dadewethu Bagby. Bengifanele ngikwazi. Ube muhle kimi, Dadewethu Bagby. Futhi bekungesikho lokho... Kwakungesiwe yini uMfowethu Outlaw angiyisa kuye, ukuba ngimkhulekele, esibhedlela, ngenkathi ngiqala ukufika lapha, eminyakeni edlule na? [“Yebo.”] Ngabe kwakuyinto efanane...? Wawunani, isifo sikhushukela noma inhliziyi na? [“I-TB emphinjeni.”] I-TB yomphimbo. Futhi usaphilela inkazimulo kaNkulunkulu. [“Kunjalo.”] Awu, lokho kuhle kakhulu.

<sup>383</sup> Manje, Usenguye uNkulunkulu ofanayo kulobubusuku, ngokufanayo nje njengoba Wayenjalo. Singahle sishintshe, kodwa Akashintshile. Manje, noma ngabe iyini inkathazo yakho, Uzoyisusa, uma ukukholwa. Uzokukholwa na?

Ngicela ibandla likhuleke kanye nami.

<sup>384</sup> Baba waseZulwini, njengoba ngibeka izandla zami phezu kwalodadewethu, eGameni likaJesu Kristu, sengathi uNkulunkulu angamphulukisa. Ngimemezela lesisibusiso ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu Kristu. Amen. Manje, kholwa, Dadewethu Bagby.

<sup>385</sup> Uyakholwa ukuthi uNkulunkulu uzokuphilisa uma besingakukhulekela, futhi uzosinda na? Futhi ungumKristu, uzonikeza konke ukubonga nodumo kuNkulunkulu. Kodwa uma sikukhulekela, manje, uzobuyela ekhaya ukuba uphile. Lokho kukuzazulula ingunaphakade. Akusesikho ukucabanga ngakho.

<sup>386</sup> Baba wethu waseZulwini, kanye nalelibandla, lokho ngukuthi abaningi babo basanda kunikela kabusha izimpilo zabo. Baba, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu, eGameni likaJesu Kristu.

<sup>387</sup> Manje, hhayi imikhuleko yami kuphela, kodwa nje buka yonke indawo. Ubuqotho obujulile! Asisibo... Sikusho ngempela lokhu ngokusuka enhliziyweni yethu. Uzoba kahle.

Nizokholwa yinto efanayo, angeke na?

<sup>388</sup> Baba wethu waseZulwini, ngokuzithoba koMoya... Futhi, Nkulunkulu, thethelela izinhliziyi zethu ezingenaqiniso. Senze sibe msulwa, Nkosi, njengoba sibeka izandla phezu kwabantu abagulayo, ngoba nguku—ngukusho into eyacelwa ukuba yenziwe nguNkulunkulu. Futhi siza nje lababantu abampofu, Baba. Ngibeka izandla phezu kukadadewethu, eGameni likaJesu, futhi ngicela ezakhe... UNkulunkulu abusise.

<sup>389</sup> [Udade ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] Impela. Ngiyethemba... UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Ungathanda nje umzuzwana... Inenekazi ngobuqotho

liyahlambuluka. Lithe belinomoya kulo, wolaka olukhulu. Futhi siyaqonda ukuthi lokho aku—lokho akukuhle. Kodwa, dadewethu, akusiwena kuphela, kodwa kunabiningi bethu, uyabo. Kodwa mhlawumbe abanye bangahle bangathembeki kangako ukukuvuma. “Kodwa lowo oyovuma izono zakhe... Ofihla izono zakhe ngeke aphumelele. Kodwa lowo ovuma izono zakhe uyakuba nesihawu.” Niyakwazi lokho.

<sup>390</sup> Ngakho—ke ngiyakhuleka, Baba waseZulwini, ngokubeka izandla phezu kukadadewethu, ukuthi lolulaka luzomshiya. Kwangathi lungephinde lumkhathaze, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa, dadewethu.

<sup>391</sup> Mfowethu, uyakholwa ukuthi Uzo—uzopha isicelo na? O! [Umfowethu ukhuluma noMfowethu Branham—Umhl.] UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Mhlawumbe lokho, niyabo, ukuba nokwethuka, kungabangela inhliziyiyo ukuba indizele phezulu kanjalo.

<sup>392</sup> Baba wethu waseZulwini, ukuqonda ukuthi asazi ukuthi inhliziyiyo yethu izoma ngasiphi isikhathi, ingahle ime noma ngamuphi umzuzu. Futhi umfowethu unenkathazo yenhliziyiyo, kanye nolaka olumenza andize angene ekuthukutheleni kwezingane. O, lowodeveli angathanda ukumyisa ethuneni ngaphambi kwesikhathi. Kodwa mina, njengenceku yaKho, kanye nazo zonke lezi ezinye izinceku kulobubusuku, sicela lokho, eGameni likaJesu Kristu, ukuthi ulaka luzomshiya, futhi inhliziyiyo izoba kahle, futhi izoba qotho kuKristu zonke izinsuku zokuphila kwakhe, futhi abe kahle ukuMkhonza. NgeGama likaJesu. Amen.

Busiswa, mfowethu. Ngikholwa ukuthi sekuphelile. Usuphulukisiwe.

Sawubona? Uyakholwa ukuthi Uzokupha isicelo sakho na?

<sup>393</sup> Baba wethu waseZulwini, siletha umfowethu kuWe, ngaphansi kweGama leNkosi uJesu, simletha, njengoba kwakunjalo, ngaphansi kwesiphambano, nokumkhomba phezulu. Buka kulawomanxeba lapho. Bheka leloGazi njengoba liconsaliphuma ohlangothini lwaKhe nasebusweni baKhe, iNdodana kaNkulunkulu, ifa, ukuze sihlanzwe kuzo zonke izono zethu nokugula. Kuphe umfowethu. NgeGama likaJesu, nginikela lomkhuleko. Amen.

<sup>394</sup> Ngikholwa ukuthi sekuphelile. Awukholwa, mfowethu na? Hamba nje uye ekhaya.

<sup>395</sup> Sawubona, mfowethu? Uyakholwa manje ukuthi lobu kuzoba ubusuku na? Konke kuzophela kusukela kulobubusuku, futhi uzophila.

<sup>396</sup> Baba wethu waseZulwini, njengoba ngibambe isandla somfowethu, kusukela kulobubusuku kuqhubeke kwangathi

isicelo sakhe angaphiwa sona, yena aphile, futhi aphilele Wena zonke izinsuku zokuphila kwakhe. NgeGama likaJesu. Amen.

Ngikholwa ukuthi kuzoba njalo. . . Uzoba kahle.

<sup>397</sup> Sawubona, mfowethu? Leli yihora lapho sekuphele konke. Yenza isinqumo sakho manje. [Umfowethu uthi, “Amen.”—Umhl].

<sup>398</sup> Baba wethu waseZulwini, njengoba umfowethu ethe, “Amen,” lesi yisikhathi isinqumo esenziwe ngaso, khona lapha eBukhloneni bukaKristu. Kwangathi kungaqedwa, kusukela kulobu busuku kuqhubeke. EGameni likaJesu Kristu, phulukiswa.

<sup>399</sup> Busiswa, mfowethu. Kholwa ukuthi sekuphelile manje.

<sup>400</sup> Sawubona, dadewethu? [Udade uthi, “Ngifuna ukhulekele umyeni wami. Ubelokhu ekhubazekile iminyaka engamashumi amabili.”—Umhl.] O, ngicela iduku lakho ukuba lihambe nalokhu? Kulungile lokho. Kulungile lokho. Okunye okuthize, uphawu oluncane. Ngingahle ngithi, inhlabathi, kodwa ngiyacabanga ukuthi izingubo ababezigqoka ezinsukwini zakudala. Kuthiwani ngoJesu na? Wayenengubo eyodwa. Cishe Wayedingeka alale kuyo, ahlale ngayo, kodwa bheka ukuthi yayisongeni. Kulungile.

<sup>401</sup> Baba wethu waseZulwini, umyeni wakhe oligugu ulele, ekhubazekile. Futhi nasi isithandwa sakhe simi lapha kulobubusuku, siphethe indwangu encane esandleni saso. Futhi ekhubazekile. Ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzoba nomusa. Nokuthi umkhuleko walelibandla elibuthene ndawonye lapha, laba abagongobele ePhoenix, nezingxenywe ezehlukene zezwe ezimelelwe lapha kulobubusuku, imikhuleko yethu izozwakala. Futhi uma lendwangu ibekwa phezu kwendoda, sengathi amandla kaNkulunkulu angayibuyisela ekuphileni okwejoyayekile futhi. NgeGama likaJesu. Amen.

Manje, sekuceliwe, manje makwenziwe. Uyakukholwa, dadewethu.

<sup>402</sup> Sawubona, dadewethu? Ufuna ukuthola iduku lakho na? Ubu. . . Isidingo sakho manje, mhlasimpe ugula kakhulu. Uyafuna ukusho inkathazo yakho, noma nje. . . [Udade uthi, “Ngibe nesifo samathambo.”—Umhl.] Isifo samathambo. Lokho. . . [“Iminyaka engamashumi amabili nokuthile.”] Iminyaka engamashumi amabili nokuthile.

<sup>403</sup> Kunendoda ehlezi ngqo emva kwami, egama linguMfowethu Ed Hooper. Wayekabi kakhulu ngakho, ngapha ePhoenix ngesinye isikhathi, badingeka bagcine izandla zakhe emicamelweni. Bekungesikho, Mfowethu Ed na? Futhi wayefa, cishe impela, ngakho, ngaleyontambama, noma indlela engiyiqonda ngayo indaba. Futhi watshela umkakhe ukuthi wayecabanga ukuthi wayehamba ngaleyonkathi. Futhi wabuka

futhi wabona uKristu esiphambanweni, noma okuthize, kuvele mawala, noma okuthize. Futhi waphulukiswa kakhulu, waze wakwazi... Nango ehlezi, khona lapha manje, ehlezi emuva lapho. Yebo. Mfowethu Hooper, ufuna nje ukukubona. Lokho, phakamisa isandla sakho. Nakho-ke.

Asikhuleke.

<sup>404</sup> Baba wethu waseZulwini, indoda ekhona iyasazisa ukuthi UnguMphulukisi. Sibeka izandla phezu kukadadewethu. Lona omncane, umkhuleko othobekile owahlukaniselwe siwunikelela ukuphulukiswa kwakhe, Baba. EGameni leNkosi uJesu, ngenxa yenkazimulo yaYo. Amen. Amen.

Uyakholwa na? Lokhu u... kuzokwedlula-ke.

<sup>405</sup> Ubungeke ube... ubuzosiza ngaye, ngabe lokho...? [Omunye uthi, "Kunjalo."—Umhl.] UNkulunkulu akubusise.

<sup>406</sup> Sawubona, dadewethu? [Udade uthi, "Nginesifo sikhushukela, udokotela uyangitshela, nesifo samathambo. Bengilokhu ngigula kusukela umyeni wami ashona eminyakeni emithathu edlule."—Umhl.] Udadewethu uyahlupheka, selokhu umyeni wakhe ashona eminyakeni emithathu edlule, enesifo sikhushukela nesifo samathambo. Futhi ukholwa ukuthi uNkulunkulu uzomphulukisa. Sikholwa into efanayo.

<sup>407</sup> Baba waseZulwini, izandla zibekwe phezu kwakhe manje, sengathi angabuyela emuva ebandleni nabanye abaningi, ebonga uNkulunkulu nje ukuthi konke sekuphelile futhi kwedlula. Sicela lokhu ukuba kube njalo, Baba, emkhulekweni wethu othobekile, eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Kholwa manje.

<sup>408</sup> Sawubona, dadewethu? Uyakholwa ukuthi kulobubusuku kuzoba ukuphela kwakho, futhi ungaMemukela manje njengoMphulukisi wakho na? [Udade uthi, "Yebo, mnumzane, ngiyakholwa."—Umhl.]

<sup>409</sup> O, Nkulunkulu oligugu! "Umkhuleko wokukholwa uyakumsindisa ogulayo, noNkulunkulu uyakubavusa." Sicabanga ngeNkosi yethu, ukuthi Yahamba kanjani lapha emhlabeni futhi yakhonzisa kwabagulayo, nezinto eziningi Eyazenzayo. Manje ngikhulekela udadewethu, eGameni likaJesu Kristu. Ekuthunyweni okwanikezwa thina njengabefundisi, sinikela lomkhuleko wokuphulukiswa kwakhe. Amen.

<sup>410</sup> Kholwa nje ukuthi konke sekwenziwe manje. Konke ukukholwa onakho, kulungise. Kuzokwenzeka.

<sup>411</sup> Sawubona, mfowethu? Esisekelweni seZwi laKhe, kungaqedwa khona lapha.

<sup>412</sup> Baba waseZulwini, siphe lesisicelo somfowethu. EGameni likaJesu Kristu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

<sup>413</sup> Busiswa, mfowethu.

414 Sawubona, dadewethu? Ulungele manje, futhi ulungele ukwamukela ukuphulukisa kwaKhe na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.] Futhi njengoba sicela, niyabo, ngalokho, akukho lutho endleleni okungaMvimba ekuthululeni uMoya waKhe na?

415 Baba wethu waseZulwini, njengoba ngibeka izandla phezu kukadadewethu, ngiKubona uphulukisa abantu, Ngiyakhuleka futhi ngikhulwa ngayo yonke inhliziyo yami ukuthi Uzomnika isicelo sakhe. EGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

416 Niyazi, ngifuna ukusho lokhu nje ngenkathi besakhuphuka. Angikaze ngingakwazi ukuqonda ukuthi kungani ngi... Ngaphambi nje kokuthi ngibe ngowepentekoste, ngangivame ukuhamba nje futhi ngikhulekele abantu. Bona, babephila nje. Angazi. Akuyilutho ngangizodingeka ngenze ngakho. Nje kunguku—nje kungukuMkhulwa. Futhi nje nginikela umkhuleko, futhi, into yokuqala niyazi, abantu bazophila.

417 Yileyondlela wonke umuntu enza ngayo. Sinikela umkhuleko nje futhi sikukholwe. Bavele baphile. Yilokho kuphela. Niyabo? Bangaki abaphulukiswe ngokuphilisa ngokukaNkulunkulu na? Yebo. Niyabo?

418 O, niyabona, u—ungasho ukuthi uphakathi kwamapentecostal nabantu beFull Gospel. Lezozandla, bayakukholwa lokho. Niyabo? Aniboni ukuthi kungani iNkosi inishisekela na? Hhayi ukuzama ukunilimaza, kodwa ukuzama uku, niyazi, ukusingenisa kuleyondawo “ngaphandle kwebala noma umbimbi.” Ngethemba ukuthi aningithukuthelele ngokukhipha amazwi alokho eBhayibhelini. Ng—ngikwenza ngokubekezelela ukukholwa okuhle kuNkulunkulu.

419 Leli yihora lakho ukuba kwenzeke kuwe. Akunjalo, dadewethu na? Manje, kuzofanele kwenzeke, uyabo, ngoba Wakwethembisa, kufanele.

420 Baba wethu waseZulwini, busisa udadewethu njengoba ngibeka izandla zami phezu kwakhe. Futhi ngokukholwa, wonke umKristu ophakathi lapha ubeka izandla zabo phezu kwakhe. Lelibandla likhuleka, sicela ngokugula nokuhlupheka kusuke kuye. NgeGama likaJesu. Amen.

Yilokhu Akwethembisile.

Sawubona, dadewethu? Uyakhulwa ukuthi kulobubusuku ubusuku bakho.

421 Baba wethu waseZulwini, eGameni leNkosi uJesu, lokhu makube ukuthinta kokuqeda kulelihora, ukuthi uzophiliswa. EGameni likaJesu. Amen.

Busiswa, dadewethu. Kuzokwedlula, kusukela kulobubusuku.

422 Sawubona, dadewethu? Leli yihora lokuphulukiswa kwakho? Kulungile, mnumzane.

423 Baba wethu waseZulwini, ngiletha udadewethu phambi kwaKho, eGameni leNkosi uJesu, futhi nginikela lomkhuleko esikhundleni sakhe, ukuthi uzophulukiswa eGameni likaJesu. Amen.

424 Mina . . .Niyabo, akusiwo umkhuleko wami kuphela. Wonke umuntu phakathi lapha uyakhuleka, niyabo, bonke ngesikhathi esisodwa. Futhi siyazi ukuthi uNkulunkulu ukhona. Siyazi ukuthi U—Ufanele. Niyabo? Wakwethembisa. Hamba, ukholwa.

Sawubona, dadewethu? Leli ihora lakho, akusilo, lokuba uphulukiswe na?

425 Baba wethu waseZulwini, akuxazululelwe yena, kusukela kulobubusuku kuqhubeke. Kwangathi angashiya lelibandla kulobubusuku ejabule, ethokoza, azi ukuthi sekuphelile. eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa, dadewethu.

426 Sawubona, dadewethu? Lobu ubusuku bokuphulukiswa kwakho, akusibo na? Lesi yisikhathi, khona manje, phambi kweBhayibheli nebandla, noKristu.

427 Baba waseZulwini, phakathi kwabefundisi, phakathi kwabangesibo abefundisi, abantu-nje, bonke abangcwele bakaNkulunkulu, iziNgelosi, noMoya oNgcwele, ekuthumeni kukaJesu Kristu, ukuthi, “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo. Uma bebeka izandla phezu kwabagulayo, bayakusinda.” Ngakho-ke siyalithatha, sekuqediwe, ngodadewethu kulobubusuku, ukuphulukiswa kwakhe, eGameni likaJesu. Amen.

Busiswa, dadewethu.

428 Sizokwenzela into efanayo, mfowethu. Uzokukholwa na? [Umfowethu uthi, “Ngiyavuma.”—Umhl.]

429 Baba wethu waseZulwini, uthe uyakholwa. Ngakho-ke kufanele kwenziwe, Baba. Yilokho Okushilo. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Futhi uyakholwa. Ngakho-ke siyaKubonga ngokuphulukiswa kwakhe, Baba, eGameni likaJesu. Amen.

Lokho kuhle. Uyazi ukuthi kwamukelwa kanjani futhi ukukholwe.

430 Sawubona, mfowethu? Lobu kuzoba ubusuku bokuphulukiswa. Kushiye kulele lapha nje futhi hamba uqhele kukho.

431 Baba wethu waseZulwini, siletha umfowethu kuWe, eGameni likaJesu, okokuphulukiswa kwakhe. Uzokushiya khona lapha, Nkosi. Futhi isitha sizodingeka simshiye.

Uzokwenziwa akhululeke futhi, eGameni likaJesu. Amen. Makube njalo.

432 Sawubona? Uyakholwa ukuthi uJesu uzokuphulukisa lapha kulobubusuku na?

433 Baba wethu waseZulwini, njengoba lomntwana eza ukuzokwemukela ukuphulukiswa kwakhe, thina, ibandla, sinikela umkhuleko wethu, eGameni likaJesu Kristu, ngokuphulukiswa kwakhe. Amen.

Niyabo? Yilokho kuphela. Sekuphelile. Busiswa, dadewethu.

Konke kuzophela, kusukela kulobubusuku kuqhubeke, akunjalo na?

434 Baba wethu waseZulwini, abantu bayakholwa. Bayakholwa; bebengeke bahambe benqamula emsamo lapha. Bayagula. Bayakwazi okumele bakwenze. Baqeqeshiwe. Bayazi ukuthi leli yihora abenza ngalo isinqumo sabo sokugcina. Futhi bazela lokho kuqinisekiswa. “Lezizibonakaliso ziyakubalandela abakholwayo.” Futhi ngibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu. Ngakho-ke uzophulukiswa. Amen.

435 UNkulunkulu akubusise, dadewethu. [Udade uthi, “Mfowethu Branham, ukube bekungengawe, eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule, ngabe sengafa.”—Umhl.] Ingabe lokho... [“Yiqiniso lelo. Enkonzweni kaMfowethu Reed eJonesboro, e-Arkansas.”] EJonesboro, e-Arkansas. He, eminyakeni eminingi edlule!

436 Yayiyini inkathazo yakho, dadewethu na? [“Awu, nganginokuvuvuka komphimbo. Uma u... Angazi noma uyakhumbula, noma qha.”—Umhl.] Angikhumbuli. [“Kodwa nganginokuvuvuka komphimbo. Kwakunokuthize... Kwakuphumile *kanjena*, futhi kwakuphazamisa inhliziyo yami. Futhi ngalokhokusa... Iningi labantu bakithi linguFakazi kaJehova. Ngalokhokusa, ngathi, ‘Yena ungumprofethi kadeveli nje.’ Kodwa ngaphuma ngaya engadini yami. UNkulunkulu wakhuluma kimi. Wathi, ‘Catherine, uma uya kuMfowethu Branham kulobubusuku, uzophulukiswa.’ Futhi ngabuyela endlini futhi ngabatshela bonke. Ngathi, ‘Uma ngihamba kulobubusuku, uNkulunkulu ukhulume kimi, ngizo “phulukiswa.”’ Futhi sasizohamba nje, ukuyomjabulisa.’ Bahamba nami. Iningi labantu bakithi manje lingamaPentecostal.”] Mayibongwe iNkosi!

437 Ningabuzwa ubufakazi na? Linda, ngizo... umzuzu nje, dadewethu. ngizokuphinda.

438 EJonesboro, e-Arkansas, sekube ngeminye, cishe eyishumi nane, iminyaka eyishumi nanhlanu edlule, wayenokuvuvuka komphimbo okukhulu kulengela ngaphandle, entanyeni yakhe. Futhi wayenguFakazi kaJehova. Futhi ngalokho kusa, ngenkathi esezwile ngenkonzo yethu phazulu lapho yeNkosi, wathi

ngangiwu “mprofethi kadeveli.” Futhi waphumela engadini ukuba ayokhuleka, neNkosi yakhuluma kuye, futhi yathi, “Khuphukela lapho futhi” yena uzo “phulukiswa.” Futhi iNkosi yamphulukisa. Akasenakho ukuvuvuka komphimbo. Futhi abantu bakubo, ababengoFakazi bakaJehova, iningi labo bangamaPentecostal kulobubusuku.

439 Manje, uma Engenza leyontamo enhle yowesifazane ongumKristu ibe bushelelezi kanjalo, Angakuphulukisa. Angeke na? Impela angakwenza.

440 Baba wethu waseZulwini, nezandla zibekwe phezu komfowethu, sicela ukuphulukiswa kwakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu anibusise.

Usenguye nje kuwe njengoba Ebengaba njalo kuye. Ngabe kunjalo na?

441 Baba wethu waseZulwini, umkhuleko omncane olula nokukholwa okulula! O, ngiyajabula kakhulu Nkosi, Ukwenza kube lula, ukuze ngikuqonde, ngiKwemukele nje. Futhi, Baba, ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa, futhi umenze aphile, eGameni likaJesu. Amen.

442 Sawubona, dadewethu? [Udade uthi, “Mfowethu Branham, ngibe nokuhlinzwa ngenxa yesifo sofuba. Futhi eziyisithupha zezimbambo zami zakhishwa, futhi akuphulukiswanga kahle. Futhi—futhi kunginika inkathazo eningi kakhulu. Angikwazi ukusebenzisa ingalo yami kahle kakhulu, uyazi.”—Umhl.] Yebo, mem. [“Ngiyakhathala.”] Ngiyabona lapho ophefumula khona, futhi. Ngicabanga ukuthi . . . [“Yebo. Angikwazi ukuphefumula kahle.”] Lokho yinto embi kakhulu. [“Angikwazi ukuphefumula kahle. Iphaphu lami linabalele, uyazi, ohlangothini olulodwa.”] O, ya, he! Lokho kuyahlupha-ke, ngiyacabanga, kabi kabi. O, he! [“Yebo. Yebo. Khona-ke kufaka ingcindezi enhliziyweni yami.”]

443 Asikho isizathu sokuthi aphinde ahlupheke. Ngabe sikhona na? Niyabo? Odokotela mhlawumpe bahlinzile, base bekipha izimbambo ephashini lakhe, futhi mhlawumbe bamnika ukwelashwa komoya emaphashini, futhi kwanabalalisa iphaphu. Futhi—futhi inenekazi liyagula. Futhi uyeza, ukholwa ukuthi uKristu uzokuphulukisa, futhi ufuna ukuchitha impilo yakho yonke usebenzela Yena, ukuMenzela. Khona-ke, maKristu, ngicabanga ukuthi sinelungelo lokuletha lelinenekazi phambi kukaKristu, futhi Uzoliphulukisa.

Asikhuleke, sonke.

444 Baba wethu waseZulwini, udadewethu uza ngothando oluthobile namhlanje ebusuku, azi ukuthi udokotela wakhe wenze konke abengakwenza. Wazama kanzima, kodwa nokho angeke kuphole. Kodwa Wena unguMphulukisi.



Ma—makaphulukiswe, Baba. Simnikela kuWe, ukuthi Uzomphulukisa, eGameni likaJesu. Amen.

445 Busiswa, dadewethu. Phulukiswa manje. Ngikholwa ukuthi kuzophola, futhi uzoba kahle.

446 Sawubona, dadewethu? Uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa kulobubusuku na? [Udade uthi, “Angazi ukuthi kuyini, kodwa Yena uyazi.”—Umhl.] Kulungile. Uzokwenza, nokho, uma nje uMkholwa. Uzokwenza na? [“Yebo.”] Kulungile. Asikhuleke.

447 Baba wethu waseZulwini, inenekazi liyeza, likholwa. Lithe alazi ngisho ukuthi yini engalungile ngalo. Kodwa Yena uyazi. Noma ngabe kuyini, Nkosi, lifuna ukuthi kusuke. Thina... Liyazi ukuthi ngokwesitha. Ngikhulekela ukuthi Uzolipha isicelo salo, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa, dadewethu. Hamba, ukholwa ngayo yonke inhliziyo yakho.

448 Sawubona, dadewethu? Uyakholwa ukuthi kulobubusuku kuzoba yisikhathi sokuzazulula na?

449 Bengicabanga, inenekazi elivela e-Arkansas lifakaza nje. Ngiyakhumbula, ngasemgqeni, angisoze ngakukhohlwa lapho, inenekazi liphethe iduku. Ngangicabanga ukuthi lalikhala izinyembezi. Futhi lapho selilehlisile, iduku lesandla, lalingenakhala. Umdlavuzi wawudle ikhala lalo lasuka. Futhi indodana yalo yayingumbulali wezinambuzane ngaleya e-*Texarkana*. Futhi ngi—ngalikhulekela.

450 Wona kanye umhlangano olandelayo, owesifazane othandekayo emi lapho, ebukeka, wayebukeka emncane kakhulu, futhi engibuka. Wathi, “Awungikhumbuli na?”

Ngathi, “Angikholwa ukuthi ngiyakukhumbula.”

451 Futhi umfana waqala ukuthi ukukhala futhi ebuka. Kwakuyilelonenekazi. Lalinekhala elisha. Laphinda lamila ebusweni balo. Ngiyazi ukuthi lokho kuzwakala kungenangqondo. Futhi ngi—ngingeke—ngingeke ngifune ukusho okuthize obekungalungile. Ngakho—ke, lapho, asifanele sikwenze lokho. Sifanele sibe qotho ngamandla lapho sisho lezizinto. Kodwa ngabuka enenekazini elalimi lapho lingenakhala. Kwase kuthi—ke emavikini ambalwa kamuva, ngahlangana nalo futhi, lase linekhala. Futhi khona—khona nje...Lathi umdlavuzi wayeka nje ukudla. Futhi emva kwesikhashana kwavele kwaqala njengento ekhula ibuya, futhi lapho lalinekhala futhi. Niyabo? Kumangalisa kakhulu ukubona ukuthi Angakwenza kanjani.

452 Manje, Lowo ongenza lokho, angakuphulukisa. Angeke Akwazi, dadewethu na? Akuwona umbuzo, amandla Akhe ukukwenza. Ngukuzimisela. Futhi ngingathanda ukusho lokhu kuwe, dadewethu, njengomuntu ofayo, ukuthi sobabili sifanele sime kanje eBukhloneni baKhe ngolunye usuku.

Usevele ukwenzile, uma nje Engakwenza ukuba ukukholwe. Futhi kukhona isenzo esincane njengokuba ngumKristu, ukubhaphathizwa nokunye nokunye, kanjalo. Uyakukholwa uma ngikukhulekela, uzosinda, dadewethu.

Manje, lonke ibandla alikhuleke kanye nami lapho sikhuleka.

<sup>453</sup> Baba wethu waseZulwini, lelinenekazi eliselincane limi lapha, naseBukhloneni bukaNkulunkulu. Ngibeka izandla zami phezu kwakhe, futhi ngicela ukuphulukiswa kwalo, eGameni loMsindisi wethu, uJesu Kristu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Makwenziwe kusukela manje kuqhubeke.

<sup>454</sup> [Udade uthi, “Mfowethu Branham, ngiza njengobambele umama wami onezilazi emehlweni omabili.”—Umhl.] Yebo. O, ngiyabona. [“Uneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu.”] Amashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu. Lokhu yinto emnandi, ezela umama oneminyaka engamashumi ayisishiyagalolunye nanhlanu ubudala onezilazi.

<sup>455</sup> Baba wethu waseZulwini, njengoba emile engumbambeli, ushilo, ngonina, eseguge kakhulu, enezilazi, sikhulekela umama wakhe. O Nkulunkulu, lelibandla linikela umkhuleko wethu wokuphiliswa kukamama wakhe, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Ungakungabazi. Kholwa nje.

<sup>456</sup> Dadewethu, s'thandwa, kuzoph-... Ungakholwa ukuthi kuzophela kulobubusuku na? [Udade uthi, “Amen.”—Umhl.]

<sup>457</sup> Baba wethu waseZulwini, nezandla zibekwe phezu kwakhe, okomsebenzi osuqediwe ukuba upheleliswe, makube njalo kuye manje. EGameni likaJesu ngiyakucela. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

Mfowethu, uyakholwa manje ngenhliziyo yakho yonke na?

<sup>458</sup> Baba Nkulunkulu, siletha lensizwa kuWe lapha, sibeka izandla phezu kwayo, eGameni leNkosi uJesu. Sengathi umsebenzi oqediwe kaKristu eKalvari ungapheleliswa kuyo, ngokuyiphulukisa. Amen.

Busiswa, mfowethu. Akube sekuphelile, kulobubusuku.

<sup>459</sup> Sawubona, dadewethu? Sizokholwa ukuthi kuzoqedwa kulobubusuku. UNkulunkulu uzokuphelelisa khona lapha.

<sup>460</sup> Baba wethu waseZulwini, nje... Bekulotshiwe, manje kuzokhulunywa, khona-ke kufanele kwenziwe. Makube njalo emzimbeni kadadewethu. EGameni likaJesu Kristu siyakucela. Amen. Amen.

Siyakukholwa manje ngenhliziyo yethu yonke. Uzophila.

461 Intamo ephukile na? [Udade uthi, “Qhabo, bekungukujikijela kabi.”—Umhl.] Ukujikijela kabi. [“Futhi isayini lapha. Ngiyayithwala.”] O! Yebo. E-hhe. [“Kukhona ubuhlungu ngaso sonke isikhathi!...?...”] He! Usizi! Awu, dadewethu...

462 Manje, ngamunye wethu lapha, maKristu, sonke, siyacabanga nje ukuthi besiyozizwa kanjani, ngalokho phezu kwethu. Manje, ukube bekungokuphambene nje, inenekazi belikhulekela mina na? Noma ukube belikhulekela wena na? Manje, lisosizini kanjani ngaso sonke isikhathi! Manje, ubungafuna kanjani ukuthi umuntu othize athembeke ngempela, abeqotho, futhi abeqotho ngamandla ngalokhu! Ukube bekuyimi, bengingathanda. Futhi manje yenza kwabanye njengoba ungathanda ukuba benze kuwe. Manje, nonke nje bambani nje lokhu kukholwa, futhi njengebandla langempela, nithi, njengoba sinjalo, nithi, “Baba Nkulunkulu, susa usizi kudadewethu manje.”

463 Baba wethu waseZulwini, sengathi angabuya, alethe lesiqeshana esizungeze intamo yakhe, azi ukuthi akasadingekile ukuba aphinde asigqoke, ukuthi sekuqediwe nguJesu Kristu, njengoba ibandla likhuleka futhi licela lesisibusiso. Phendula lamaKristu, Nkosi. Bahlukanisele izimpilo zabo kuWe. EGameni likaJesu, kwangathi angaphulukiswa. Amen.

464 Makuphele nje, kume. Angeke kusaba buhlungu, futhi uzophila.

Mfowethu, kuphele manje. Kuxazulule phakade.

465 Baba waseZulwini, eGameni leNkosi uJesu, siphe ukuphulukiswa komfowethu. Sicela lokhu ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu, eGameni likaJesu. Amen.

Busiswa, mfowethu.

Akuphele, kusukela manje kuqhubeke.

466 Nkosi, lona wesifazane omncane omi lapha kulobubusuku, makuthi umsebenzi weNkosi uJesu wenziwe emzimbeni wakhe, ngokuba ngemivimbo yaKhe siphilisiwe thina. Sicela lesisibusiso, eGameni likaJesu. Amen.

Sekuphelile manje.

467 Sawubona? Uyakholwa ukuthi uJesu uzokusindisa kulobubusuku na? [Udade uthi, “Ukuhlaselwa yisifuba somoya, futhi nginethumba phezu kwakho.”—Umhl.] Isifuba somoya, he, leyo yinto endala enonya. Akunjalo na? Impela.

468 UMfowethu Williams lapha, mfowethu, usomabhezini ongumKristu. Yena...Yebo, unjalo. Ya. Wayene... AbakwaMayo bamdelile, nesifuba somoya, bathi angeke asaphinde athole isisindo, noma yini. Weza enhla lapho, sekube cishe kusondele cishe ekudluleni ngonyaka, ngiyakholwa,

enhla etabernakele ngobunye ubusuku. Futhi ngaphuma, ngamkhulekela, futhi iNkosi yamphilisa. Ngicabanga ukuthi uzuzile. Uhlala... Bathi angeke esakwazi ukuthola isisindo, ngeke esakwazi nhlobo ukuthola isisindo. Futhi usethole amashumi amathathu, amaphawundi angamashumi amathathu nambili, kusukela lapho.

<sup>469</sup> [Umama uthi, “Mfowethu Branham, kukhona intombazanyana, intombazane yethu, eneminyaka eyishumi nesikhombisa ubudala, yaphulukiswa emhlanganweni wakho ngenkathi usePhoenix, cishe eyishumi, iminyaka eyishumi nanye edlule. Indodakazi yethu encane yaphulukiswa ngaso lesi sikhathi enkonzweni. Yayiphethwe yisifuba somoya; sacishe salahlekelwa yiyo. Yayinenyumoniya, izikhathi eziyishumi nane.”—Umhl.]

Uyakuzwa lokho, s'thandwa na?

<sup>470</sup> [Umama uthi, “UNkulunkulu ngaso lesi sikhathi...”—Umhl.] Ngabe inenekazi... Ngabe likhona manje na? [“Likhona *lapho*, ele—elesithathu kusukela ekugcineni, umugqa wesibili.”] Inenekazi elincane lapha eline... O, yebo. Ngiyakubona lokhu. [“Thina...”] Qhubeka. [“Safakaza, kusuka ogwini kuya ogwini, ngokuphulukiswa kwalo—kwalo.”] I...

<sup>471</sup> Niyakuzwa lokho na? Manje bukani. UJesu waphulukisa lokho ngenkathi cishe lalilincane kunawe. [Umama uthi, “Ya, laliyintombazane encane.”—Umhl.] Encane, futhi lalinenyumoniya, nakho konke, kukuthatha nje kabi kakhulu. Futhi buka, uJesu uyathanda, Uyakuthanda. Futhi Yena... Buka ukuthi libukeka kahle kanjani—kanjani, uyabo, futhi awu. Manje, uzoba ngaleyondlela, nawe.

Asikhuleke manje.

<sup>472</sup> Baba waseZulwini, sibeka izandla zethu phezu kwentombazane encane, sicela ukuthi isifuba somoya sizoyiyeka, futhi izophiliswa, ngoJesu Kristu iNkosi yethu. Amen.

<sup>473</sup> Busiswa. Manje hamba, futhi uzodlula kukho, futhi uzophila, futhi ufakaze njengoba lelonenekazi lenza entombazaneni yalo encane.

Sawubona, dadewethu? Uyakholwa ukuthi iNkosi uJesu izokuphulukisa na?

<sup>474</sup> Baba wethu waseZulwini, siyakhuleka ukuthi Uzophulukisa le ntombazanyana, nayo. Kwangathi ubufakazi bayo bungafana nobukadadewethu osanda kusho. Kusukela ogwini kuye ogwini kwangathi angadumisa uNkulunkulu ngobuhle Abubonisile. Amen.

Busiswa, dadewethu.

Sawubona, dadewethu? Lesi yisikhathi sokuphulukiswa kwakho manje?

475 Baba wethu waseZulwini, njengoba inenekazi liza, likholwa ngobuqotho ukuthi leli kuzoba ihora lokukhululwa kwalo, kwangathi kungaba njalo, Baba, njengoba sicela, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

476 Busiswa, dadewethu. Makuphele, kusukela manje kuqhubeke, kungabe kusabakhona ukucabanga ngakho. Na kuwe futhi, dadewethu.

477 Ngiyazi lokho kuzwakala kungubuluhlaza, uthi, “Akusekho ukucabanga ngakho.” Kodwa a—angiqondile ngaleyo ndlela. Ngiqonde ukuthi, ukuthi, nje, kungumsebenzi osuqediwe. Sekuvele kwenziwe. Niyabo? Njenge. . .

478 [Udade uthi, “Nginge—nginethumba! . . . ? . . .”—Umhl.] Kulungile. Futhi uyakholwa ukuthi Uzokuphilisa konke na? [“Impela ngiyakholwa.”]

479 Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu futhi umphilise. Sibeka izandla phezu kwakhe, eGameni likaJesu, sicela ukuphulukiswa kwakhe. Amen.

Kuvumele nje kuqedwe engqondweni yakho, kuxazululwe, futhi kuzolunga.

480 Sawubona, ndodana? [Umfowethu uthi, “Nginge . . . ? . . . e—esiswini sami.”—Umhl.] Esiswini sakho na? Uyakholwa ukuthi uJesu uzokuphilisa, ndodana na?

481 Yindodana yakho na? Uyakholwa ukuthi Uzokwenza, dadewethu na? Ngiyazi. Kuzwakala . . . Awu, niyabazi ubufakazi, ukuthi thina . . . iNkosi ikwenzile eBandleni laYo ngezinsuku zokugcina, kude le kunalokhu umfowethu omncane anakho ngalesisikhathi. UnguNkulunkulu, Ongadala. Angakwazi . . . Lapho njengokuthi . . .

482 Buka. Uma isiqu sikakolo sikhula, negabade liwela kuso futhi—futhi lonakalisa lowokolo, futhi liwenza ujike ngenye indlela, khona-ke ukolo awukhuli kahle. Kodwa susa leyombangela, khona-ke ukolo uzokhula kahle. Niyabo?

483 Awu, uSathane wenza into embi lapha. Kodwa uma umkhuleko wokukholwa ungamlahla, khona-ke kuzokhula kahle. Uyakukholwa lokho, awukukholwa na?

Manje asikhulekele lomfana oligugu lapha.

484 Baba waseZulwini, kalula nokho ngamandla, makuthi amandla kaNkulunkulu aphulukise umfowethu omncane. Kwangathi kungaba khona ushintsho olunjalo kulomfana, kangangokuthi umama uzothokoza kakhulu ngakho, emahoreni ambalwa alandelayo. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

485 UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kholwa nguYe. UNkulunkulu akubusise. Umfana onomoya omuhle kakhulu. UNkulunkulu akubusise.

486 [Umfowethu uthi, “Nginomfutho wegazi ophakeme.”—Umhl.] Umfutho wegazi ophakeme.

487 Baba oseZulwini, umfowethu uyavuma ngomfutho wegazi ophakeme. Ngikhulekela ukuthi Uzomphulukisa, Nkosi. Kwangathi kungamshiya kulobubusuku. Kwangathi, lapho ethola ukuhlolwa kwakhe okulandelayo, kumbe noma ngabe kuyini, udokotela uthi, “Ngani, kungukuthi, usubuyele kokwejwayelekile futhi.” Phansi enhliziyweni yakhe uzobonga, Nkosi. Ngiyakhuleka eGameni likaJesu. Amen.

488 [Umfowethu uthi, “Ubaba wami ugula kakhulu. Uma ubungakhulekela leloduku, ngizoliyisa kuye.”—Umhl.] Ngizokwenza ngokujabula, mfowethu.

489 Baba waseZulwini, ubaba wakhe—wakhe, wasemhlabeni lapha, uyagula. Uneduku lapha. Ufuna ukulibeka phezu kukababayi wakhe. O Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzohlonipha ukukholwa kwendodana yakhe. Futhi uzophulukisa uyise, eGameni likaJesu. Amen.

490 UNkulunkulu akubusise, mfowethu. Kwangathi uNkulunkulu angapha konke nokuncu, futhi ngiyakholwa ukuthi Uzokwenza.

491 Dadewethu, kuzophela manje, angeke na? Kusukela manje kuqhubeke, kuzosuka. [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.]

492 Baba wethu waseZulwini, njengoba thina, ibandla laKho, sikhulekela udadewethu esimweni sakhe, sengathi amandla kaNkulunkulu angamphulukisa futhi amenze aphile, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa manje, dadewethu. “Cela futhi uyakuphiwa khona.”

493 Sawubona, dadewethu? Ngabe Uzokuphilisa kusukela kulobubusuku na? [Udade uthi, “Yebo.”—Umhl.]

494 Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu, umphilisa. Uyafika futhi uthi ukholwa ukuthi kuzoba njalo. Makube njalo, khona-ke, Baba. Ngiyacela eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu.

Sawubona, dadewethu? Leli yihora lokukhululwa kwakho.

495 Baba wethu waseZulwini, lababantu abathobekile bayahamba badabula emsamo, bekhulwa ukuthi Uzophulukisa ukugula kwabo. Sebezwe okuningi kushiwo. “Futhi ukukholwa kuvela ngokuzwa,” ukuzwa ubufakazi. Okungukuthi, “Singoba ngeGazi leWundlu nangobufakazi bethu.” Ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu futhi umphilise, ngeGama likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu, kushiye khona lapho.

496 Mfowethu, othandekayo, futhi leli kuzoba ihora kuzophela. Ngabe kunjalo na?

497 Baba wethu waseZulwini, ngimletha kuWe, nalelibandla, imikhuleko yabo, yabo bonke lababefundisi abathembekile, namadikoni, namalunga, namalunga nje, bonke. UMoya oNgcwele phakathi kwethu, efakaza ngeZwi laKhe. “Bayakubeka izandla phezu kwabagulayo; bazosinda.” Wakwethembisa, Baba. Manje phulukisa amehlo akhe futhi umphilise, eGameni likaJesu. Amen.

Busiswa, mfowethu. Makuphele, kusukela manje kuqhubeke.

498 Sawubona, dadewethu? Uyakholwa ukuthi kuzophela kusukela manje kuqhubeke na? [Udade uthi, “Yebo, mnumzane.”—Umhl.]

499 Baba wethu waseZulwini, sengathi kungaphela ngodadewethu, kusukela kulobubusuku kuqhubeke. kwangathi angaphulukiswa ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu. Amen.

Busiswa, dadewethu. Kholwa manje ngayo yonke inhliziyu yakho, kholwa ukuthi sekuphelile.

500 Sawubona? Ingane na? [Udade uthi, “Ya. Ine-aleji ebangele ukugula kwemizwa.”—Umhl.] O, he! O, he! Kubi kakhulu lokho. Uyintombazanyana enhle kakhulu. UJesu uzokuphilisa manje.

501 Baba wethu waseZulwini, izandla zami ziphezu kwalomntwana omncane, ngizwa phansi enhliziyweni yami, “Ukuba-ke bekunguSarah, indodakazi yami na?” Yindodakazi yomunye umuntu. Futhi ngiyakhuleka, Baba, ukuthi Uzophulukisa intombazanyana, kule-aleji. Futhi kwangathi lokhu kuhlasela kungayiyeka. Kwangathi ingaphila, eGameni likaJesu. Amen.

502 Manje usuzodlula kukho, s’thandwa, futhi ube kahle. Uyakukholwa lokho, dadewethu.

503 Sawubona, mfowethu? Uzokuphelisa, kusukela kulobubusuku. Ngabe kunjalo, mnumzane na? [Umfowethu uthi, “Amen.”—Umhl.]

504 Baba Nkulunkulu, ngikhulekela ukuthi, eGameni likaJesu, ukuthi Uzophulukisa umfowethu, umphilise. Kwangathi kungaqedwa khona manje, empilweni yakhe, yonke into iqedwe; ukuthi uzoba nokukholwa, ukukholwa okungenakungabaza, enhliziyweni yakhe. Uzophila, eGameni likaJesu. Amen.

505 Busiswa, mfowethu. [Umfowethu uthi, “Mfowethu Branham, ngithanda ukuthola *lokho* kukhulekelwe, ngomama wami. Uneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nantathu ubudala. Uhlushwa isifuba somoya nenkathazo yenhliziyu.”—Umhl.] Ngani, mayibusiswe inhliziyu yakho!

506 Baba waseZulwini, umama wakhe, oneminyaka engamashumi ayisishiyagalombili nantathu ubudala, futhi ehlushwa inhliziyo nesifuba somoya. Siphe, Nkosi, ukuthi lapho loluphawu oluncane selubekwe phezu kwakhe, sengathi angaphila, eGameni likaJesu. Amen.

UNkulunkulu akubusise, mfowethu, nomama wakho, futhi.

507 Makuphele, kusukela manje kuqhubeke, dadewethu. Nje lokho makube okwedlule. Leli ikusasa elizayo lapha.

508 Baba waseZulwini, eGameni likaJesu Kristu, phulukisa lona, udadewethu. Sikucela eGameni likaJesu. Amen.

Sekuhambile manje. Kukholwe nje.

Sawubona, mfowethu? Kuzophela, kusukela manje kuqhubeke.

509 Baba wethu waseZulwini, ngikhulekela umfowethu, ukuthi Uzophulukisa umzimba wakhe futhi umphilise. Kwangathi kungaphela, kusukela kulelihora kuqhubeke, eGameni likaJesu Kristu. Amen.

Busiswa, mfowethu.

510 [Umfowethu uthi, “Siyalazi inenekazi. Lilahlekelwe ingxenyane yokubona kwalo esweni elilodwa, futhi kusele kwelinye.”—Umhl.] O, he! [“Futhi singathanda uku...”] Likhulekelwe. Ngani, ngingakujabulela ukwenza lokho, mfowethu. Uyakholwa kanye nami manje, ukuthi lizophila.

511 Baba wethu waseZulwini, inenekazi elithandekayo ndawo ndawo, elilinde leliduku ukuba libekwe phezu kwalo. Silithumela kulo ngenxa yokuphulukiswa kwalo, eGameni likaJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu. Amen.

UNkulunkulu akubusise.

512 Manje, kukhona inenekazi elihlezi lapha elingakwazi ukusukuma, nelinye ngapha, nendoda, futhi. ngiyehla ukuyobakhulekela. Manje, nonke khulekani nami, nizokwenza na?

513 [Umfowethu Branham ushiya ipulpiti, ukuba akhulekele labo abangakwazi ukusukuma—Umhl.] O, he. [Akuqoshwanga eteyipini.]

514 [Umfowethu uthi, “Isigaxa abenaso ebeleni sesihambile, nezinhlungu sezihambile.”—Umhl.] O, akabongwe uNkulunkulu! Kuyamangalisa lokho na?

Ng’yaMthanda, ng’yaMthanda  
Ngoba Wang’thanda kuqala,  
Wang’thengel’insindiso  
Emthini waseKalvari.

515 [Udade uthi, “Mfowethu Branham, sengizoba nendodana yami. Ngithunyelwe ekhaya, thunyelwe ekhaya, ukuba ngife ngomdlavuza. Futhi uDadewethu Waldorf weza.



Wangikhulekela. Wakhuluma nami, futhi wangitshela ukuthi ngikhohle ngokuphulukiswa. Futhi ngiye ngakhulekelwa, futhi ngiyakhohle ngokuphulukiswa kwami.”—Umhl.] UNkulunkulu akubusise. [“Kodwa angiphilile, ngakho-ke ungangikhulekela na?”] Impela ngizokwenza.

<sup>516</sup> Baba waseZulwini, ngikhulekela ukuthi Uzophulukisa udadewethu futhi umphilise. NgeGama likaJesu Kristu, ngicela ukuthi lokhu kuzophulukiswa ngokuphelele, ngalokhu kukhulelwa. Amen.

UNkulunkulu akubusise, dadewethu. Hamba uphile manje. Thola ukuphulukiswa kwakho.

<sup>517</sup> Niyabona ukuthi kulula kanjani na? Manje, ngitshela ukuthi yini edlule ngapha, ukususa lesosigaxa futhi kususe ubuhlungu kowesifazane obengeke ngisho ezwe uMlayezo na? Niyabo? Kulungile. Ulaphaya edumisa uNkulunkulu. Uma owesifazane oyikho kokubili isithulu, isimungulu nempumpethe, engadumisa uNkulunkulu ngokususa umdlavuzo kuye, impela thina, esisempilweni njengoba sinjalo kulobubusuku, singanika uNkulunkulu udumo ngakho. Anicabangi kanjalo na? Ya. Asithi nje ukuxhawula omunye nomunye lapho sicula.

Ng'yathanda . . .

<sup>518</sup> . . .? . . . (Ikuphi inkonzo, kusasa na? Sekumenyenzelwe na?) [Umfowethu uthi, “Kwefanayo. ITempe.”] (ETempe, e-Arizona.)

[Udade uthi, “Ungakukhulekela *lokho*, ngifuna ukukubeka kuye ngenkathi yena . . .? . . .”—Umhl.]

<sup>519</sup> EGameni leNkosi uJesu, yipha ukuthi noma ubani lokhu okubekwa phezu kwakhe, bangaphulukiswa ngenxa yenkazimulo kaNkulunkulu.

<sup>520</sup> Akamangalisi yini na? Ngi—nginitshela lokhu, ngiyayithanda leNdlela nje. Ngi—ngiyamthanda uNkulunkulu. NgiyaMthanda ngenhliziyo yami yonke. UnguMsindisi wami.

<sup>521</sup> Manje, kusasa ebusuku, ngicabanga ukuthi inkonzo elandelayo iseTempe, e-Arizona, noMfowethu . . . Ubani igama lakhe na? Ini? [Umfowethu uthi, “Groomer.”—Umhl.] UGroomer. UGroomer, uMfowethu Groomer, phezulu e-Assembly of God. Ngabe kunjalo na? E-Assembly of God eTempe. IFull Gospel. Yebo. Kumenyenzelwe, ngiyacabanga. Kulungile.

<sup>522</sup> Manje, niyaMthanda ngempela ngempela na? Amen. Kuyamangalisa nje!

Manje, ngiphendulela inkonzo manje kumfowethu, umelusi.

Umuntu othize, linda, omunye umuntu ozokhulekelwa na? Umzuzwana nje.

<sup>523</sup> Qhubeka. [Umfowethu uthi, “Umkami kade egula iminyaka emibili. Ngifuna umkhulekele.”—Umhl.] Ngani, ngingakwenza ngenjabulo, mfowethu oligugu.

<sup>524</sup> Manje, ngomkakhe ogulayo, kade egula sekuyiminyaka emibili. Manje asikholwe nje Baba. Ngiyazi ukuthi izwe lingahle libukele phansi kulokhu bese lithi, “Angikukholwa lokho.” Kuthiwani ngenenekazi elifakaze emizuzwini embalwa edlule, ebelinomphimbo ovuvukile entanyeni yalo phezulu lapho na? Kuthiwani ngakho na? Niyabo? Laba bantu o...Intombazanyana lapha, iyintombi manje, bekukhona lesosifuba somoya nakho konke esimweni sayo. Buka konke lokho esikwaziyo ukuthi kuyiqiniso. Niyabo? Uzo...Yena... UNkulunkulu, kumkakhe, futhi.

Asikhuleke.


<sup>525</sup> Nkosi Jesu, unkosikazi ogulayo. Ngikhulekela ukuthi lendwangu, ibekwe phezu kwakhe, izoba uphawu lwalomhlangano kulobubusuku neZwi likaNkulunkulu. Futhi sengathi angaphulukiswa ngenxa yenkazimulo yaKho. Amen.

<sup>526</sup> UNkulunkulu akubusise, mfowethu. [Umfowethu uthi, “Mfowethu Branham, ngizokutshela lokhu: Eminyakeni eyishumi nantathu edlule, wawusezansi lapha ePhoenix. Ngangihlezi emuva ebandleni, UNkulunkulu wangitshela ukuthi uma ngingenyuka futhi ngithinte umphetho wengubo yakho, ngiyophulukiswa. Udeveli wathi, ‘Ungahambi, uzofika phambi komunye umuntu.’ Futhi wena wasukuma wathi, ‘Kunomuntu kulesisakhiwo, bazoza futhi bawuthinte, futhi sebephulukisiwe.’ Ngaphenduka, ngathi kumfowethu omdala, ngathi, ‘Ngingumfo.’” —Umhl.] Qhabo, qhabo.

Busisa inhliziyoyakhe. Masikhuleke.

<sup>527</sup> Baba waseZulwini! Manje kuNkulunkulu, ngikhulekela ukuthi Uzosipha lento!...?....Siphe khona. Futhi siphe lokhu, Baba, eGameni leNkosi uJesu Kristu. Amen.

<sup>528</sup> Ukwenzile manje, Mfowethu, ukugcwalisile, emva kweminyaka eyishumi nantathu. “Labo abalinda eNkosini bayakwenza busha amandla abo, ukhozi.” Kulungile, mfowethu.

<sup>529</sup> O, kuyamangalisa! Awu, ngizonibona kusasa ebusuku, iningi lenu. Uma ngi...Umelusi lapha manje, Mfowethu... 

*UKUCABANGELA ZUL62-0117*  
(Presuming)

LomMlayezo ngo Mfowethu William Marriion Branham, okokuqala wethulwa ngesiNgisi ngoLwesithathu kusihlwa, ngoJanuwari 17, 1962, eGospel Echoes ePhoenix, eArizona, U.S.A., uthathelwe ekuqopheni kweteyipu enozibuthe futhi washicilelwa ungafinqiwe ngesiNgisi. Lokhu ukuhunyushwa ngesiZulu kwashicilelwa futhi kwakhishwa yiVoice Of God Recordings.

ZULU

©2022 VGR, ALL RIGHTS RESERVED

VOICE OF GOD RECORDINGS, SOUTH AFRICA OFFICE  
58 DISA ROAD, ADMIRAL'S PARK, GORDON'S BAY 7140 WESTERN CAPE  
REPUBLIC OF SOUTH AFRICA

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)

## Inothisi yelungelo langokomthetho

Onke amalungelo agodliwe. Lencwadi ingaprintwa kwiprinta yasekhaya yenzelwe okuqondene nomuntu noma inikezelwe, ngesihle, njengethuluzi ukusabalalisa iVangeli likaJesu Kristu. Lencwadi ingethengiswe, iphinde ikhiqizwe zibe ningi, iposwe kwiwebsayiti, igcinwe ngohlelo lokuthi iphinde itholakale, ihunyushelwe kwezinye izilwimi, noma isetshenziselwe ukuzicelela izimali ngaphandle kwemvume ebhaliwe eshiwoyo ye Voice Of God Recordings®.

Ngolwazi olwengeziwe noma olwenye impahla ekhona, siza uxhumane ne:

VOICE OF GOD RECORDINGS  
P.O. Box 950, JEFFERSONVILLE, INDIANA 47131 U.S.A.  
[www.branham.org](http://www.branham.org)